# Isingeniso

Uchunge-chunge lwezifundo ezizofundwa kulekota, “Ukuhamba noJesu,” zisekelwe encwadini i-*Steps to Christ*. Lencwadi ingafundwa, isahluko ngesahluko, njengephawula izifundo zoMbhalo engcwele.

Abanye abafundi besikolo seSabatha bazokhumbula ukuthi lesihloko sike safundwa ngaphambili, ngekota lokuqala lonyaka ka-1980. Kuyintokozo kithi ukusiletha futhi ngomqondo omusha nangemininingwane eyengeziwe, kodwa amaqiniso ayafana ngokujulile nalawo akhulunywa ngaphambili.

Kaningi abantu bacabanga ngoBaba wabo osezulwini njengobandayo futhi okude, umahluleli olukhuni nononya. Bakhohlwa ukujula kothando Lwakhe kubona, nonakekelo olunesihe olukhona enhliziyweni Yakhe maqondana nabo bonke abantwana Bakhe.

Uthando lukaNkulunkulu kufanele lube yinto yokuqala ekhona. Bese kulandela umcabango wokuthi isoni asinakuzisiza futhi asinalo ithemba, nokuthi badinga uMsindisi. Ukuphila kukaKristu, oweza ukusindisa izoni, ebonisa ukuthi ikhona indlela eqinisekile yokubuyela kuBaba osezulwini.

Izihloko ezichazwa yilezifundo zithinta amava amakhulu okuphila kwamaKrestu amukelwa ngokukhethekile omusha ekukholweni ofuna ukukhula emseni. Bonke abakholwayo kufanele bahlole izihloko ngezinye izikhathi-futhi kungabi ngenzuzo yabo kuphela, ukuba baqaphele indlela elungile yokusiza abanye ukuba beze nabo kuKristu.

Ukulethwa ngohlelo imfundiso yeqiniso kungaholela ekuqondeni nelamukelwa yibo, nokusiza umuntu ukuthi angemukelwa njengelunga lebandla. Kodwa ngaphandle kokuthi angalethwa ebudllelwaneni noKristu, akanakho ukuphila ngempela-ukuphila okuphakade. Ngeqiniso, yilowo kuphela “okholwa kwiNdodana unokuphila okuphakade” (Johane 3:36).

Ilunga ngalinye lesikolo seSabatha kufanele lifakazele uMoya ngomoya walo ukuthi ngempela wamukelwe emndenini kaNkulunkulu. Ngamunye kufanele aqonde ukuthi isibonelo sakhe, sokweyama kwabo njalo kuBaba osezulwini, ngezikhathi zonke nangezinto zonke, kufanele ziqiniseke futhi zisebenze. Badinga kakhulu kunokuba babebuthakathaka, uthando lomuntu. Bonke badinga uthando lukaNkulunkulu-uthando lukaNkulunkulu olungazicabangeli-malutshalwe ezinhliziyweni zabo nasemiphefumulweni ukuze bangathanda njengoba Yena athanda.

Kwangathi lokhu kungaba amava elunga ngalinye lesikolo seSabatha.

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

# Umnikelo weSabatha Lokuqala

## Ntulikazi 5, 2026

### Ukukhuliswa Kwebandla e-Chennai, India

"I-Chennai, ngaphambili beyaziwa nge-Madras, inhloko-dolobha yomuzi omkhulu waseTamil Nadu, ongaseningizimu yesifunda sase-India. Wakhiwe ngasoGwini lwase Coromandel oSebeni lwaseBengal. Ngokuya ngesibalo sonyaka ka-2011 eIndia, iChennai iyidolobha lesithupha ngobukhulu nelidumile eIndia futhi lakha isifunda sesine ngobubanzi. Lahlanganiswa ngonyaka ka 1688, iGreater Chennai Corpporation umbuso ohlangene wase-India nelesibili ngobudala emhlabeni ilandela iLondon. Iphakathi lokuhwebelana namabhizimisi namafemu ezimpahla ezingu 15 000 kanye neliphakathi lezivakashi zezempilo, nezivunyelwe "India's health capital." Umuzi unezindlu nesigaba esikhulu semboni yezimoto, noma elinye igama, "Detroit of India." I-Chennai yidolobha kuphela eSouth Asia elalinganiswa phakathi kwe-*National Geographic "*Top 10 Food Cities" ngonyaka ka-2015 futhi ingeyesishiyagalolunye uma ilinganiswa ne-*Lonely Planet's* amadolobha azimele emhlabeni wonke.

"Abantu abakhile e-Chennai manje badlula izigidi ezingu 12, okwamanje lenani likhula ngezinga elincane nge 2.34% ngonyaka. Ledolobha liyikhaya lamazwe ahlukahlukene namazwe ezenkolo ehlukahlukene. Uma kubalwa ngonyaka ka-2011, iningi labantu eChennai bekungamaHindu (80.73%) kulandele i9.45% amaMuslim, 7.72% amaKrestu, 1,27% abanye futhi 0.83% bayazisho ukuthi abakholwa noma bakhetha ukungakholwa.

"Ngonyaka ka-2019, i-40% yabantu abayizigidi ezingu 1.788 zemikhaya ehlala ngaphansi koluhlu lobumpofu. Ngonyaka ka-2017, idolobha linemikhaya eyizigidi ezingu-2.2, nge-40% yabakhe kulo lemizi akuyona eyabo. Abantu abangu 1,131 abampofu balomuzi, imizi edlula izindlu ezingu 300, 000. Zonke izinhlobo zabantu abahlala lapho, bonke bafuna ukuzwa ivangeli eliphakade likaJesu Kristu kulezinsuku zokugcina.

"Ngenxa yesimo esiyinselelo, asikwazi ukuphelelisa isakhiwo sebandla eChinnai ngesikhathi esimisiweyo. Manje ngenxa yomsebenzi oqhubekayo, futhi sibonile ukuthi isidingo somsebenzi wokwelula nokwengeza isakhiwo sendlunkulu yabafundisi, iholo lokuhlangana, kanye negumbi labantwana lesikolo seSabatha. Ukuphelelisa lokhu, ngempela sidinga ukucela kulabo abazonikela ngesihle ngamabandla athandekayo emhlabeni wonke.

"Siyacela ngesizotha kubuzalwane, nodade, nabasha bethu ukuba ninikele kakhulu ngezipho zenhliziyo maqondana nalomsebenzi.

"Sibonga ngaphambili, kwangathi iNkosi inganibusisa nonke ngokunothile!

*Abazalwane benu nodade e-Chennai*

# Uthando LukaNkulunkulu Kumuntu

**IVESI LEKHANDA: "Bhekani uthando olungaka asinike lona uBaba lokuba sithiwe singabantwana bakaNkulunkulu; futhi siyibo. Ngalokho izwe alisazi, ngokuba alimazanga yena" (1 Johane 3:1).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ*, chapter 1, pp. 9-15.

"UNkulunkulu uluthando. Njengemisebe yokukhanya evela elangeni, uthando nokukhanya nenjabulo kuphuma Kuye kuye kuzo zonke izidalwa Zakhe."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* p. 77.

## 1. UNKULUNKULU ULUTHANDO **NgeSonto, Nhlangulana 28**

**a. Yibuphi ubufakazi bothando lukaNkulunkulu olunikezwe abantu-na? Exodusi 34:6, 7; Jona 4:2 (isigaba sokugcina); Jeremiya 31:3.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Izwi likaNkulunkulu liveza isimilo Sakhe. Yena uQobo wamemezela ngothando Lwakhe olungapheli nozwelo. Lapho uMose ekhuleka, 'Ake ngibone inkazimulo Yakho, uJehova wathi, 'Ngiyakudlulisa phambi kwakho ubuhle Bami.' Eksodusi 33:18, 19. Lena inkazimulo Yakhe. UJehova wadlula phambi kukaMose, wamemeza wathi, NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso, ogcinela izinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko.' Eksodusi 34:6, 7. Wephuza ukuthukuthela, unesihe esikhulu,' 'ngokuba wenamela umusa.' Jona 4:2; Mika 7:18."-*Steps to Christ,* p. 10.

**b. Beliyini icebo likaNkulunkulu ngokuthumela iNdodana Yakhe-na? Mathewu 11:27; Johane 14:8, 9.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"USathane uholela abantu ukuba bacabange ngoNkulunkulu njengesidalwa ukucabangela kwaso kungukulunga okulukhuni-umahluleli oqinile, nolukhuni, owedlulisa amalungelo akhe. Ufanekisa uMdali njengomuntu obheke ngeliso lomona ukubona amaphutha neziphambeko zabantu, ukuze abahambele ngezahlulelo zakhe. Kwakungenxa yokususa lelithunzi elimnyama, ngokwembula emhlabeni uthando lukaNkulunkulu olungapheli, lokuthi uJesu weza wahlala phakathi kwabantu."-Ibid., p. 11.

## 2. UMSEBENZI KA-JESU **NgoMsombuluko, Nhlangulana 29**

**a. U-Jesu uchaza kanjani umsebenzi Wakhe emhlabeni-na? Luka 4:16-18.**

____________________________________________________________________________

"[Ku-Luka 4:18 ngokuphindwa.] Lona ngumsebenzi [kaJesu]. Wayehamba enza okuhle ephulukisa bonke abacindezelwe nguSathane. Kwakukhona yonke imizana lapho kwakungekho ukububula kwezifo kunoma ngeyiphi indlu, ngoba wayedabula kuyo futhi epholisa bonke abagulayo bayo. Umsebenzi Wakhe wanikeza ubufakazi bobungcwele bokugcotshwa Kwakhe. Uthando, umusa, isihawu kwembulwa kwisenzo ngasinye sokuphila Kwakhe; inhliziyo Yakhe yelulwa ngozwelo olumnene kubantwana babantu. Wathatha imvelo yomuntu, ukuze afinyelele kwizimfuno zomuntu. Abampofu kakhulu nabathobekile babengesabi ukusondela Kuye. Ngisho nabantwana abancane babedonselwa Kuye. Babethanda ukukhwela ezinyaweni Zakhe babheke ubuso obunomunyu, obugcwele uthando."-*Steps to Christ,* pp. 11, 12.

"UJesu ubona kuwo wonke umphefumulo umuntu okufanele abizelwe embusweni Wakhe. Wafinyelela ezinhliziyweni zabantu ngokuhamba phakathi kwabo njengalowo ofisa okuhle kubo. Wayebafuna emigwaqeni yomphakathi, kumakhaya abo ngasese, emikhunjini, kumasinagoge, ngasogwini lomfula, edilini lomshado. Wayehlangana nabo emisebenzini yemihla ngemihla, futhi ebonakalisa intakazelelo ezindabeni zabo zezwe. Wayethwala iseluleko Sakhe emakhaya, eletha imindeni ezindlini zabo ngaphansi komfutho wobukhona Bakhe obungcwele. Ubuntu Bakhe bozwelo olunamandla lwasiza ukuzuza izinhliziyo. Kaningi wayeya entabeni eyokhuleka eyedwa, kodwa ngalokhu wayelungisela umsebenzi Wakhe phakathi kwabantu ngempilo ekhuthele. Ngalezikhathi weza ukuba elaphe abagulayo, afundise abangenalo ulwazi, nokuphula amaketanga obugqila bukaSathane."-*The Desire of Ages,* p. 151.

**b. Noma egcwele uthando nesihawu, siyini isibonelo sokwethembeka kukaKristu ekukhuzeni ukungalungi-na? 1 Johane 9:39-41; Mathewu 21:12, 13.**

____________________________________________________________________________

"UJesu akazange acindezele nelilodwa izwi leqiniso, kodwa kaningi wayelikhuluma ngothando. Ubesebenzisa ukuhlakanipha okukhulu nokunaka, ubumnene obuthathekisayo ekuxhumaneni Kwakhe nabantu. Akazange ahlambalaze umuntu, akazange akhulume izwi eliqinile, akazange ngokungenasidingo azwise umphefumulo ozwelayo ubuhlungu. Akazange agxeke ubuthakathaka bomuntu. Ubekhuluma iqiniso, kodwa kaningi elikhuluma ngothando. Wayesola ukuzenzisa, ukungakholwa, kanye nobubi; kodwa izinyembezi zazisezwini Lakhe lapho ekhuluma ukusola Kwakhe okuhlabayo…Wonke umphefumulo uyigugu emehlweni Akhe. Lapho ethwele Kuye isithunzi esingcwele, wazithoba ngobumnene maqondana nelunga ngalinye lomkhaya kaNkulunkulu. Kubantu bonke wayebona imiphefumulo okungumsebenzi Wakhe ukuwusindisa."-*Steps to Christ,* pp. 12.

## 3. UKUPHILA IMPILO YOKUZIDELA — Ngolwesibili, Nhlangulana 30

**a. Yimuphi umthwalo osindayo owathwala nguMsindisi wethu ekuphileni Kwakhe-na? Isaya 53:5-7; Luka 2:48, 49.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UJesu wathwala umthwalo owesabekayo wokuziphendulela ngensindiso yabantu. Ubazi ukuthi ngaphandle kwenguquko enqumayo kwizimiso nezinhloso zesizwe soluntu, bonke bazolahlwa. Lona bekungumthwalo womphefumulo Wakhe, nokuthi akekho ozoqonda umthwalo ohlezi phezu Kwakhe. Kusukela ebuntwaneni Bakhe, ebusheni Bakhe, nasebudodeni, wayehamba yedwa. Nokho izulu kwakufanele libe sebukhoneni Bakhe. Imihla ngemihla wayehlangana nezilingo nokuhlolwa; imihla ngemihla elethwa ekuhlanganeni nobubi, efakazela amandla awo phezu kwalabo afuna ukubabusisa nokubasindisa. Kodwa akazange ehluleke noma adangale.

"Ezintweni zonke wayeletha izifiso Zakhe ngaphansi kokumisa okuqinile emsebenzini Wakhe. Wakhazimulisa ukuphila Kwakhe ngokwenza konke kuthobele intando kaBaba Wakhe. Ebusheni Bakhe, umama Wakhe, lapho emfunana esikolweni sawo-rrabi, wathi, "Mtanami, usenzeleni okunje-na?' Wathi kubo-futhi impendulo Yakhe iyisihluthulelo somsebenzi wokuphila Kwakhe- 'Kukanjani beningifunelani-na? beningazi yini ukuthi kumelwe ukuba ngibe-kokukaBaba-na?

"Ukuphila Kwakhe kaningi bekungumnikelo wokuzidela. Ubengenalo ikhaya kulomhlaba, ngaphandle komusa abangane abamnika Wona njengesihambi. Weza ukuba aphile ngenxa yethu ukuphila kompofu kakhulu, futhi wayehamba esebenza phakathi kwabantu abadingayo nabahluphekile. Lowo ongavunywa nongahlonishwa, wayengena ephuma phakathi kwabantu labo abenzele okukhulu."-*Gospel Workers,* pp. 42, 43.

**b. Uthando oluphuphumayo lukaNkulunkulu lusifundisani maqondana noBaba wethu osezulwini-na? Johane 3:16; 1 Johane 4:9, 10.**

____________________________________________________________________________

"Lomhlatshelo omkhulu awenzelwanga ukuthi kwakheke enhliziyweni kaBaba uthando ngomuntu, kungamenzi futhi athande ukusindisa. Cha, cha! 'UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa.' Johane 3:16. UBaba uyasithanda, kungesikho ngenxa yenhlawulo enkulu, kodwa wasenzela inhlawulo ngoba esithanda. UKristu ungumxhumanisi ongathulula uthando Lwakhe olungapheli phezu komhlaba owileyo. 'Ngokuba uNkulunkulu ekuKristu, wenza ukuba izwe libuyisane Naye.' 2 Korinte 5:19. UNkulunkulu wahlupheka neNdodana Yakhe. Osizini Lwakhe eGetsemane, ukufa eKhalvari, ngenhliziyo yoThando Olungapheli wakhokha inani lenhlawulo yethu."-*Steps to Christ,* p. 13.

## 4. OWATHATHA INDAWO YETHU WABA YISIBAMBISO **Ngolwesithathu, Ntulikazi 1**

**a. Siyini isisekelo sokusindiswa kwemiphefumulo yethu-na? 1 Korinte 1:30; Izenzo 16:31.**

___________________________________________________________________________

"Maye, yimuphi umphefumulo olambele nolangazela njengo-Kristu abenakho ukusindisa lokho okwakulahlekile. Umzimba owabethelwa esiphambanweni awuzange unciphise ubungcwele Bakhe. Amandla Akhe obuNkulunkulu ukusindisa ngomhlatshelo womuntu, bonke abazokwamukela ukulunga Kwakhe. Ngokufa esiphambanweni, wadlulisa icala kumuntu owonile ukuya kumbambeli ongcwele ngokukholwa Kuye njengoMhlengi wakhe. Izono zezwe elinecala, ngesibonelo esifanekiswa 'njengezibomvu okwegazi,' zabekwa Kwisiqinisekiso esingcwele."-*This Day with God,* p. 236.

**b. Kuyini okwenziwa nguKristu ngokuhlengwa kwethu okungaphezu kwanoma yimuphi umzamo womuntu noma ukuhlakanipha-na? Johane 10:17; Roma 5:6-8.**

___________________________________________________________________________

"UBaba Wami uthe wakuthanda kangaka nokuthi uyangithanda Nami kakhulu ukuba anikele ngokuphila Kwami ukuba akusindise. Ngokuba uMbambeli nesiQiniseko senu, ngokunikela ngokuphila Kwami, ngokuthatha amacala enu, nokweqa kwenu umthetho, ngiyathandeka kuBaba Wami; ngokuba ngomhlatshelo Wami, uNkulunkulu angaba ngolungile, nokho olungisisa lowo okholwa kuJesu.'

"Akukho noyedwa ngaphandle kweNdodana kaNkulunkulu ongaphelelisa ukuhlengwa kwethu; ngoba Nguye kuphela osesifubeni sikaBaba ongasho Ngaye. Nguye kuphela owazi ukuphakama nokujula kothando lukaNkulunkulu ongenza kubesobala. Akukho nokuncane ngaphandle komhlatshelo ongapheli owenziwa nguKristu ngenxa yomuntu owileyo ongacindezela uthando lukaBaba kuluntu oluwileyo."-*Steps to Christ,* p. 14.

**c. Kuyini uJohane akufakazela ngommeli wethu esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu-na? 1 Johane 1:1-3.**

"Kukhona abambalwa abaqonda isimilo sesono esibi kakhulu, labo abazindla ngobukhulu bomonakalo ongumphumela wokwephulwa komthetho kaNkulunkulu. Ngokuhlola icebo elimangalisayo losindiso ukubuyisela isoni kumfanekiso omuhle kaNkulunkulu, siyabona ukuthi indlela yinye kuphela yokukhululwa komuntu yenziwa ngomhlatshelo wokuzidela, ukweyisa okungelinganiswe nothando lweNdodana kaNkulunkulu. Nguye kuphela obenamandla okulwa izimpi nesitha esikhulu sikaNkulunkulu nomuntu, futhi, njengombambeli wethu nesiqiniseko, unikile amandla labo ababambelela ngokuqina Kuye ngokukholwa, ukuba ngabanqobi egameni Lakhe, nangokufaneleka Kwakhe."-*Christian Education*, p. 112.

## 5. UJESU WAHLAWULA INHLAWULO YETHU — Ngolwesine, Ntulikazi 2

**a. Kuyini okwenza uKristu afaneleke ukukhokha inani lokuhlengwa kwethu-na? 1 Peter 1:18, 19; Heberu 5:8, 9.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Inani elikhokhiwe ngenxa yokuhlengwa kwethu, umhlatshelo ongapheli kaBaba wethu ngokunikela ngeNdodana Yakhe ukuba isifele, kufanele kusinike umcabango ophakeme esingaba yikho ngoKristu. Njengoba umpostoli uJohane ophefumulelwe ebona ukuphakama, nokujula, nobubanzi bothando lukaBaba esizweni esibhubhayo, wagcwala ukudumisa kanye nenhlonipho; futhi wehluleka nokuthola amazwi afanele ukuveza ubukhulu nobubele baloluthando, wabiza umhlaba ukuba ulubheke….Ibalulekile kangakanani lendawo kumuntu. Ngenxa yesiphambeko samadodana omuntu aphenduka izikhonzi zikaSathane. Ngokukholwa emhlatshelweni wenhlawulelo kaKristu amadodana ka-Adamu angaba amadodana kaNkulunkulu. Ngokulinganisa isimo semvelo, uKristu uphakamisa umuntu. Abantu abawileyo babekwa lapho, ngokuxhumana noKristu, bangaba abafanelekile ngempela igama 'lamadodana kaNkulunkulu."-*Steps to Christ*, p. 15.

**b. Mazwi mani asetshenziswa ngumpostoli uJohane ukugcizelela ubukhulu bothando lukaNkulunkulu-na? 1 Johane 3:1, 2.**

"Uthando olungaka olungenamlinganiso. Abantwana beNkosi yasezulwini! Isithembiso esiyigugu! Isihloko somcabango omkhulu kakhulu! Uthando olungelinganiswe lukaNkulunkulu ngomhlaba ongazange wamthanda! Umcabango unanamandla athobisa umphefumulo ulethe umqondo ebugqilini bentando kaNkulunkulu. Njengoba sifunda njalo ngesimilo esingcwele ngokukhanya kwesiphambano, yilapho sibona kakhulu umusa, ubumnene, nokuxolela okuhlangene nokulingana nokulunga, yilapho sihlukanisa kakhulu ubufakazi obungenakubalwa bothando olungapheli nesihawu esidlula uzwelo lukamama ngengane yakhe engalawuleki."-*Fundamentals of Christian Education,* Ibid., p. 15.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 3

1. **Yisho izimpawu ezibalulekile kakhulu zesimilo sikaNkulunkulu.**
2. **UJesu wembula kanjani isimilo sikaNkulunkulu ngesikhathi elapha emhlabeni-na?**
3. **Kungayiphi indlela umsebenzi kaKristu ungumfutho wokukhetha Kwakhe-na?**
4. **Ngokuba uMbambeli wethu, yiziphi izifundo uJesu asifundisa zona-na?**
5. **Chaza isipho sikaKristu sokugcina ngenxa yethu.**

# Isoni Sidinga UKristu

**"IVESI LEKHANDA: "UJesu waphendula wathi kuye, Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu" (Johane 3:3).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Steps to Christ,* chapter 2, pp. 17-22.

"Ithemba lokuhlengwa kwesizwe sethu esiwileyo likuKristu kuphela."-*The Desire of Ages,* p. 147.

## 1. ISIMO SOKUQALA SOMUNTU **NgeSonto, Ntulikazi 5**

**a. Chaza isimo somuntu sokuqala ensimini yase-Edeni. Genesis 1:26, 27, 31; Amahubo 8:4-6.**

"Ekuqaleni umuntu wanikwa amandla ahloniphekile kanye nengqondo elinganiswe kahle. Ubeyisidalwa esiphelele, futhi evumelana noNkulunkulu."-*Steps to Christ,* p. 17.

"Umuntu kwakufanele athwale umfanekiso kaNkulunkulu, ngokufana kwangaphandle nangesimilo. UKristu kuphela ongacindezela umfanekiso' (Heberu 1:3) kaBaba, kodwa umuntu wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. Imvelo yakhe yayivumelana nentando kaNkulunkulu. Ingqondo yakhe yayinamandla okuzindla izinto ezingcwele. Ukuthanda kwakhe kwakuhlanzekile; unambitho nothando lwalungaphansi kolawulo lomcabango. Wayengcwele futhi ethokozela ukuthwala umfanekiso kaNkulunkulu futhi ukulalela okuphelele entandweni Yakhe."-*Patriachs and Prophets,* p. 45.

**b. USathane wasebenza kanjani ukubhuntshisa icebo likaNkulunkulu ekudalweni komuntu-na? Genesis 3:1-7; Roma 6:16; 1 Johane 2:16.**

____________________________________________________________________________

"Ngenxa yokungalaleli, amandla [omuntu] onakaliswa, ubugovu bathatha indawo yothando. Imvelo yakhe yaba buthakathaka kakhulu ngenxa yokweqa umthetho lowo wawunzima kuye, ngamandla akhe, ukuba angamelana namandla obubi. Wenziwa isigqila nguSathane, futhi ngabe wahlala enjalo ingunaphakade uma uNkulunkulu engazange wangenelela ngempela. Bekuyinhloso yomlingi ukuvimbela icebo elingcwele ekudalweni komuntu, elokugcwalisa umhlaba ngosizi nencithakalo. Futhi akhombe bonke lobubi njengomphumela womsebenzi kukaNkulunkulu ekudaleni umuntu."-*Steps to Christ,* p. 17.

## 2. UKUBALEKELA UBUKHONA BUKANKULUNKULU — NgoMsombuluko, Ntulikazi 6

**a. Emva kwesono sabo, ngeyiphi indlela uAdam noEva abaphendula ngayo lapho bezwa izwi likaNkulunkulu-na? Genesis 3:8-10.**

______________________________________________________________________

**b. Kungani izidalwa zabantu ezonayo zingakwazi ukuma phambi kwaLowo Ongenasiphelo-na? Eksodusi 33:20; Duteronomi 4:23, 24.**

______________________________________________________________________

"Kwisimo sokona kwakhe, umuntu wagcina intokozo yokuxhumana Naye 'kuyena okufihlwe amagugu onke okuhlakanipha nowokwazi.' Kolose 2:3. Kodwa emva kokona kwakhe, angeke asathola injabulo nobungcwele, wazama ukuzifihla ebukhoneni bukaNkulunkulu. Sinjalo isimo senhliziyo engenziwanga busha. Ayivumelani noNkulunkulu, futhi ayitholi injabulo yokuxhumana Naye. Isoni angeke sajabulela ubukhona bukaNkulunkulu; sizoncipha ebudlelwaneni nezidalwa ezingcwele. Uma isoni sivunyelwa ukungena ezulwini, angeke kwaba injabulo kuso. Umoya wothando lobugovu olubusa lapha-yonke inhliziyo esabela enhliziyweni yoThando Olungapheli-angeke ithinte intambo yokuphendula umphefumulo wakhe. Imicabango yakhe, izintakazelelo zakhe, izinhloso zakhe, zingamenza umfokazi kulabo abaqhuba abahlali abangenasono lapho. Wayezoba inothi elihlukanisayo kwingoma yasezulwini. Izulu belizoba kubo indawo yesijeziso. Isikhathi eside efihlakele Kuye ongukukhanya kwakhe, ongumsuka wenjabulo yakhe. Akulona ithuba lomthetho ohlangothini lukaNkulunkulu ukuvimbela ababi ukuba bangena ezulwini; kodwa bavalelwa ngaphandle ngenxa yokungafaneli ubuhlobo balo. Inkazimulo kaNkulunkulu kubo izoba ngumlilo oqothulayo."-*Steps to Christ*, pp. 17, 18.

**c. Kungani kungenakwenzeka ukuba umuntu ngokwakhe aphunyuke esijezisweni sesono-na? Jobe 14:4; Roma 8:7, 8; Isaya 64:6.**

______________________________________________________________________

"Angeke kwenzeka kithi, ngokwethu, ukuba siphephe umgodi wesono esicwile kuwo. Izinhliziyo zethu zimbi, futhi asingeke sayiguqula. 'Ngubani ongaveza okuhlambulukileyo kukho okungcolileyo-na? kakho noyedwa.' Jobe 14:4….Imfundo, impucuko, ukusebenzisa intando, umzamo womuntu, konke kunesikhathi sakho, kodwa azinawo amandla lapha. Bangabonakalisa ngaphandle ukulunga kwesimilo, kodwa angeke baguqula inhliziyo; angeke bahlanza imithombo yokuphila. Kufanele kubekhona amandla asebenza ukusuka ngaphakathi, ukuphila okusha okuvela phezulu, ngaphambi kokuba abantu baguqulwe basuke esonweni ukuya ebungcweleni. Lawomandla nguKristu. Umusa Wakhe kuphela ongasheshisa amandla okuphila komphefumulo, awuthathekisele kuNkulunkulu, ukuya ebungcweleni."-Ibid., p. 18.

## 3. UKUDINGEKA KOMSINDISI **Ngolwesibili, Ntulikazi 7**

**a. Kuyini okufanele sikuqaphele ngenhliziyo yomuntu-na? Amahubo 14:1-3; Roma 3:9-11.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"IZwi likaNkulunkulu lithi, 'Ngokuba bonke bonile' (Roma 3:23). 'Akakho owenza okuhle, akakho noyedwa' (Roma 3:12). Abaningi bayakhohliswa maqondana nesimo senhliziyo yabo. Abaqondi imvelo yenhliziyo ukuthi iyakhohlisa ngaphezu kwakho konke, futhi yimbi. Bazisonga ngokulunga okungokwabo, futhi baneliseka ekufinyeleleni kwizinga lesimilo somuntu; kodwa behluleka kangakanani uma bengafinyeleli kwizinga elingcwele, ngokwabo abasoze bahlangabezana nezimfuno zikaNkulunkulu."-*Selected Messages*, bk. 1, p. 320.

**b. Kungani thina njengabantu singakwazi ukuhlukanisa amandla esimoya futhi sibone umbuso kaNkulunkulu-na? 1 Korinte 2:14; 2 Korinte 4:4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UMsindisi uthi, 'Uma umuntu engazalwa ngokusha,' ngaphandle kokuthola inhliziyo entsha, izifiso ezintsha, izinhloso ezintsha, okuqondiwe, okuholela ekuphileni okusha, 'angewubone umbuso kaNkulunkulu.' Johane 3:3, isiphetho. Umcabango ofunekayo kuphela owokukhulisa okuhle okukhona kumuntu ngokwemvelo, inkohliso ebulalayo. 'Umuntu wemvelo akakwamukeli okukaMoya kaNkulunkulu: ngokuba kungubuwula kuye: angekuqonde, ngokuba kubonisiswa ngokomoya.' Ningamangali uma ngithi kini, nimelwe ukuzalwa kabusha.' 1 Korinte 2:14; 3:7. NgoKristu kulotshiwe ukuthi, 'Ukuphila kwakuKuye, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu'-Alikho elinye igama, ngaphansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo."-*Steps to Christ.,* pp. 18, 19.

**c. Noma singeke sazisindisa ngokwethu, kuyini esingakwenza-na? Mathewu 11:28-30; Johane 3:3.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngokuba uNkulunkulu kwakufanele abonakaliswe kuKristu, ngokwenza ukuba izwe libuyisane Naye.' 2 Korinte 5:19. Umuntu wonakele kakhulu ngenxa yesono kwaze kwabanzima kuye, ngokwakhe, ukuba avumelane Naye omvelo Yakhe ingukuhlanzeka nokulunga. Kodwa uKristu, emva kokuhlenga umuntu ekulahlweni ngumthetho, anganikezwa amandla angcwele ukuhlanganisa umzamo womuntu. Kanjalo ngokuphendukela kuNkulunkulu nokukholwa kuKristu abantwana bakaAbrahama abawileyo bangaba 'ngamadodana kaNkulunkulu.' 1 Johane 3:2."-*Patriachs and Prophets,* p. 64.

## 4. UKUZINCENGELA KWESONI

**Ngolwesithathu, Ntulikazi 8**

**a. Yayiyini inkinga yompostoli uPawule lapho efinyelela olwazini oluphelele lwesimo sakhe njengesoni phambi kukaNkulunkulu-na? Roma 7:12, 14, 24.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Akwanele ukuhlukanisa uthando olumnene lukaNkulunkulu, ukubona umusa, isisa sikababa, isimilo Sakhe. Akwanele ukuhlukanisa ukuhlakanipha nokulunga komthetho Wakhe, ukubona ukuthi usekelwe kwisimiso sothando oluphakade. Umpostoli uPawule wabona konke lapho ememezela, 'Ngiyawuvumela umthetho ukuthi muhle.' 'Ngakho-ke umthetho ungcwele, nomyalo ungcwele, ulungile, muhle.' Kodwa wengeza ngokuthi, ngobuhlungu bomphefumulo nosizi nokudangala, 'Kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono.' Roma 7:16, 12, 14. Wayelangazela ukuhlanzeka, ukulunga, kuyena wayengenamandla okukuzuza, futhi wakhala, 'Wo mina-muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulomzimba wokufa-na?' Roma 7:24, isiphetho. Sinjalo isikhalo esinyukela phezulu sivela ezinhliziyweni ezisindwayo emazweni wonke nasezikhathini zonke. Kubo bonke, kukhona impendulo eyodwa, 'Bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe.' Johane 1:29."-*Steps of Christ,* p. 19.

"Kukhona abaningi abaqonda ukungabi namandla okuzisiza, nalabo abalangazelela ukuphila kwesimoya okuzobaletha ekuvumalaneni noNkulunkulu; abazama ngeze ukukuthola….UMsindisi uzithoba phezu kwenani legazi Lakhe, ethi ngobumnene obungenakushiwo ngozwelo, 'Ungangihlambulula-na?"-*The Desire of Ages*, p. 203.

**b. UNkulunkulu waqinisekisa kanjani uJakobe ukuthi akamshiyanga lapho ebalekela umfowabo uEsawu-na? Genesis 28:10-13.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"[UJakobe] wazizwa ukuthi ulahliwe, ubazi ukuthi konke lokuhlupheka okumehlelayo kungenxa yesenzo sakhe esiphambukile. Ubumnyama bokuphelelwa yithemba kwacindezela umpefumulo, futhi akazange ngaphambili azame ukuthandaza. Kodwa wayenesizungu wazizwa enesidingo sokuvikelwa nguNkulunkulu angazange abanakho ngaphambili. Ngokukhala nangokuzithoba okujulile wavuma isono sakhe, encenga ubufakazi bokuthi wayengadelwanga. Kodwa inhliziyo yakhe esindwayo ayizange ithole inkululeko. Walahlekelwa yilo lonke ithemba ngakuye, wesaba ukuthi uNkulunkulu kababa wakhe uthe wamudela.

"Kodwa uNkulunkulu akazange amdela uJakobe. Umusa Wakhe welulelwe kulowo owonayo, inceku engathembekile. UJehova ngesihawu wembula lokhu uJakobe akudingayo-uMsindisi. Wonile, kodwa inhliziyo yakhe yagcwala ukubonga lapho ebona kwembulwa indlela leyo angabuyiselwa ngayo emuseni kaNkulunkulu."-*Pariachs and Prophets*, p. 183.

## 5. UKUXHUMANISA IZULU NOMHLABA — Ngolwesine, Ntulikazi 9

**a. Yisiphi isifundo esingasifunda ngesitebhisi esabonwa uJakobe ehlane-na? Genesis 28:16, 17; Johane 1:51.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kulombono icebo lensindiso lalethwa kuJakobe, hayi ngokuphelele, kodwa ngezinxenye ezazidingeka kuye ngaleso sikhathi. Isikhwelo esiyindida sembulelwa yena ngephupho ngokufanayo naleso uKristu asiqondisa enkulumeni Yakhe noNathaniyeli. [Johane 1:51 ngokuphindwa]. Kufinyelela ekuhlubukeni komuntu emelene nombuso kaNkulunkulu, bekukhona ukukhulumisana phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Kodwa isono sikaAdamu noEva sahlukanisa umhlaba nezulu, ukuze umuntu angabi nobuhlobo noMdali wakhe. Nokho umhlaba awushiywanga ungenathemba. Isikhwelo sifanekisa uJesu, indlela yokuxhumanisa emisiwe."-*Patriachs and Prophets,* p. 184.

**b. Chaza ukuxhumana okwamiswa ukulamula kukaKristu. Roma 3:23-26; Heberu 1:14.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngohlubuko, umuntu wazehlukanisa ngokwakhe kuNkulunkulu; umhlaba wahlukaniswa nezulu. Ngale kwegebe elalikhona ngaphakathi, angeke kwabakhona ukuxhumana. Kodwa ngoKristu, umhlaba futhi uhlanganiswa nezulu. Ngokufaneleka Kwakhe, uKristu uvalile igebe isono elilenzile, ukuze izingelosi ezisebenzayo zingagcina ubuhlobo nomuntu. UKristu uhlanganisa umuntu owileyo ebuthakathakeni bakhe nokungabi nokuzisiza ngamandla oMthombo ongapheliyo."-*Steps to Christ*, p. 20.

"Inhliziyo kaNkulunkulu ilangazelela phezu kwabantwana Bakhe abasemhlabeni ngothando olunamandla kunokufa. Ngokunikela ngeNdodana Yakhe, uThululele kithi lonke izulu ngesipho esisodwa. Ukuphila koMsindisi ukufa Kwakhe nokulamula, umsebenzi wezingelosi, ukuncenga koMoya ongcwele, uBaba osebenza ngaphezulu nakubo bonke, intakazelelo engapheli yezidalwa zezulu-konke kubhaliwe ngenxa yokuhlengwa komuntu."-Ibid., p. 21.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 10

1. **Qhathanisa isimo somuntu ngaphambi kokuwa nangasemva kwakho.**
2. **Emva kokuwa, kuyini okwenziwa umuntu futhi kungani-na?**
3. **Ngeyiphi impendulo kuphela yenkinga yesono-na?**
4. **Chaza isizathu sophawu olumangalisayo olwanikezwa uJakobe ephusheni lakhe.**
5. **Iyiphi indlela yokuxhumana uNkulunkulu ayigcinela abantu-na?**

# Ukuphenduka

**IVESI LEKHANDA: "Ngalokhu phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu" (Izenzo 3:19).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Steps to Christ,* chapter 3, pp. 23-35.

"UNkulunkulu angeke alahla labo abakhashelwe esonweni, kodwa labo abathe babuya Kuye ngokuphenduka kweqiniso."-*Patriachs and Prophets*, pp. 202, 203.

## 1. UKUDABUKELA ISONO **NgeSonto, Ntulikazi 12**

**a. Yibuphi ubufakazi bokuphenduka kweqiniso okwafunwa nguJohane uMbhapathizi-na? Luka 3:7-14.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ukuphenduka kungenisa ngaphakathi usizi lwesono nokusuka kuso. Angeke sadela isono ngaphandle kokubona ububi baso; size sifinyelele lapho sisixosha enhliziyweni, angeke kwabakhona inguquko ekuphileni."- *Steps to Christ,* p. 23.

**b. Kuyini okufanele sikwazi ngokuphenduka kweqiniso okuguqula inhliziyo nokuphila-na? 2 Korinte 7:9, 10.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ukudabukela isono kwangempela kungumphumela wokusebenza koMoya Ongcwele. UMoya wembula ukungabongi kwenhliziyo ethe yadelela futhi yadabukisa uMsindisi, futhi usiletha ekuzisoleni ezinyaweni zesiphambano. Ngesono ngasinye uJesu ulinyazwa kabusha; futhi njengoba sibheka Kuye Lowo esithe samhlaba, sidabukela izono ezilethe usizi phezu Kwakhe. Ukukhala okunjalo kuzosiholela ekulahleni isono."-*The Desire of Ages*, p. 300.

"Lapho inhliziyo izinikela kumfutho woMoya Ongcwele, unembeza uzosheshiswa, isoni sizohlukanisa okuthize okujulile nobungcwele bomthetho kaNkulunkulu, isisekelo sombuso Wakhe ezulwini nasemhlabeni."-*Steps to Christ,* p. 24.

## 2. UKUPHENDUKA KWANGEMPELA NgoMsombuluko, Ntulikazi 13

**a. Kuncenga kuni uDavide akwenza lapho ebona ukusinda kwesono sakhe-na? Amahubo 51:1-4.**

______________________________________________________________________________

"Umkhuleko kaDavide emva kokuwa kwakhe, ufanekisa imvelo yokudabukela ngempela isono. Ukuphenduka kwakhe kwakuqinisekile futhi kujulile. Bewungekho umzamo wokufihla isiphambeko sakhe; singekho nesifiso sokubalekela isijeziso esisongelayo, yikho okwakhuthaza umkhuleko wakhe. UDavide wabona ubukhulu bokweqa kwakhe umthetho; wabona ukungcola komphefumulo wakhe; wasenyanya isono sakhe. Akakhulekelanga intethelelo kuphela, kodwa ukuhlanzeka kwenhliziyo. Walanganzelela intokozo yobungcwele-ukuba abuyiselwe ekuvumelaneni nasekuxhumaneni noNkulunkulu."- *Steps to Christ,* p. 24.

**b. Ukuphenduka kweqiniso kukaDavide kwamholela ukuba afuneni-na? Amahubo 51:10-13.**

______________________________________________________________________________

"Dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo.' Lesi isiqalo esilungile, sesisekelo ngempela sesimilo soMkrestu; ngoba enhliziyweni kukhona izinto zokuphila. Uma bonke, abafundisi nabantu, bangabona ukuthi izinhliziyo zabo zilungile kuNkulunkulu, singabona umphumela omkhulu womsebenzi obekwe ngaphambili. Okubaluleke kakhulu nomsebenzi wenu wokuziphendulela, isidingo esikhulu ukuthi sibe nezinhliziyo ezihlanzekile. Umusa esiwudingayo siwuphiwe, namandla oMoya Ongcwele okusebenza wonke umzamo owenziwayo kulendlela. Kuwo wonke umntwana kaNkulunkulu ozomfuna ngempela nangokubekezela, kuzobakhona ukukhula emuseni. Ukungezwani kuzophela; abakholwayo bazoba nhliziyo-nye nomqondo munye; ukuhlanzeka nothando kuzovama emabandleni. Ngokubheka, siyaguqulwa. Uma sizindla kakhulu ngesimilo sikaKristu, sizoguqulelwa ngempela emfanekisweni Wakhe. Woza kuJesu njengoba unjalo, uZokwamukela, faka emlonyeni wakho ingoma entsha, futhi udumise uNkulunkulu."-*Gospel Workers*, (1892/1893 edition) pp. 451, 452.

**c. Kuyini iBhayibheli elikufundisayo ngokuphenduka nokuzinikela ngokuphelele kuKristu-na? Roma 2:4; Izenzo 3:19; 5:31.**

______________________________________________________________________________

"Angeke sisakwazi ukuphenduka ngaphandle koMoya kaKristu ukuze sivuse unembeza kunokuba sixolelwe ngaphandle kukaKristu.

"UKristu ungumthombo womuzwa wonke olungilele. Nguye kuphela ongatshala enhliziyweni ubutha bumelane nesono. Zonke izifiso zeqiniso nobumsulwa, nokuvuma konke ukona kwethu, kuwubufakaz bokuthi uMoya Wakhe uhamba ezinhliziyweni zethu."-*Steps to Christ,* p. 26.

**a. Yabanjani imvelo yokuphenduka kukaEsawu, kaFaro noJudasi lapho bebona imiphumela yesono sabo-na? Heberu 12:16, 17; Eksodusi 12:30-32; 14:3-5; Mathewu 27:3-5.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Abaningi bezwa ubuhlungu bokuthi bonile baze benze inguquko yangaphandle ngoba besaba ukuthi isiphambeko sabo sizoletha isijeziso phezu kwabo. Kodwa lokhu akukona ukuphenduka ngomqondo weBhayibheli. Bakhala ngenxa yokuhlupheka kunokukhalela isono. Lwalunjalo usizi lukaEsawu lapho ebona ukuthi ubuzibulo bumlahlekele ingunaphakade….UJudasi Iskariyothi, emva kokukhaphela iNkosi yakhe, wathi, 'Ngonile ukuba ngikhaphele igazi elingenacala.' Mathewu 27:4.

"Ukuvuma kwacindezelwa emphefumulweni wokona kwakhe ngomqondo owesabisayo wokulahlwa nokubheka ngovalo isijeziso. Imiphumela eyayizoza phezu kwakhe yamulethela ukwesaba, kodwa kwakungajulile emphefumulweni wakhe, ukuthi ukhaphele iNdodana kaNkulunkulu engenacala futhi wenqaba Lowo Ongcwele kaIsrayeli. UFaro lapho ehlupheka ngaphansi kwesijeziso sikaNkulunkulu, wavuma isono sakhe ukuze aphephe kwisijeziso, kodwa wabuyela ekweyiseni iZulu lapho izibetho zimiswa. Bonke laba babekhalela umphumela wesono, kodwa kabazange bezwa ubuhlungu besono ngokwaso.*"-Steps to Christ*, pp. 23, 24.

"UNkulunkulu wanika uFaro ubufakazi obukhanyayo bamandla angcwele, kodwa inkosi ngenkani yenqaba ukunaka ukukhanya. Wonke umbukiso wamandla angapheliyo enqatshwa nguye, kwamenza wazimisela kakhulu ekuhlubukeni kwakhe. Imbewu yohlubuko leyo ayitshala lapho enqaba isimangaliso sokuqala, sathela isivuno saso."-*Patriachs and Prophets*, p. 268.

**b. Kuyini okwenzakalayo lapho isoni singaphenduki futhi silibazisa ukuphenduka kwaso kuze kube isikhathi esizayo-na? Johane 12:35, 36; Heberu 3:12-15.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Labo abazishoyo ukuthi bangamaKristu abeza empini esabekayo yokugcina ngothando olungalungisiwe, ekuphelelweni kwabo yithemba, bavume izono zabo ngamazwi osizi oluvuthayo, lapho ababi benamela ukuhlupheka kwabo. Lokuvuma kwesimo esinjalo njengo-Esawu noma uJudasi. Labo abakwenzayo lokhu, bekhalela umphumela wokweqa umthetho, kodwa kungesibo ububi baso. Abanawo umuzwa wokuzisola ngempela, abakuzondi okubi. Bavuma isono sabo, ngoba besaba isijeziso; kodwa, njengo-Faro wasendulo, bazobuyela ekweyiseni kwabo iZulu uma isijeziso sabo singasuswa."-*The Great Controversy,* pp. 620, 621, [Author's italics.]

**4. UMFARISI NOMTHELISI** **Ngolwesithathu, Ntulikazi 15**

**a. Uyini umehluko phakathi koMfarisi nomthelisi embalini kaKristu-na? Luka 18:10-13.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kumfanekiso woMfarisi nomthelisi, umkhuleko wokuzilungisisa, 'Nkulunkulu ngiyakubonga ngokuba ngingenjengabanye abantu,' wagqama kakhulu ungafani nesicelo somuntu ophendukile, 'Ngihawukele mina soni.' Luka 18:11, 13, R.V., isiphetho. Kanjalo uKristu wakhuza ukuzenzisa kwamaJuda."-*The Desire of Ages,* p. 495.

**b. Kuyini uJesu akusho ngomphumela womkhuleko womthelisi-na? Luka 18:14.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Umthelisi ompofu owakhuleka, 'Nkulunkulu, ngihawukele mina soni' (Luka 18:13), wazibheka njengomuntu omubi kakhulu, nabanye bambheka ngokukhanya okufanayo; kodwa wezwa isidingo sakhe, nomthwalo wesono sakhe enamahloni okuza phambi kukaNkulunkulu, ecela umusa Wakhe. Inhliziyo yakhe yavulelwa uMoya kaNkulunkulu ukwenza umsebenzi wawo umkhulule emandleni esono. Ukuzigabisa koMfarisi, umkhuleko wokulunga kwakhe wabonakalisa ukuthi inhliziyo yavalwa imelene nomfutho woMoya Ongcwele. Ngenxa yokubakude noNkulunkulu, wayengacabangi ngokungcola kwakhe, ngokwehlukile nokuphelela kokulunga okungcwele. Wayengenawo umuzwa wesidingo, futhi akazuzanga lutho."-*Steps to Christ*, pp. 30, 31.

**c. Ekuxoxeni lendaba, yisiphi isimo sengqondo esilimazayo uJesu ayefuna ukusilungisa-na? Luka 18:9; 2 Korinte 10:12; Izaga 16:18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Inkolo yabaFarisi ayithinti umphefumulo. Ayifuni isimilo esifana nesikaNkulunkulu, inhliziyo egcwele uthando nomusa. Yenelisekile ngenkolo enokwenza kuphela ngokuphila kwangaphandle. Ukulunga okungokwakhe-isithelo semisebenzi yakhe-futhi ahlulelwe ngesilinganiso somuntu.

"Noma ngubani ozethemba ngokuthi ulungile, uzodelela abanye. njengoMfarisi owazehlulela ngokwakhe nabanye abantu, kanjalo wehlulela abanye abantu ngaye. Ukulunga kwakhe kulinganiswa nokwabo, futhi njengoba emubi kakhulu ukuthi ukulunga kwakhe kukhulu ngokwahlukile ngokubonakala kwakhe. Ukulunga okungokwakhe kuholela ekusoleni. 'Abanye abantu' ubasola njengabephula umthetho kaNkulunkulu. Kanjalo ubonakalisa umoya ngempela kaSathane, ummangaleli wabazalwane. Ngalomoya angeke kwenzeka kuye ukuba axhumane noNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* p. 151.

## 5. NINGAZENZI LUKHUNI IZINHLIZIYO ZENU — Ngolwesine, Ntulikazi 16

**a. Iyiphi ingozi yokunganaki ukuvuma noma ukulibazisa ukuphendula-na? 2 Korinte 6:2; Heberu 3:7, 8; Luka 12:20:21.**

______________________________________________________________________________

"Abaningi bathulisa unembeza okhathazekile ngomcabango wokuthi bangaguqula indlela yobubi uma beyikhetha; nokuthi bangadlala ngesimemo somusa, kodwa baqhubeke ukuwucindezela njalo. Bacabanga ukuthi uma benza ngaphandle koMoya womusa, emva kokwakha umfutho wabo ohlangothini lukaSathane, ngesikhathi sobunzima obesabekayo bangakwazi ukuguqula indlela yabo. Kodwa lokhu akwenzeki kalula. Amava, imfundo, yempilo yonke, ithe yabumba kahle isimilo kangango-kuba bambalwa abafisa ukwamukela umfanekiso kaJesu."-*Steps to Christ,* pp. 33, 34.

**b. Kuyini okufanele sikwenze lapho sibona ukuthi inhliziyo nokuphila kwethu akuvumelani noNkulunkulu-na? Amahubo 139:23, 24; 51:10.**

______________________________________________________________________________

"Hlola izwi likaNkulunkulu ngomkhuleko. Lelozwi elilethwa phambi kwakho, ngomthetho kaNkulunkulu nokuphila kukaKristu, izimiso ezinkulu zobungcwele, ongenakho 'angeyibone iNkosi.' Heberu 12:14. Livumisa isono; lembula ngokusobala indlela yensindiso. Liqaphele njengephimbo likaNkulunkulu elikhuluma nomphefumulo wakho."-Ibid., p. 35.

"Besiyizoni ezinkulu kakhulu, kodwa uKristu wafa ukuze sithethelelwe. Ukufaneleka komhlatshelo Wakhe kwanele ukuwuletha kuBaba ngenxa yethu. Labo athe wabathethelela kakhulu bazomthanda kakhulu, futhi bazokuma eduze kwesihlalo bamdumise ngenxa yothando lukaNkulunkulu esiqonda kakhulu ububi besono. Uma sibona iketanga elide elehliselwa thina, uma sizwisisa okuthize ngomhlatshelo ongapheli uKristu awenza ngenxa yethu, inhliziyo izothanjiswa ngesisa kanye nokuzisola."-Ibid., p. 36.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 17

1. **Yisiphi isipho esimangalisayo uNkulunkulu asinika sona ukuze samukele umusa wezulu-na?**
2. **Kungani singakwazi ukuphenduka ngempela ngokwethu-na?**
3. **Kuyini obekusilela ekuphendukeni kukaEsawu, uFaro noJudasi-na?**
4. **Kungani uJesu akhuluma ngomfanekiso woMfarisi nomthelisi-na?**
5. **Yiliphi inyathelo elibalulekile kakhulu lokuletha umuntu ebudlelwaneni obuseduze noNkulunkulu-na?**

# Ukuvuma Izono

**IVESI LEKHANDA: "Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kodwa ozivumayo azishiye uyakuthola umusa" (Izaga 28:13).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Steps to Christ*, chapter 4, pp. 37-41.

"Ukuvuma okungukuthululwa komphefumulo ongaphakathi kufumana indlela eya kuNkulunkulu onesihawu esingapheli."-*Steps to Christ*, p. 38.

## 1. UMUSA KANKULUNKULU — NgeSonto, Ntulikazi 19

**a. Lapho silahlwa ngesono, kuyini okufanele sikwenze-na? Izaga 28:13; Jakobe 5:16.**

____________________________________________________________________________

"Imibandela yokuthola umusa kaNkulunkulu ilula, ilungile futhi inomqondo. UJehova akadingi ukuthi senze okuthize okunzima ukuze sithole ukuthethelelwa kwesono. Asidingi ukuthatha uhambo olude olukhathazayo, noma sidabukele isono kabuhlungu, ukunikela imiphefumulo yethu kuNkulunkulu oseZulwini noma sihlanze isiphambeko sethu; kodwa lowo osivumayo asilahle isono sakhe uzothola umusa."-*Steps to Christ,* p. 37.

**b. Ngenxa yalesimo kuyini okudingeka kithi-na? Izaga 15:33; 19:23; Amahubo 34:18.**

____________________________________________________________________________

"Labo abangazange bathobise imiphefumulo yabo phambi kukaNkulunkulu ngokuvuma isono sabo, abaphelelisanga umbandelo wokuqala wokwamukela. Uma singenawo amava okuphenduka okungafanele siphenduke kukho, futhi singazange sithobe ngempela umphefumulo ngokudabuka komoya esivuma ngawo izono zethu, ngokwenyanya ububi bethu, asizange ngempela sifune ukuthethelelwa kwesono; futhi uma singazange sizame, asizange sizuze ukuthula kukaNkulunkulu. Isizathu sinye kuphela sokuthi kungani kungekho ukuthethelelwa kwezono ezidlule kusho ukuthi asifuni ukuthoba izinhliziyo zethu futhi sivume imibandela yezwi leqiniso isiluleko esisobala esinikiwe maqondana nalendaba. Ukuvuma isono, phakathi kwabantu noma ngasese, kufanele kuvezwe ngokusuka enhliziyweni futhi ivezwe ngokukhululekile."-Ibid., pp. 37, 38.

**a. Uma sithe sazwisa omunye ubuhlungu, yimuphi omunye esimkhubekisayo-na? Amahubo 51:4.**

____________________________________________________________________________

"Umpostoli uthi, 'Vumani izono omunye komunye, nikhulekelane ukuba niphulukiswe.' Jakobe 5:16. Vuma izono zakho kuNkulunkulu, nguye kuphela ongazithethelela, nezono zakho kwabanye. Uma unecala nomngane wakho noma umakhelwane, kufanele uqonde iphutha lakho, futhi ngumsebenzi wakhe ukukuthethelela ngokuzithandela. Besewena ufuna intethelelo kuNkulunkulu, futhi ngokumzwisa ubuhlungu wenze isono kuMdali wakhe noMhlengi."- *Steps to Christ,* p. 37.

**b. Kungani kufanele sithethelele abanye-na? Mathewu 6:14, 15; Efesu 4:32.**

____________________________________________________________________________

"Lowo ongathetheleli unqamula owona-mzila kuphela angathola ngawo umusa ovela kuNkulunkulu. Masingacabangi ukuthi ngaphandle kwalabo abezwe ubuhlungu bavume isiphambeko silungisiswa ngokubamba intethelelo yethu. Kuyinxenye yabo, akungabazeki, yokuthoba izinhliziyo zabo ngokuphenduka nokuvuma; kodwa kufanele sibe nomoya wozwelo kulabo abasonayo, kungakhathalekile ukuthi bayavuma amacala abo. Noma basizwise ubuhlungu obungakanani, akufanele sithokozele izikhalo zethu futhi sizwele nathi ngokulimala kwethu; njengoba Sinethemba lokuthethelelwa iziphambeko zethu maqondana noNkulunkulu kufanele sithethelele bonke abasonayo thina."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 113, 114.

**c. Kuyini okufanele kusifundise umsebenzi wethu maqondana nomuntu-na? 1 Peter 4:8; Roma 13:8.**

____________________________________________________________________________

"Vumela uKristu, ukuPhila okungcwele, kuhlale kuwe nangawe embule uthando lwenzalo yasezulwini olunikeza ithemba kongenathemba lilethe ukuthula kwasezulwini enhliziyweni ekhungathwe yisono, ukuthi, yamukele umusa ovela Kuye, umas sizinikela Kuye ukuze sembule umusa Wakhe kwabanye."-Ibid., pp. 114, 115.

"Ukungabi-nobuntu kumuntu maqondana nomunye umuntu isono sethu esikhulu. Abaningi bacabanga ukuthi bamela ukulunga kukaNkulunkulu kuyilapho behluleka ngokuphelele ukumela ubumnene nothando Lwakhe olukhulu. Kaningi labo abahlangana nabo ngobulukhuni nangamandla bangaphansi kobunzima besilingo. USathane ubambene nalemiphefumulo, kanzima, ngamazwi angenamusa adangalisayo abenze bawe njengenyamazane kumandla omlingi."-*The Ministry of Healing,* p. 163.

**a. Yiziphi izono okumele zivunywe obala kuyilapho ezinye zivunywa kuNkulunkulu kuphela-na? Amahubo 32:5; Mathewu 5:23, 24.**

______________________________________________________________________________

"Ukuvuma kwangempela kaningi kuyisimilo esithile, nokuvuma izono ezithize. Zingaba imvelo osondela ngayo kuNkulunkulu kuphela; kungaba khona iziphambeko okufanele zivunywe kumuntu ngamunye ozwe ubuhlungu ngenxa yabo; noma abanezimilo ezaziwa ngabantu bonke, okufanele zivunywe phambi kwabantu. Kodwa konke ukuvuma kufanele kukhanye futhi kuqonde, ngokuvuma izono onecala kuzo."-*Steps to Christ,* p. 38.

"Isono sesimilo sangasese kufanele sivunywe kuKristu, okunguye yedwa umlamuli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu….Isono ngasinye siyicala elimelene noNkulunkulu, futhi kufanele sivunywe Kuye ngoKristu. Sonke isono esinziwe phambi kwabantu kufanele sivunywe phambi kwabantu."-*Gospel Workers,* p. 216.

**b. Ngeyiphi inhloso yokuvuma izono ngeqiniso-na? 1 Samuweli 12:19.**

______________________________________________________________________________

"Ezinsukwini zikaSamuweli uIsrayeli wazulazula kude noNkulunkulu. Wahlupheka ngenxa yemiphumela yesono; ngoba balahlile ukukholwa kwabo kuNkulunkulu, balahlekelwa ukubona amandla Akhe nokuhlakanipha okubusa isizwe, balahlekelwa ithemba lamandla Akhe ukuvikela impindiselo yokusebenza Kwakhe. Baphendukela uMbusi omkhulu wezulu nomhlaba futhi befisa ukubuswa njengoba zazinjalo izizwe ezibazungezile. Ngaphambi kokuba bathole ukuthula benza ukuvuma okukhanyayo: 'Ngokuba senezezele kuzo zonke izono zethu ububi bokuzicelela iNkosi.' 1 Samuweli 12:19. Yisona kanye isono ababelahlwa ngaso okwakufanele basivume."-*Steps to Christ,* pp. 38, 39.

**c. Yisiphi isenzo esisebenzayo okufanele silandele ukuvuma izono-na? Isaya 1:16, 17; Hezekeli 33:15.**

______________________________________________________________________________

"Ukuvuma akusoze kwamukeleka kuNkulunkulu ngaphandle kokuphenduka okuqinisile nemvuselelo. Kufanele kubekhona inguquko enqumayo yokuphila; konke okunyanyeka phambi kukaNkulunkulu kufanele kudelwe. Lona ngumphumela wokudabukela isono ngempela."-Ibid., p. 39.

"Wonke umphefumulo oguqukile uzofana njengo-Zakewu, owagqamisa ukungena kukaKrisu enhliziyweni yakhe ngokulahla izenzo zokungcola ezaphawula ukuphila kwakhe. Njengomthelisi, uzonikela ngobufakazi bobuqotho bakhe ngokwenza ukubuyisela."-*The Desire of Ages,* p. 556.

**a. Lapho uNkulunkulu ebuza uAdamu noEva ngesono sabo, kungayiphi indlela abasho ngayo ukuthi akulona iphutha labo ngempela-na? Genesis 3:12, 13.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UAdamu wayengakwazi ukuphika noma athethelele isono sakhe; kodwa esikhundleni sokubonisa ukuphenduka, wazama ukubeka icala kunkosikazi wakhe, kanjalo nakuNkulunkulu uQobo Lwakhe: 'Owesifazane *owangipha yena* ukuba abe ngumkami, unginike wona umuthi, ngadla."-*Patriachs and Prophets,* p. 57. [Author's italics.]

"Emva kokuba uAdamu noEva sebedlile isithelo esenqatshelweyo, bagcwaliswa ngomuzwa wehlazo nokwesaba. Ekuqaleni babecabanga kuphela ukuthi bangathethelela kanjani isono sabo futhi baphunyuke kwisigwebo esesabakayo sokufa. Lapho iNkosi ibuza maqondana nesono sabo uAdamu waphendula ngokuthi, ebeka inxenye yecala kuNkulunkulu nenxenye kumlingane wakhe. 'Owesifazane owangipha yena ukuba abe nami, unginikile umuthi, ngadla.' Owesifazane wabeka icala phezu kwenyoka, wathi, 'Inyoka ingikhohlisile, ngadla.' 'Genesis 3:12, 13. Kungani udale inyoka-na? Kungani uyivumele ukuba ize ensimini yaseEdeni-na? Lena imibuzo ayiqondisa kuye ukuthetheleleni isono sakhe, kanjalo ebeka icala kuNkulunkulu maqondana nokuwa kwabo."-*Steps to Christ,* p. 40.

**b. Kungani ukuzithethelela kwenza ukuvuma izono kungaphumeleli-na? Jobe 9:20; Luka 16:15.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Umoya wokuzilungisisa waqala kuyise wamanga futhi uyabonakala kuwo wonke amadodana namadodakazi kaAdamu. Ukuvuma kwaloluhlobo akuqhutshwa uMoya ongcwele futhi angeke kwamukeleka kuNkulunkulu. Ukuphenduka ngeqiniso kuzoholela umuntu athwalele kuye icala lakhe futhi alivume ngaphandle kwenkohliso noma ukuzenzisa."-Ibid., p. 40.

"Akufanele sizame ukunciphisa icala lethu ngokuthethelela isono. Kufanele samukele isono ngokulinganisa kukaNkulunkulu, futhi lokhu kusinda kakhulu. YiKhalivari kuphela elingembula ubutha obusabekayo besono. Uma kufanele sithwale isono sethu, sizosicindezela. Kodwa Lowo ongenasono uthathile indawo yethu; noma kungamfanele, ubuthwalile ububi bethu. 'Uma sizivuma izono zethu,' uNkulunkulu, uthembekile futhi ulungile ukusithethela izono zethu, asihlanze kukho konke ukungalungi.' 1 Johane 1:9. Yiqiniso elihle kakhulu! Ulungile emthethweni Wakhe, kodwa uLungisisa bonke abakholwa kuJesu. 'Ngubani onguNkulunkulu onjeNgawe. Othethelela insali yefa Lakho ububi bayo? Akabambeleli entukuthelweni Yakhe kuze kuba phakade."-*Thoughts from the Mount Blessings*, p. 116.

## 5. UKUVUMA IZONO OKUSOBALA — Ngolwesine, Ntulikazi 23

**a. Kungayiphi indlela uPawule ngokuthobeka avuma ngokuqondile isono sakhe-na? Izenzo 26:10, 11.**

"Izibonelo ezisezwini likaNkulunkulu zokuphenduka kweqiniso nokuzithoba zembula umoya wokuvuma izono lapho kungekho sizathu noma ukuzama ukuzilungisisa. UPawule akazange afune ukuzivikela; noma amboze isono sakhe ethunzini lobumnyama, engazami nokunciphisa icala lakhe. [ Izenzo 26:10, 11 ngokuphindwa]."-*Steps to Christ,* p. 41.

**b. Kuyini uPawule ayimemezela encwadini yakhe yokuqala ku-Thimothi-na? 1 Thimothi 1:15.**

"Akufanele sizame ukunciphisa icala lethu ngokuthethelela isono. Kufanele samukele isillingaso sikaNkulunkulu maqondana nesono, ukuthi sinzima ngempela. IKhalivari kuphela elingembula ubukhulu obesabekayo besono. Uma kwakufanele sizithwalele icala lethu, besizosibulala. Kodwa Lowo ongenasono wathatha indawo yethu; noma wayengafanele, wabetshatha ububi bethu. 'Uma sizivuma izono zethu,' UNkulunkulu 'uthembekile futhi ulungile ukuba asithethelele izono, asihlanze kukho konke ukungalungi.' 1 Johane 1:9. Kuyqiniso elimangalisayo! -ngenxa yomthetho Wakhe, nokho enguMlungisi wabo bonke abakholwa kuJesu. 'Ngubani onguNkulunkulu njeNgawe, othethelela insali yefa Lakho ububi bayo-na? Akabambeleli entukuthelweni yakhe kuze kube phakade, ngokuba wenamela umusa.' Mika 7:18."-*Thoughts from the Mount Blessings*, pp. 115, 116.

**c. Uma sizivuma izono zethu, kuyini lokhu uNkulunkulu akuthembisile-na? 1 Johane 1:9.**

"Inhliziyo ethobekile nedabukileyo, ethotshiselwe ukuphenduka kwangempela, izothokozela okuthize othandweni lukaNkulunkulu ngenani laseKhalvari; futhi njengoba indodana ivuma izono zayo kuyise onothando, kanjalo ophenduka ngokweqiniso uzoletha zonke izono phambi kukaNkulunkulu. Futhi kulotshiwe, [1 Johane 1:9, ngokuphindiwe]."-*Steps to Christ,* p. 41.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ntulikazi 24

1. **Uma sivuma izono zethu ngokwethembeka kuNkulunkulu, sima kanjani phambi Kwakhe?**
2. **Yiziphi izimo lapho okunye ukuvuma kufanele kwenziwe kwabanye abantu, futhi kungani-na?**
3. **Kungani kubalulekile ukuthi ukuvuma izono kuqonde-na?**
4. **Chaza ingozi yokuzithethelela.**
5. **Uyini umphumela wokuvuma ngokuzithoba-na?**

# Umnikelo WeSabatha Lokuqala

Ncwaba 1, 2026

## General Conference Education Department

"Khulisa umntwana ngendlela eyakuba-ngeyakhe: kuyakuthi lapho esekhulile angasuki kuyo" (Izaga 22:6).

Siphila esikhathini esizothile. Phakathi komphakathi okhulayo emhlabeni, ukuziphendulela bokufundisa abantwana bethu nabasha ukumesaba uJehova kuphuthuma kakhulu ukudlula ngaphambili. Njengabazali, abafundisi, namalunga omzimba kaKristu, sinomsebenzi ongcwele wokulungisa isizukulwane esizokwazi ukuvikela ukholo ngokuqina, ngokuzithoba, nangokuqiniseka.

"Ulwazi lwemfundo yangempela iqiniso, okufanele ligxiliswe ngokujulile emphefumulweni kangangokuba awukwazi ukunciphisa iphutha eligcwele yonke indawo."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 131.

Kulengqikithi, iGenerala Conference Education Department ilokhu isebenza ngokuhlakanipha ukuqinisa nokukhulisa izikolo zethu zokuhambisa ivangeli emhlabeni wonke. Izikhungo eziningi zemfundo ziswela izakhiwo ezifanele, uhlelo lwanamuhla, nezinto zokwakha ezifanela isimoya ngempela abafundi bethu. Ukudlula lapho, amazwe ahlukene acele ukuvulwa kwezikhungo zemfundo ezikhulisa kungesikho imfundo kuphela kodwa izimiso zevangeli elingunaphakade.

Lomnikelo okhethekil uzoxhasa izindawo ezintathu ezibalulekile:

1. Ukwakhiwa kabusha kokubakhona kwezikolo zokohambisa ivangeli:
2. Ukumiswa kwezikolo ezintsha kwizifunda ezidinga ukungena ku-SDARM Christian Education.
3. Ukuhumusha okusezingeni eliphakeme nomsebenzi wokulungisa impahla yokufunda ezikhulisiwe yiqembu labothishela ukusiza izikolo zokuvangela ngezilimi ezihlukene neziyingqikithi yemvelo.

"Imfundo yangempela ukuqeqeshwa kokuhambisa ivangeli. Yonke indodana nendodakazi kaNkulunkulu babizelwa ukuhambisa ivangeli; sibizelwa umsebenzi kaNkulunkulu nabangane bethu; nokusenza silungele lomsebenzi kufanele kube isihloko semfundo yethu."-*The Ministry of Healing,* p. 395.

"Ngakho-ke, siyanicela, bazalwane nodade abathandekayo, nilethe iminikelo ngesihle ngombono wokuhambisa ivangeli. Sinikele kwimfundo yabantwana bethu nabasha sigcina ikusasa lebandla, ekumemezeleni ivangeli, nakwisivuno sokugcina.

Kwangathi iNkosi ingandisa izipho zenu iqinise ukubaluleka kokufundisa-futhi kwangathi izikolo zethu ngempela zingaba ukukhanya okukhazimula ebumnyameni, ukulungiselela isizukulwane esithembekile ekubuyeni masinyane koMsindisi wethu.

*General Conference Education Department*

# Ukungcweliswa

**IVESI LEKHANDA: "Niyakungifuna, ningifumane; lapho ningifunisisa ngenhliziyo yenu yonke" (Jeremiya 29:13).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* pp. 43-48.

"Akunakwenzeka kithi ngamandla ethu ukugcina ukungqubuzana; nanoma yini ephambukisa ingqondo ukuba isuke kuNkulunkulu, noma yini esiholela ekuziphakamiseni noma ekuzethembeni, ngokuqiniseka silungiselela indlela yokuwa kwethu. Umgomo weBhayibheli ungukugxilisa ukungathembi amandla omuntu nokukhuthaza ukuthembela emandleni angcwele."-*Patriachs and Prophets,* p. 717.

## 1. IMPI YOKULWA NO-MINA — NgeSonto, Ntulikazi 26

**a. UPawule uchaza kanjani impi yobuKrestu nezikhali ezidingekayo-na? Efesu 6:12-18.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"USathane wahlasela uKristu ngezilingo ezinolaka nezinobuqili obukhulu, kepha waxoshwa ekuhlaselweni konke. Lezo zimpi zaliwa ngenxa yethu; lokho kunqoba kwenza kwaphumelele kithi ukunqoba. UKristu uzonikeza amandla kubo bonke abawafunayo. Akukho muntu ngaphandle kokuvuma kwakhe onganqotshwa nguSathane. Umlingi akanawo amandla okulawula intando noma acindazele umphefumulo ukuba wone. Bangaba lusizi, kodwa angeke bangcoliswa. Bangabanga buhlungu, kodwa angeke bangcola. Umcabango wokuthi uKristu wanqoba kufanele ukhuthaze abalandeli Bakhe ngesibindi sokulwa ngobudoda impi yokumelana nesono noSathane."-*The Great Controversy*."-*The Great Conroversy,* p. 510.

**b. Kukuphi lapho uSathane ezama ukuthola umbuso ngokuphelele-na? Izaga 4:23.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ngokuba unjengozicabangelayo, unjalo naye.' Izaga 23:7. Inhliziyo mayivuselelwe ngomusa ongcwele, noma kuzoba yize ukufuna ukuhlanzeka. Lowo ozama ukwakha isimilo esihle, nesilungile ngaphandle komusa kaKristu wakha indlu yakhe phezu kwesihlabathi solwandle. Ngesikhathi sesivunguvungu sesilingo esinamandla izowiswa phansi."-*Patriachs and Prophets*, p. 460.

## 2. ISIMEMO ESINGCWELE

**NgoMsombuluko, Ntulikazi 27**

**a. Kuyini okumele ukudele ukuze ube-ngumfundi kaKristu-na? Luka 14:33; Mathewu 6:24.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Ekuzinikeleni kwethu kuNkulunkulu, kufanele silahle konke okuzosehlukanisa Naye. Kodwa uMsindisi uthi, [Luka 14:33 ngokuphindwa]. Noma yini ezosusa inhliziyo kuNkulunkulu kufanele iyekwe. UMamona uyisithixo sabaningi. Ukuthanda imali, ukufisa ingcebo, yiketanga legolide elibabophela kuSathane. Idumela nokuhlonishwa ngumhlaba kukhonzwa elinye ixuku. Ukuphila ngokukhululeka kubugovu nenkululeko yokuziphendulela kuyisithixo sabanye. Kodwa lezibopho zobugqila kufanele zigqashulwe. Angeke saba yinxenye yeNkosi nenxenye yomhlaba. Asisibo abantwana bakaNkulunkulu ngaphandle kokuthi sibe ngaBakhe ngokuphelele."-*Steps to Christ,* p. 44.

**b. Siyini isimemo iNkosi esidlulisela kubo bonke abafisa ukuvuselelwa kwenhliziyo nokuphila-na? Isaya 1:18; Jeremiya 29:13; Jakobe 4:7-10.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Umbuso kaNkulunkulu akuwona, njengoba uSathane ezowenza ubonakale, njengosekelwe ekuzithobeni obuyimpumputhe, nokulawula okungenangqondo. Uncenga ingqondo nonembeza….UNkulunkulu akacindezeli intando yezidalwa Zakhe. Angeke amukele inkonzo engathandi nengazinikeli ngokuhlakanipha. Ukuzithoba okucindezelwe kuzovimbela konke ukuthuthuka kwengqondo nesimilo; kuzokwenza umuntu abe njengomshini ozihambelayo. Okunjalo akuyona inhloso yoMdali. Ufisa ukuthi umuntu, umsebenzi omkhulu wamandla Akhe okudala, uzofinyelela ekukhuleni okuphakeme kakhulu. Ubeka phambi kwethu isibusiso esikhulu leso afisa ukusinikeza ngomusa Wakhe. Uyasimema ukuthi sinikele Kuye, ukuze asebenze intando Yakhe kithi. Kusele kithi ukukhetha noma ukuba singakhululwa ebugqilini besono, ukwabelana nenkululeko yamadodana kaNkulunkulu."-Ibid., pp. 43, 44.

"UKristu wabonakaliswa ngokusobala njengoMsindisi wabantu. Abantu kwakungafanele bathembele emisebenzini yabo, ekulungeni kwabo, noma ngokwabo nganoma ngayiphi indlela, kodwa kwiWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe. Kuye uMmeli noBaba bembulwa. Ngaye isimemo sanikezwa, 'Wozani-ke, sithethe indaba, usho uJehova; noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, ziyakuba njengoboya bezimvu.' Lesimemo sizwakala phansi ngokufanayo kithina namuhla. Makungabikho ukuzigabisa, noma ukuzazi, noma ukulunga okungokwethu okuzovimbeli noma ngubani ukuba avume izono zakhe, ukuze abize isithembiso."-*Fundamental of Christian Education,* p. 239.

## 3. UKRISTU WANIKELA NGAKHO KONKE **Ngolwesibili, Ntulikazi 28**

**a. Kuyini okunikeza uKristu ilungelo lokuthathela abantwana Bakhe abayise ezulwini-na? Kolose 1:14; Heberu 7:25.**

________________________________________________________________________

"Phakathi kobumnyama obesabekayo, hleze bamkhohlwe uNkulunkulu, uKristu uthe waphuza izinsalela kwindebe yosizi lomuntu. Ngalamahora esabisayo wencika phezu kobufakazi bokwamukelwa nguBaba Wakhe ngaphambili azomupha Wona. Wayejwayelene nesimilo sikaBaba Wakhe; wazwisisa ukulunga Kwakhe, umusa Wakhe, nothando Lwakhe olukhulu. Ngokukholwa weyama Kuye lowo bekuyinjabulo Yakhe njalo ukuyilalela. Ngokuzithoba wazinikela uQobo kuNkulunkulu, umcabango wokulahlekelwa umusa kaNkulunkulu osusiwe. Ngokukholwa, uKristu waba ngumnqobi."-*The Desire of Ages*, p. 756.

"Ngesipho esinguJesu, uNkulunkulu wanikela ngezulu lonke. Ngokombono womuntu, umhlatshelo onjalo ubuyincithakalo. Ngomcabango womuntu lonke icebo lensindiso yincithakalo yomusa kanye nezinsiza. Ukuzidela nomhlatshelo wenhliziyo yonke kuzohlangana nathi yonke indawo. Nokho sengathi umbutho wezulu ungabheka ngokumangalela umkhaya woluntu owenqaba ukuphakanyiswa nokunothiswa ngothando olungenamkhawulo olubonakaliswa kuKristu. Nokho bangababaza, Kungani kuyincithakalo enkulu-na?

"Kodwa ukuhlawulwa komhlaba olahlekile kwakufanele kugcwale, kubemkhulu, futhi uphelele. Umnikelo kaKristu bowumkhulu kakhulu ukuba ufinyelele kumphefumulo ngamunye lowo uNkulunkulu awudalile. Kwakungenakuvinjelwa ukuze kungadluli isibalo esizokwamukela iSipho esikhulu. Akusindiswa wonke umuntu; kodwa icebo lensindiso akuyona incithakalo ngoba ingaphelelisi yonke inkululeko yalo owunikelweyo. Kufanele kubekhona okwanele nesingakonga."-Ibid., pp. 565, 566.

**b. Kuyini uJesu akufuna kubo bonke abafisa ukuba abantwana Bakhe nabadinga ulwazi lokwamukela uMoya Wakhe-na? Izaga 23:26.**

________________________________________________________________________

"[UJesu] ulindile ngobumnene obunesisa ukulalela ukuvuma kwalabo abangalaleli, nokwamukela ukuphenduka kwabo. Ubheka imbuyiselo ethize yokubonga okuvela kubo, njengomama obheka ngokumomotheka ukubona okuvela kumntwana amthandayo. UNkulunkulu usifundisa ukuthi simbize ngoBaba. Uthanda ukuba siqonde ukuthi ngokukhuthala nangobumnene benhliziyo Yakhe ulangazelela ngaphezu kwezilingo zonke nokuhlolwa kwethu."-*Gospel Workers*, p. 210.

"Kuyini esikudelayo, uma sinikela konke-na? Inhliziyo engcoliswe yisono, nokuthi uJesu ayihlanze, ayihlanze ngegazi Lakhe, nokuthi asisindise ngothando Lwakhe olungenamlinganiso. Nokho abantu bacabanga kanzima ukushiya konke! Nginamahloni ukuzwa kukhulunywa ngakho, nginamahloni ukubhala ngakho."-*Steps to Christ,* p. 46.

## 4. UKUZINIKELA NGOKUPHELELE **Ngolwesithathu, Ntulikazi 29**

**a. Yisiphi isifiso sikaPawule esiqotho samakholwa-na? Roma 12:1; 1 Thesalonike 5:23.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Noma ayeqondiswe kuIsrayeli wasendulo, lamazwi aqukethe isifundo sabantu bakaNkulunkulu namuhla. Lapho umpostoli enxusa abazalwane Bakhe ukuba banikele imizimba yebo 'ibe ngumnikelo ophilileyo, ongcwele, othandeka kuNkulunkulu,' wabeka phambili izimiso sokungcweliswa kweqiniso. Akuwona umcabango nje, noma umuzwa, noma isimo samazwi, kodwa ukuphila, kwesimiso esisebenzayo esingeniswa ekuphileni kwemihla ngemihla. Kudinga ukuthi imikhuba yokudla kwethu, ukuphuza, nokwembatha okufanele kuvikele umzimba, ingqondo, nokuziphatha kwempilo, ukuthi sinikele eNkosini imizimba yethu, kungewona umnikelo owonakele ngenxa yemikhuba ephambukile, kodwa umnikelo ophilileyo, ongcwele, othandeka kuNkulunkulu."-*The Sanctified*, pp. 27, 28.

"Kufanele sizinikele ngokwethu emsebenzini kaNkulunkulu, futhi kufanele sifune ukwenza umnikelo ophelele ngokungenzeka. UNkulunkulu angeke athokozela nanoma yini okuncane kunokungcono esingakunikela. Kulabo abamthanda ngenhliziyo yonke, bazolangazela ukunikela umsebenzi omuhle wokuphila, futhi kaningi bazofisa ukuletha amandla onke wobuntu babo ekuvumelaneni nemithetho ezokhulisa ulwazi lwabo ekwenzeni intando Yakhe."-*Patriachs and Prophets*, pp. 352, 353.

**b. Lapho izixuku zizwa inkulumo kaPeter ngosuku lwePentekoste, wawuyini umthwalo wezinhliziyo zabo-na? Izenzo 2:37, 38.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"[Isixuku] sezwa abafundi bemememezela ukuthi bekuyiNdodana kaNkulunkulu ebethelwe esiphambanweni. Abapristi nababusi bathuthumela. Ukulahlwa yicala nosizi kwabamba abantu. 'Sebekuzwa bahlabeka enhliziyweni, bathi kuPeter nakwabanye abapostoli, Madoda bazalwane, siyakwenzenjani-na?' Phakathi kwalabo ababelalele abafundi kwakungamaJuda azinikele, abeqotho ekukholweni kwabo. Amandla ahambisana namazwi esikhulumi abavumisa ukuthi uJesu unguMesiya ngempela….

"UPeter wacindezela phezu kwabantu abalahlwe yicala umcijo wokuthi bamenqabile uKristu ngoba badukiswa abapristi nababusi; nokuthi uma beqhubeka ukubheka kulabo bantu ukuba babaqondise, nokuthi balindele kubo ukuvuma uKristu ngaphambi kokwenza lokho, abasoze bamamukela uKristu nanini. Lamadoda anamandla, noma ezisho ukuthi ayamesaba uNkulunkulu, ayefisa ingcebo nodumo. Babengazimisele ukuza kuKristu ukuze bathole ukukhanya."-*The Acts of the Apostles,* pp. 43, 44.

## 5. UKUGCINA UKUZINIKELA  Ngolwesine, Ntulikazi 30

**a. Kuyini okuletha ukuqiniseka kokuthi singangcweliswa ngokungcwele eNkosini futhi sikwazi ukuthwala umfanekiso kaKristu-na? Filiphu 2:12, 13.**

"UNkulunkulu akanxusi ukuba wesabe ukuthi uZohluleka ukuphelelisa izithembiso Zakhe, ukuthi ukubekezela Kwakhe kuzodikibala, noma uzwelo Lwakhe luzotholakala lulula. Yesaba hleze intando yakho angeke yabanjwa ukuthobela intando kaKristu, hleze uzalo lwakho nemikhuba ekhuliswe yisimilo izolawula ukuphila kwakho. 'Ngokuba nguNkulunkulu osebenza kini nokuthanda nokwenza njengentando Yakhe.' Yesaba hleze umina uzongena phakathi komphefumulo wakho nokuSebenza kweNkosi okukhulu. Yesaba hleze intando kamina ingcolise inhloso ephakeme yokuthi ngawe uNkulunkulu ufisa ukuphelelisa. Yesaba ukuthembela emandleni akho, yesaba ukususa isandla sakho esandleni sikaKristu nokuzama ukuhamba endleleni yokuphila ngaphandle kobukhona Bakhe obuhlalayo."-*Christ's Object Lessons,* p. 161.

**b. Kungagcinwa kanjani ukuqina ekukholweni nokuzinikela ngokuphelele ezimisweni ezifanele ukugcinwa-na? Galathiya 2:20; Mathewu 16:24, 25.**

"Labo abazozuza isibusiso sokungcweliswa kufanele bafunde kuqala isizathu sokuzidela. Isiphambano sikaKristu siyinsika engaphakathi okulenga phezu kwaso isisindo sobukhosi esidlulele senkazimulo ephakade."-*The Acts of the Apostles,* p. 560.

"Awukwazi ukuguqula inhliziyo yakho, awukwazi ngokwakho ukunikeza uNkulunkulu ukuthanda kwayo; kodwa ungakhetha ukumkhonza. Ungamnika intando Yakho; Yena uzosebenza kuwe ukuthanda nokwenza ngokwentando Yakhe….

"Ngokusebenzisa intando efanele, lonke ushintsho lungenziwa empilweni yakho. Ngokunikela intando yakho kuKristu. Uzihlanganisa namandla angaphezu kwabo bonke ubukhosi namandla. Uzoba namandla avela phezulu okukubamba uqinile, futhi ngokuzinikela njalo kuNkulunkulu uzokwazi ukuphila impilo entsha, ngisho nempilo yokukholwa."-*Steps of Christ,* pp. 47, 48. [Authors italics]

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE  NgoLwesihlanu, Ntulikazi 31

1. **Kuyini okudingekayo ukuze siphumelele empini yokulwa nesitha semiphefumulo yethu-na?**
2. **Iyiphi impi yangempela ukuze sibe nokunqoba isitha esikade sanqotshwa-na?**
3. **Kuyini esingakufunda ngesipho sikaKristu ngensindiso yethu-na?**
4. **Iyiphi inhloso kaNkulunkulu kwabakholwayo, ngokomzimba nangesimoya-na?**
5. **Uma intando yethu ivumelana nentando kaNkulunkulu, mava mani esizoba nawo nsuku zonke-na?**

# Ukukholwa Nokwamukela

**IVESI LEKHANDA: "Ngiyakuninika inhliziyo entsha, ngifake phakathi kwenu umoya omusha, ngikhiphe inhliziyo yetshe enyameni yenu, ngininike inhliziyo yenyama" (Hezekeli 36:26).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* chapter 6, pp. 49-55.

"Awukwazi ukuhlawula izono zakho ezedlule; awukwazi ukuguqula inhliziyo yakho uyenze -ngcwele. Kodwa izithembiso zikaNkulunkulu zizokwenzela konke lokhu ngoKristu."-*Steps to Christ,* p. 51.

## 1. UKUTHETHELELO NOKUTHULA — NgeSonto, Ncwaba 2

**a. Yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu esimangalisayo sentethelelo nokuthula-na? 1 Johane 1:9.**

______________________________________________________________________

"Uyabona ukuthi ukuphila kwakho kugcwele ubugovu nesono. Uyafisa ukuthethelelwa, ukuhlanzwa, nokukhululwa. Ube nokuvumelana noNkulunkulu, ufane Naye-kuyini ongakwenza ukuba ukuzuze-na?

"Udinga ukuthula-Intethelelo yeZulu ukuthula nothando emphefumulweni. Akuthengwa ngemali, nokuhlakanipha akusoze kwakuthola, ukwazi angeke kwakuzuza; angeke waba nethemba, ngemizamo yakho, ukuba ungakuzuza, kodwa uNkulunkulu ukupha kona njengesipho, ngaphandle kwemali nangaphandle kwentengo.' Kungokwakho uma uzokwelula kuphela isandla sakho ukubambe."- *Steps to Christ,* p. 49.

**b. Yisiphi esinye isithembiso esibalulekile esizoguqula sonke isidalwa sibe umuntu omusha ngokuvumelana noNkulunkulu-na? Hezekeli 36:26.**

______________________________________________________________________

"Uzivumile izono zakho, futhi ngenhliziyo wazilahla. Wanquma ukuzinikela kuNkulunkulu. Manje hamba Kuye, umcele ukuthi ahlanze izono zakho akuphe inhliziyo entsha. Bese uyakholwa ukuthi wenza lokhu *ngoba uthembisile*. Lesi isifundo uJesu asifundisa ngesikhathi elapha emhlabeni, ukuthi isipho uNkulunkulu asithembise sona, masikholwe ukuthi sizosamukela, futhi singesethu."-Ibid., pp. 49, 50. [Author's italics.]

## 2. UKUPHILA NGOKRISTU



**a. Kuyini uJesu akutshela ofe uhlangothi eBethesda ukuba akwenze futhi kuyini esingakufunda kulamava-na? Johane 5:1-9.**

____________________________________________________________________________

"Masiphendukele kwimbali yomuntu okhubazekile eBethesda. Ohluphekile nompofu wayengenakuzisiza; akazange asebenzise izitho zomzimba iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Kodwa uJesu wathi kuye, 'Sukuma, uthabathe uhlaka lwakho, uhambe.' Lomuntu ogulayo ngabe wathi, 'Nkosi uma ungangiphilisa, ngizolalela izwi Lakho.' Kodwa, cha, wakholwa yizwi likaKristu, wakholwa ukuthi usephilisiwe, wenza umzamo ngaleso sikhathi; *wavuma* ukuhamba, futhi wahamba ngempela. Wenza ngokusho kwezwi likaKristu, noNkulunkulu wamupha amandla. Waphulukiswa."-*Steps to Christ,* p. 50.

"UJesu akazange amuphe isiqiniseko sosizo olungcwele. Lendoda ngabe yavumela ukungabaza, ngabe yalahlekelwa umzuzu owodwa wokuphiliswa. Kodwa yakholwa yizwi likaKristu, futhi ngokwenza ngokwezi Lakhe yathola amandla.

"Ngokukholwa okufanayo singamukela ukwelashwa kwesimoya. Ngenxa yesono sisusiwe ekuphileni kukaNkulunkulu. Imiphefumulo yethu ikhubaziwe. Ngokwethu asisakwazi ukuphila impilo engcwele kunaleyo umuntu angabanamandla okuyihamba. Kukhona abaningi abaqondayo ukungabinakho ukuzisiza, labo abalangazela ukuphila kwesimoya okuzobaletha ekuvumelaneni noNkulunkulu; bazama ngeze ukukuzuza. Ngokulahlekelwa ithemba bayamemeza, 'Wo mina muntu wosizi! ngubani oyakungikhulula kulomzimba wokufa-na? Roma 7:24, isiphetho. Makuthi lokudangala, abahluphekayo babheke phezulu. UMsindisi uthobela phezu kokuthengwe ngegazi Lakhe, uthi ngobumnene obungechazwe kanye nesihawu, 'Uyathanda ukusinda-na? Uyakuncenga ukuba uvuke uphile ube nokuthula."-*The Desire of Ages,* p. 203.

**b. Kuyini okuthenjiswe isoni ngoKristu-na? 2 Izikronike 7:14; Hoseya 14:4.**

____________________________________________________________________________

"Awusoze wahlawula izono zakho ezedlule; awusoze waguqula inhliziyo yakho uyenze ibengcwele. Kodwa izithembiso zikaNkulunkulu zizokwenza konke lokhu kuwe ngoKristu. *Uyakholwa* yini yilesithembiso. Uyavuma yini izono zakho bese uzinikela ngokwakho kuNkulunkulu. *Uyathanda* yini ukumkhonza. Uma ukwenza lokhu ngempela, uNkulunkulu uzophelelisa izwi Lakhe kuwe. Uma ukholwa isithembiso-kholwa ukuthi uthethelelwe futhi uhlanjuliwe-uNkulunkulu uzogcwalisa umcabango; uzopheleliswa, njengoba uKristu anikeza amandla okuhamba kulowo okhubazekile lapho lendoda ikholwa ukuthi iphilisiwe. Kuzobanjalo nakuwe uma ukholwa yiso.

"Ungalindi *uzizwe* ukuthi uphilisiwe, kodwa ithi, 'Ngiyakholwa; ukuthi kunjalo, kungesikho ukuthi uyazizwa, kodwa ngoba uNkulunkulu uthembisile."- *Steps to Christ,* p. 51. [Author's italics.]

## 3. UKWAMUKELWA KWABATHANDIWEYO

**Ngolwesibili, Ncwaba 4**

**a. Uma uJesu emukelwa njengoMsindisi, kwenzekani ezonweni zesikhathi esedlule-na? Roma 3:24, 25; 5:1, 9, 10.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"'Konke enikukhulekelayo nenikucelayo, kholwani ukuthi nikwamukele, nizakuba-nakho.' Marako 11:24. Kukhona umbandela kulesithembiso-ukuthi sikhuleke ngokuya ngentando kaNkulunkulu. Kodwa intando kaNkulunkulu engasihlanza esonweni, ukusenza abantwana Bakhe, nokusisiza ukuba siphile impilo engcwele. Kanjalo singacela lezibusiso, sikholwe ukuthi sizamukele, simbonge uNkulunkulu ukuthi sizamukele. Kuyilungelo lethu lokuya kuJesu asihlanze, nokuthi sime phambi komthetho ngaphandle kwamahloni noma ukuzisola."-*Steps to Christ,* p. 51. [Author's italics.]

**b. Ukuma okunjani okholwayo anakho phambi kukaNkulunkulu-na? Roma 8:1.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lapho ukuphila kwamaKrestu kuphawulwa ngokuzithoba, akufanele kuphawulwe ngosizi nokuzilulaza. Kuyilungelo lomuntu ngamunye ukuphila lokhu uNkulunkulu azokuvuma futhi ambusise. Akuyona intando kaBaba wethu osezulwini ukuthi sibe ngaphansi kokulahlwa nobumnyama. Abukho ubufakazi bokuzithoba ngeqiniso ngokuhamba ugobise ikhanda phansi kodwa inhliziyo igcwele imicabango yomina. Singaya kuJesu ukuba sihlanzwe, nokuma phambi komthetho ngaphandle kwamahloni nokuzisola."-*The Great Controversy,* p. 477.

"Uma sizinikela ngakho konke kuNkulunkulu, sikholwe ngokugcwele, egazini likaKristu elihlanza ezonweni zonke. Unembeza ungakhululwa ekulahlweni. Ngokukholwa egazini Lakhe, konke kuzopheleliswa ngoKristu Jesu…. Akufanele sikhathazeke ukuthi uKristu noNkulunkulu bacabangani ngathi, kodwa ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngoKristu, uMbambeli wethu. Nina namukelwa ngoThandiweyo."-*Selected Messages,* bk. 2, pp. 32, 33.

**c. Ngeyiphi inguquko okumele ibonwe yibo bonke abangena ebudlelwaneni besivumelwano noNkulunkulu-na? 1 Peter 1:18, 19; 1 Korinte 6:19, 20; Galathiya 3:26.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kepha anisebona abenu; nithengiwe ngenani. [1 Peter 1:18, 19 ngokuphindwa.] Ngenxa yesenzo esilula sokukholwa kuNkulunkulu, uMoya Ongcwele udala ukuphila okusha enhliziyweni yakho. Ufana nomntwana ozelwe emndenini kaNkulunkulu, futhi uyakuthanda njengoba ethanda iNdodana Yakhe."-*Steps to Christ,* pp. 51, 52.

## 4. OKUHAMBA NOKRISTU

**Ngolwesithathu, Ncwaba 5**

**a. Kungayiphi indlela okulindelwe ukuthi ikholwa liziphathe ngayo-na? Kolose 2:6.**

"Manje njengoba usuzinikele kuJesu, mawungabuyeli emuva, ungazisusi Kuye, kodwa imihla ngemihla uthi, 'Ngingoka-Kristu; Ngizinikele Kuye;' bese ucela akuphe uMoya Wakhe akugcine ngomusa Wakhe. Njengoba kungokuzinikele kuNkulunkulu, ukholwe Nguye, ukuthi uba ngumntwana Wakhe, kanjalo kufanele uphile Kuye. Umposoli uthi, 'Ngakho-ke njengalokhu nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani niKuye.' Kolose 2:6.

"Abanye bazizwa ukuthi kufanele babe semuseni, futhi kufanele bafakaze eNkosini ukuthi balungisiwe, ngaphambi kokuba babize isibusiso Sakhe. Kodwa bangabiza isibusiso sikaNkulunkulu ngisho namuhla. Kufanele babe nomusa Wakhe, uMoya kaKristu, ubasize ebuthakathakeni babo, noma abasoze bamelane nobubi. UJesu uyathanda ukuthi size Kuye njengoba sinjalo, siyizoni, singenakuzisiza, siphethwe. Singeza Kuye nabo bonke ubuthakathaka bethu, ubuthutha bethu, ukona kwethu, siwe ezinyaweni Zakhe ngokudabukela isono. Kuyinkazimulo Yakhe ezingalweni zothando Lwakhe nokubopha amanxeba ethu, nokusihlanza kukho konke ukungcola."-*Steps to Christ,* p. 52.

**b. Yikuphi ukuhlinzekelwa kwamaphutha okwenziwe ngohlelo lokufunda-na? 1 Johane 2:1, 2.**

"Bekela eceleni ukucabangela ukuthi izithembiso zikaNkulunkulu azenzelwanga wena. Lezithembiso ezawo wonke ophenduka ekweqeni umthetho. Amandla nomusa kunikeziwe ngoKristu okulethwa ngezingelosi ezisiza wonke umphefumulo okholwayo. Akukho oyisoni esikhulu ongasoze athole amandla, ukuhlanzeka, nokulunga kukaJesu, owabafelayo. Ulindele ukususa izambatho zabo ezinabala nezingcoliswe isono, nokubeka phezu kwabo ingubo emhlophe yokulunga; uyabanxusa ukuba baphile futhi bangafi."-Ibid., pp. 52, 53.

**c. Chaza ukuthi siqiniswa kanjani kuloluhambo. 1 Johane 1:7; Galathiya 5:16, 17, 25.**

"Labo abahamba ngezindlela zokuhlakanipha, ngisho nasekuhluphekeni, babonakala bejabule kakhulu; ngoba Lowo othandwa umphefumulo wabo, uyahamba, engabonwa, phambi kwabo. Inyathelo ngalinye elinyukela phezulu lihlukanisa ngokukhanyayo ukuthinta kwesandla Sakhe; kwinyathelo ngalinye imisebe ekhanyayo yenkazimulo yokuwa Okungabonwa endleleni yabo; nezingoma zabo zokudumisa, zifinyelela kwizinga eliphezulu, lenyuke ukuhlanganyele nengoma yezingelosi phambi kwesihlalo sobukhosi."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* p. 140.

## 5. UTHANDO LUKABABA OLUSINDISAYO — Ngolwesine, Ncwaba 6

**a. Yiziphi izimo zokwamukelwa nguNkulunkulu-na? Isaya 55:7; 44:22.**

"UNkulunkulu akasiphathi njengabantu abangafi abaphathana ngayo omunye komunye. Imicabango Yakhe iyimicabango yomusa, uthando, nozwelo olumnene."-*Steps to Christ,* p. 50.

"Bonke abangaphansi kokukhuza kukaNkulunkulu bazothobisa umphefumulo ngokuvuma nokuphenduka, njengoba kwenza uDaniyeli, angaqiniseka ukuthi likhona ithemba kuye. Bonke ngokukholwa abamukela izithembiso zikaNkulunkulu, bazothola intethelelo. INkosi angeke yadela umphefumulo ophenduka ngokweqiniso."-*Patriachs and Prophets,* p. 726.

**b. Siyini isimo sengqondo kaBaba wethu osezulwini seqiniso kubo bonke abadukile-na? Hezekeli 18:32; Luka 15:18-20.**

"USathane ulungele ukweba ithemba elibusisekile likaNkulunkulu. Ufisa ukuthatha konke ukulokoza kwethemba nemisebe yonke yokukhanya emphefumulweni; kodwa ungamvumeli akwenze lokho. Unganikezi indlebe kumlingi, kodwa yithi, 'UJesu wafa ukuze ngiphile. Uyangithanda, futhi engathandi ukuba ngibhubhe…Umfanekiso usitshela ukuthi ozulayo uzokwamukelwa: [Luka 15:18-20 ngokuphindwa].

"Ngisho nalomfanekiso, omnene nonomhawu njengoba unjalo, uyasilela ukugcizelela uzwelo olungapheli lukaBaba osezulwini. Umprofethi uthi ngoJehova, 'Ngikuthandile ngothando oluphakade: *ngalokho ngikudonsile ngomusa.'* Jeremiya 31:3. Lapho isoni sikude nekhaya likaBaba, sichitha imfuyo yaso ezweni engalaziyo, inhliziyo kaBaba beyimlangazelela; futhi konke ukulangazela okuvuswa emphefumulweni ukuba kubuyele kuNkulunkulu kumane kuncenga ngesisa soMoya Wakhe, ukuvumisa, ukuncenga, ukusondeza isihambi enhliziyweni yothando lukaYise."-*Steps to Christ,* pp. 53, 54. [Author's italics.]

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ncwaba 7

1. **Kuyini okungena emphefumulweni lowo izono zakhe zithethelelwe-na?**
2. **Kungani ofe uhlangothi eBethesda abanakho ukuhamba masinyane-na?**
3. **Lapho samukela uKristu njengoMsindisi wethu, yisiphi isithembiso okungesethu-na?**
4. **Iyini imfihlakalo yokuhamba ngokunqoba noKristu-na?**
5. **Chaza umehluko phakathi kwenzondo kaSathane nothando lukaBaba oluhlengayo.**

**ISABATHA, NCWABA 15, 2026** **Isifundo 7**

# Ukuhlolwa Kobufundi

**IVESI LEKHANDA: "Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha" (2 Korinte 5:17).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ*, chapter 7, pp. 57-65.

"Isimilo siyembulwa, hayi ngezenzo ezinhle ngezikhathi ezithile, nokungenzi lutho, kodwa umkhuba ovamile ngamazwi nezenzo."-*Steps to Christ*, pp. 57, 58.

## 1. UMSEBENZI KAMOYA **NgeSonto, Ncwaba 9**

**a. Yisiphi isifundo uKristu asifundisa sona lapho echaza umsebenzi wokuphenduka-na? Johane 3:5-8.**

"Umuntu angeke akwazi ukusho isikhathi esiqondile noma indawo, noma alandelise uhlu lwemininingwane yezehlakalo zokuphenduka; kodwa lokhu akusho ukuthi akaphendukanga…Njengomoya, awubonakali, kodwa imiphumela yawo ibonakala ngokukhanyayo futhi iyezwakala, ngoMoya kaNkulunkulu emsebenzini wawo phezu kwenhliziyo yomuntu. Lamandla adala kabusha, lowo kungekho mehlo omuntu ongawabona, ukuzalwa kwempilo entsha emphefumulweni; adala kabusha umuntu ngomfanekiso kaNkulunkulu."-*Steps to Christ,* p. 57.

**b. Ngeyiphi inguquko ezobonakala ekuphileni kulowo oguquke ngempela-na? Roma 12:9-18; 2 Korinte 5:17.**

"Lapho singakwazi ukwenza noma yini ukuguqula izinhliziyo zethu noma ukuziletha ekuvumelaneni noNkulunkulu; nalapho singafanele ukuzethemba ngakho konke noma imisebenzi yethu emihle, ukuphila kwethu kuzokwembula noma umusa kaNkulunkulu uhlezi phakathi kwethu. Inguquko izobonakala esimilweni, imikhuba, okulandelwayo. Umahluko uzocaca futhi unqunywe phakathi kwalokhu bebeyikho ngaphambili nalokhu abayikho manje…

"Kuyiqiniso ukuthi kungabakhona ukulunga kokuziphatha okubonwayo ngaphandle kwamandla aguqulayo kaKristu. Uthando lomfutho nokufisa ukuthanda abanye kuzoveza ukuphila okuhleleke kahle. Ukuzihlonipha kuzosiholela ukuthi sigweme ukubonakala kokubi. Inhliziyo ezidelayo ingenza izenzo zomusa. Okusho ukuthi, ngalesikhathi, sizonquma ukuthi sisohlangothini lukabani-na?

"Ngubani osenhliziyweni-na? Imicabango yethu ikubani-na?"-Ibid., pp. 57, 58.

**a. Yisiphi isithelo esivezwa yilabo abangcweliswe ngoMoya-na? Galathiya 5:22, 23.**

________________________________________________________________________________

"Labo ababa yizidwala ezintsha kuKristu Jesu bazoveza izithelo zikaMoya…Izinto ababezizonda ngaphambili manje bayazithanda, izinto ababezithanda manje bayazizonda. Izwi lokuzigabisa libamnene futhi lithobeke ngenhliziyo. Okuyize nokuqholoshayo kubanzima futhi kungavinjelwa. Isidakwa siyaqabuleka, nalowo onemikhuba emibi iyahlanzeka. Imikhuba eyize nemfashini yomhlaba zibekelwa eceleni. AmaKrestu angeke afuna 'makungabi ngokungaphandle,' kodwa makube 'ngumuntu osithakeleyo wenhliziyo, ohloba ngokungabhubhiyo komoya omnene onokuthula.' 1 Peter 3:3, 4."-*Steps to Christ,* pp. 58, 59.

"Umfutho woMoya Ongcwele ukuphila kukaKristu emphefumulweni. Asimboni uKristu noma sikhulume Naye, kodwa uMoya Wakhe Ongcwele useduze kwethu endaweni eyodwa njengakomunye. Usebenza ngaphakathi nakubo bonke abamukela uKristu. Labo abazi ngokuhlala koMoya ngaphakathi okuveza izithelo zikaMoya-uthando, injabulo, ukubekezela, ubumnene, ubuhle, nokukholwa."-*The SDA Bible Commentary,* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1112.

**b. Buyini ubufakazi bokuphenduka kwangempela-na? Hezekeli 33:14, 15.**

________________________________________________________________________________

"Abukho ubufakazi benguquko yangempela ngaphandle kokuba kusebenze imvuselelo. Uma ebuyisela isiqiniseko, enikela futhi loku akuphangile, avume izono zakhe, futhi athande uNkulunkulu nabangane bakhe, isoni singaqiniseka ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuphileni.

"Lapho, njengabaphambukayo, izidalwa ezonayo, siza kuKristu sibe ngabahlanganyeli bomusa Wakhe othethelelayo, uthando luzobonakala enhliziyweni. Wonke umthwalo ubalula, ngoba ijoka uKristu alibeka phezu kwakhe lilula. Umsebenzi uba yintokozo, futhi ukuzidela kuba yinjabulo. Indlela ngaphambili ebibonakala yembozwe ubumnyama, iyakhanya ngemisebe evela kwiLanga Lokulunga.

"Ubuhle besimilo sikaKristu buzobonakala kubalandeli Bakhe. Bekuyintokozo Kuye ukwenza intando kaNkulunkulu. Uthando kuNkulunkulu, ukushisekela inkazimulo Yakhe, kungamandla abelawula ukuphila koMsindisi wethu. Uthando oluhlobisa nolukhulisa zonke izenzo Zakhe. Uthando olukaNkulunkulu. Inhliziyo engangcweliswanga angeke yalubonakalisa. Lutholakala enhliziyweni edalwe kabusha ngomusa ongcwele, uthando luyisimiso sokwenza. Lulungisa isimilo, lubusa inhliziyo, lilawula inkanuko, luthobisa inzondo, futhi likhulise uthando. Loluthando, luthokozisa umphefumulo, lwenza ukuphila kubemnandi luhlakaze umfutho kubo bonke abasizungezile."-*Steps to Christ*, p. 59.

**a. Yimaphi amaphutha emukelekayo kumaKrestu azishoyo-na? Filiphi 3:9; Roma 10:3; Jakobe 2:17.**

"Kukhona amaphutha amabili amelene nabantwana bakaNkulunkulu-ikakhulu labo abeze kuphela ukuthembela emuseni Wakhe-kufanele baqaphele kakhulu. Iphutha lokuqala, esihlezi kulo manje, kungukubheka eyabo imisebenzi, bathembele kunoma-yini abangayenza, ukuziletha ekuvumelaneni noNkulunkulu. Lowo ozama ukubangcwele ngeyakhe imisebenzi ukugcina umthetho, uzama okungeke kwenzeka. Konke okungenziwa umuntu ngaphandle kukaKristu kungcoliswe ngobugovu nesono. Ngumusa kaKristu kuphela, ngokukholwa, okungasenza sibe-ngcwele.

"Okuphambene nakho futhi okuyiphutha eliyingozi ngokufanayo ukuthi ukukholwa kuKristu kukhulula abantu ekugcineni umthetho kaNkulunkulu; ukuthi ngokukholwa kuphela siba ngabahlanganyeli bomusa kaKristu, imisebenzi yethu ayinakwenza lutho ngosindiso lwethu."-*Steps to Christ,* pp. 59, 60.

**b. Kungayiphi indlela isithembiso sesivumelwano esisha senza kugqame kanjani ukuthi umusa kaKristu awusikhiphi ekulaleleni umthetho kaNkulunkulu-na? Heberu 8:10; 10:16.**

"Umthetho kaNkulunkulu ungamazwi emvelo Yakhe; ungukuhlanganiswa kwesimiso esikhulu sothando, futhi uyisisekelo sombuso Wakhe ezulwini nasemhlabeni. Uma izinhliziyo zethu ziguqulwa zifane noNkulunkulu, uma uthando olungcwele lutshalwa emphefumulweni, ingabe umthetho kaNkulunkulu awusoze wathwalwa ekuphileni-na? Lapho isimiso sothando sitshalwa enhliziyweni, lapho umuntu eguqulelwa emfanekisweni waLowo owamdalayo, isithembiso sesivumelwano esisha siyagcwaliseka [Heberu 10:16 ngokuphindwa]. Uma umthetho ubhalwa enhliziyweni, angeke yini wabumba ukuphila-na? Ukulalela-umsebenzi nokuthembeka kothando-kuluphawu ngempela lobufundi."-Ibid., p. 60.

"UNkulunkulu udinga namuhla lokhu ayekudinga kwababili abangcwele ensimini yaseEdeni, ukulalela okuphelele kwizimfuno Zakhe. Umthetho Wakhe uhlala unjalo ngezikhathi zonke. Isilinganiso esikhulu sokulunga esibonakaliswe kwiTestamende Elidala awehliswanga kwiTestamende Elisha. Akuwona umsebenzi wevangeli ukwenza buthakathaka izimfuno zomthetho ongcwele kaNkulunkulu, kodwa umsebenzi wevangeli ukuletha abantu phezulu lapho bangacina izimiso zawo.

"Ukukholwa kuKristu okusindisa umphefumulo akusikho lokhu okuboniswa ngabaningi. 'Kholwani, kholwani,' isikhalo sabo; 'Kholwani kuKristu kuphela, uzosindiswa. Yilokhu kuphela okumele ukwenze.' Kuyilapho ukukholwa kwangempela kungukuthembela ngokugcwele kuKristu ukuze usindiswe, ukukholwa kuzokuholela ngokuphelele ekuvumelaneni nomthetho kaNkulunkulu."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1073.

## 4. INSINDISO ISIPHO SAMAHALA — Ngolwesithathu, Ncwaba 12

**a. Kuyini okulindelwe kumalunga azokhethelwa ukuphila okuphakade-na? 1 Johane 5:2, 3; 1 Korinte 7:19.**

______________________________________________________________________________

"Uma uzinikela uqobo [kuKristu], umamukele futhi njengoMsindisi wakho, besekuthi, ukuphila kwakho kwesono njengoba kwakunjalo, ngenxa Yakhe ubalelwa ukuthi ulungile. Isimilo sikaKristu sima endaweni yesimilo sakho, futhi wamukeleka phambi kukaNkulunkulu kungathi awuzange wona.

"Ukudlula lokhu, uKristu uguqula inhliziyo, uhlala enhliziyweni yakho ngokukholwa. Kufanele ugcine lokuhlangana noKristu ngokukholwa nokuzinikela okuqhubekayo ngentando yakho Kuye; njengoba uqhubeka wenza lokhu, uzosebenza kuwe ukuthanda nokwenza ngokuya ngokuhle okuthokozisa Yena. Ngakho-ke ungathi, 'Ukuphila engikuphilayo kalokhu enyameni ngikuphila ngokukholwa yiNdodana kaNkulunkulu, eyangithandayo, yazinikela ngenxa yami.' Galathiya 2:20. Njengoba uJesu wathi kubafundi Bakhe, 'Ngokuba akuyinina enikhulumayo kodwa uMoya kaYihlo okhuluma kini.' Mathewu 10:20. Kanjalo ngoKristu osebenza kini nizobonakalisa umoya ofanayo nenze imisebenzi emihle ngokufanayo-imisebenzi yokulunga, nokulalela.

"Kanjalo akukho kithi esingazigabisa ngakho. Asinayo indawo yokuzikhukhumeza. Indawo yethembe lethu isekulungeni kukaKristu esabelwa kona, futhi lokhu kwenziwa ngoMoya Wakhe osebenza ngaphakathi nangathi."-*Steps to Christ,* pp. 62, 63.

**b. Noma iNkosi yenzile amalungiselelo abo bonke ukuba bazuze insindiso, kungani abanye belahlekelwa indlela-na? Efesu 2:8, 9; Izenzo 4:12; Roma 9:30-33.**

"Esikhundleni sokukhulula umuntu ekulaleleni, ukukholwa, ukukholwa kuphela, okusenza sibe ngabahlanganyeli bomusa kaKristu, lowo osisizayo ukuba sinikele ukulalela.

"Lokhu okubizwa ukukholwa kuKristu lokhu abaprofethi abakutshela abantu ngesibopho sokulalela uNkulunkulu, akukona ukukholwa, kodwa umcabango. Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa.' Kanjalo-ke 'nokukholwa, uma kungenayo imisebenzi, kufile ngokwakho.' Efesu 2:8; Jakobe 2:17. UJesu uthi Ngaye ngaphambi kokuza Kwakhe emhlabeni, 'Ngiyathanda ukwenza intando yakho, Nkulunkulu Wami, nomthetho Wakho usenhliziyweni yami.' Amahubo 40:8. Ngaphambi kokuba ehlele futhi emhlabeni uthi.' Mina ngcigcinile imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.' Johane 15:10. Imibhalo ithi, 'Ngalokho siyazi ukuthi siyamazi Yena, uma sigcina imiyalo Yakhe….Lowo othi uhlala Kuye, yena umele ukuhamba, njengalokho ahamba Yena.' 1 Johane 2:3-6. 'Ngokuba uKristu wahlushwa ngenxa yenu, enishiyela isibonelo sokuba nilandele ezinyathelweni zakhe.' 1 Peter 2:21."-Ibid., pp. 60-62.

## 5. UKUHLALA NGOKUKHOLWA **Ngolwesine, Ncwaba 13**

**a. Kungayiphi indlela umpostoli uPawule aphila ngokunqoba-na? 1 Korinte 15:30, 31.**

______________________________________________________________________________

"Kufanele ugcine lokuhlangana noKristu ngokukholwa nokuzinikela okuqhubekayo ngentando yakho Kuye; njengoba uqhubeka ukwenza lokhu, uzosebenza kuwe ukuthanda nokwenza ngokuya ngokuhle okuthokozisa Yena."-*Steps to Christ,* pp. 62, 63.

"UKristu ebuntwini Bakhe waphelelisa isimilo, futhi lesimilo ulangazela ukusabela sona. 'Nokulunga kwethu konke kwakunjengengubo enindiweyo.' Isaya 64:6. Konke esikwenza ngamandla ethu kungcoliswe yisono. Kodwa iNdodana kaNkulunkulu 'yabonakaliswa ukuba isuse izono zethu; futhi akukho sono Kuyo.' …UKristu walalela zonke izimfuno zomthetho. Uthi Ngaye, 'Ngiyathanda ukwenza intando Yakho, Nkulunkulu Wami; Nomthetho wakho usenhliziyweni Yami.' Amahubo 40:8…Ngokulalela okuphelele wenza kwaphumelela ukuthi wonke umuntu angabanakho ukulalela umthetho uNkulunkulu. Uma sithobela uKristu, inhliziyo ihlanganiswa nenhliziyo Yakhe, intando ihlanganiswa nentando Yakhe, ingqondo ibayinye nengqondo Yakhe, nemicabango ilethwa ngaphansi kobugqila Bakhe; siphila impilo Yakhe. Yilokhu okuchaza ukwembathiswa ngengubo yokulunga Kwakhe."-*Christ's Object Lessons,* pp. 311, 312.

**b. Yinjabulo engakanani uMhlabeleli ayigcizelela ekuphileni kwakhe-na? Amahubo 119:97.**

"Uma sikhuluma ngokukholwa, kufanele kubekhona umehluko ogcinwa engqondweni. Kukhona uhlobo lwenkolo oluhlukile ngempela ekukholweni. Ukubakhona kwamandla kaNkulunkulu, kuyiqiniso lezwi Lakhe, imicijo leyo ngisho noSathane nexuku lakhe abangasoze bakwenqaba ngenhliziyo. IBhayibheli lithi, 'namademoni ayakholwa athuthumele;' kodwa lokhu akukona ukukholwa. Jakobe 2:19. Lapho kungekho khona ukukholwa yizwi likaNkulunkulu, kodwa ukuthobela intando Yakhe; lapho inhliziyo izinikela Kuye, ukuthanda kugxiliswe phezu Kwakhe, kukhona ukukholwa-ukukholwa okusebenza ngothando nokuhlanza umphefumulo. Ngenxa yalokukholwa inhliziyo idalwa kabusha ngoko-mfanekiso kaNkulunkulu."-*Steps to Christ*, p. 63.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Ncwba 14**

1. **Chaza ubufakazi bokuphenduka.**
2. **Uyini umehluko phakathi komuntu omdala nomuntu omusha-na?**
3. **Chaza izingozi ezimbili okufanele zigwenywe ekuphileni kwethu kwesimoya.**
4. **Uma siphila ngaphansi komusa, iyini indawo yokulalela-na?**
5. **Iyiphi imicabango, izifiso, nokuqondiwe okuthokozelwayo uma uKristu ehlala enhliziyweni-na?**

# Ukukhula KuKristu

**IVESI LEKHANDA: "Ngenze ukuba abalilayo eSiyoni baphiwe amaqhele esikhundleni somlotha, amafutha enjabulo esikhundleni sokulila, ingubo yokudumisa esikhundleni somoya odangeleyo, ukuze babizwe ngokuthi imithi yokulunga nokutshaliwe nguJehova ukuba adunyiswe" (Isaya 61:3).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* chapter 8, pp. 67-75.

"Weyame kuKristu kuphela, ukuze uphile ukuphila okungcwele, njengoba kunjalo ngegatsha esihlahleni esiyisiqu ukuze sikhule sithele izithelo."- *Steps to Christ,* p. 69.

## 1. IZIHLUTHULELO ZOKUKHULA **NgeSonto, Ncwaba 16**

**a. Kungayiphi indlela uMbhalo ufanekisa ukuthuthuka koMkrestu-na? Isaya 61:3; 1 Peter 2:2; Efesu 4:14, 15; Maraku 4:26, 27.**

______________________________________________________________________________

"Akusikho konke ukuhlakanipha kanye nekhono lomuntu okungaveza ekuphileni kwento encane kakhulu kwimvelo. Kungenxa yokuphila uNkulunkulu uQobo akunikezile, ukuthi isitshalo noma isilwane singaphila. Ngakho-ke kungenxa yokuphila okuvela kuNkulunkulu kuphela ukuthi ukuphila kwesimoya kungalethwa ezinhliziyweni zabantu."-*Steps to Christ,* pp. 67.

**b. Kuyini okufanekiswa nokweyama kwethu kuKristu ukuze sikhule futhi sithuthuke-na? Hoseya 14:5-7; 1 Korinte 3:6, 7.**

"Ngesipho esingelinganiswe seNdodana Yakhe, uNkulunkulu uhaqe umhlaba wonke ngomoya womusa ngempela njengomoya ozungeza umhlaba. Bonke abakhetha ukuphefumula lomoya onika-ukuphila bazophila futhi bakhule ngokomzimba babe ngabesilisa nabesifazane kuKristu Jesu.

"Njengezimbali eziphendukela elangeni, ukuthi imisebe ekhanyayo ingasiza ekupheleliseni ubuhle obulingene, nathi kufanele siphendukele kwiLanga Lokulunga, ukuze ukukhanya kungakhazimula phezu kwethu, ukuze izimilo zethu zingakhuliswa ekufaneni noKristu."-Ibid., p. 68.

## 2. ISIMO SETHU ESINGENAKUZISIZA — NgoMsombuluko, Ncwaba 17

**a. Uyini umcijo obalulekile iNkosi yethu eyawugcizelela kubafundi Bakhe ngaphambi kokuqeda umsebenzi Wakhe emhlabeni-na? Johane 15:4-7.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Abaningi banomcabango wokuthi kumele benze inxenye ethize yomsebenzi bebodwa. Bathembela kuKristu ekuxolelweni kwesono, kodwa manje bafuna ngemizamo yabo ukuphila ngokuqondile. Kodwa yonke imizamo enjalo kumele yehluleke. UJesu uthi, 'Ngaphandle Kwami ningenze lutho.' Ukukhula kwethu emuseni, ukujabula kwethu, usizo lwethu-konke kweyame ebunyeni bethu noKristu. Kungenxa yobudlelwane bethu Naye imihla ngemihla, ihora nehora-ngokuhlala Kuye-ukuze sikhule emuseni. Akayena uMqalisi kuphela, kodwa noMphelelisi wokukholwa kwethu. UKristu ungowokuqala nowokugcina nangezikhathi zonke. Kufanele abenathi, kungesikho ekuqaleni kuphela kodwa nasekupheleni kohambo lwethu, nenyathelo ngalinye endleleni."-*Steps to Christ,* p. 69.

"Uma uthanda ukufunda ubumnene nokuthobeka kwenhliziyo esikolweni sikaKristu, uZokunika ukuphumula nokuthula. Unzima kakhulu umshikashika wokushiya intando yakho nendlela yakho. Kodwa lesifundo esifundwayo, sizothola ukuphumula nokuthula. Ukuzigabisa, ubugovu, nenhloso kufanele kunqotshwe; intando yakho kufanele igwinywe yintando kaKristu. Ukuphila konke kungaba ukuthanda ukuzidela okuqhubekayo, sonke isenzo esibonakalayo, nalo lonke izwi eliphumayo lothando. Njengoba ukuphila komvini kujikeleza esiqwini nesithelo, kwehlele kwimithambo engezansi, kufinyelela egatsheni ngaphezulu, kanjalo umusa nothando lukaKristu oluvuthayo noluhlala emphefumulweni, lithumela kuzo zonke izinxenye zesitshalo, futhi kugcwalisa sonke isenzo somzimba nengqondo."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, pp. 1091, 1092.

**b. Iyini imfihlo yokukhula koMkrestu-na? Kolose 2:6, Heberu 10:38.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Uzinikela kuNkulunkulu ukuba uphelele Kuye, ukumkhonza nokumlalela, nokwamukela uKristu njengoMsindisi wakho. Awusoze ngokwakho uhlangule izono zakho noma uguqule inhliziyo yakho; kodwa ngokuzinikela kuNkulunkulu, uyakholwa ukuthi Yena ngenxa kaKristu ukwenzile konke lokhu ngenxa yakho. *Ngokukholwa* ufana noKristu, ngokukholwa futhi kufanele ukhulele Kuye-ngokupha nangokwamukela. Kufanele unikele konke-inhliziyo yakho, intando yakho, umsebenzi wakho-zinikele Kuye ngokulalela zonke izimfuno Zakhe; futhi kufanele *uthathe* konke-uKristu, ukugcwala kwesibusiso sonke, kuhlale enhliziyweni yakho, ukuba abengamandla akho, ukulunga kwakho, umsizi wakho ongunaphakade-okunika amandla okulalela."-*Steps to Christ*, pp. 69, 70.

## 3. UKUNGCWELISWA NSUKU ZONKE **Ngolwesibili, Ncwaba 18**

**a. Yimuphi umsebenzi wokuqala wabantwana bakaNkulunkulu njengoba beqala usuku ngalunye-na? Amahubo 5:3.**

"Zihlukanisele uNkulunkulu ekuseni; yenza lokhu kube ngumsebenzi wakho wokuqala. Umkhuleko wakho mawuthi, Ngithathe, Nkosi, ngokuphelele Kuwe. Ngibeka wonke amacebo ami ezinyaweni Zakho.' Lona ngumsebenzi wemihla ngemihla. Njalo ekuseni zihlukanisele kuNkulunkulu ngalolosuku. Nikela wonke amacebo akho Kuye, kufanele aphumelele noma anikelwe ekuhlinzekeleni Kwakhe ukuba awaqondise. Kanjalo imihla ngemihla uzobe unikela ukuphila kwakho ezandleni zikaNkulunkulu, ngakho-ke ukuphila kwakho kuzokwakhiwa njalo-njalo kulandele ukuphila kukaKristu."-*Steps to Christ,* p. 70.

**b. Yisiphi isimemo uKristu asinikeza nsuku zonke-na? Mathewu 11:28, 29.**

___________________________________________________________________________

"Ukuphila kukaKristu ukuphila okunesizotha. Kungahle kungabikhona umuzwa wokwesasa, kodwa kufanele kubekhona okuhlalayo, ithemba elizothile. Ithemba lenu alikho kinina; kodwa likuKristu. Ubuthakathaka benu buhlanganiswa namandla Akhe, ukungazi kwenu kuhlanganiswe nokuhlakanipha Kwakhe, ukuntengantenga kwenu emandleni Akhe aqhubekayo. Kanjalo awufanele uzibheke, akufanele uvumele ingqondo ihlale phezu kukamina, kodwa bheka kuKristu. Vumela ingqondo ihlale othandweni Lwakhe, ebuhleni Bakhe, ekupheleleni Kwakhe, besimilo Sakhe. UKristu ekuzideleni Kwakhe, uKristu ekuthotshisweni Kwakhe, uKristu ekuhlanzekeni Kwakhe nobungcwele Bakhe, uthando lukaKristu olungelinganiswe-lesi isihloko sokuzindla komphefumulo. Kungenxa yokuMthanda, ukuMfanekisa, nokweyama ngokugcwele Kuye, ozoguqulwa ngayo ufane Naye."-Ibid., pp. 70, 71.

**c. Siyini isihluthulelo sokuthola amava okuthula kwengqondo-na? Isaya 26:3, 4; 30:15.**

"Labo abamukela uKristu ngokwezwi Lakhe, banikele ukuphila kwabo ekulondolozeni Kwakhe, izimpilo zabo ekulawulweni Nguye, bazothola ukuthula nesizotha. Akukho okomhlaba okuzobenza badabuke lapho uKristu ebenza bajabule ngobukhona Bakhe. Ngokuzithoba okuphelele kukhona ukuphumula okuphelele….ukuphila kwethu kungabonakala kuhlangahlangene; kodwa njengoba sizinikela kwiNduna Yomsebenzi ehlakaniphile, uzoletha umfanekiso wokuphila nesimilo esizoba yiso enkazimulweni Yakhe.

"NgoKristu singena ekuphumuleni, izulu liqala siselapha emhlabeni. Sisabela isimemo Sakhe esithi, Wozani, nifunde Kimi, kanjalo ngokuza siqala ukuphila okungunaphakade."-*The Desire of Ages,* p. 331.

**a. Uyini umphumela wokuvumela ingqondo ihlale kuJesu esikhundleni sokubheka umina-na? 2 Korinte 3:18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngokubheka njalo kuJesu ngeso lokukholwa, sizonikwa amandla. UNkulunkulu uzokwembula okuyigugu kakhulu kubantu Bakhe abalambile nabomile. Bazothola ukuthi unguMsindisi wabo. Njengoba bezondla ngezwi Lakhe, bazobona ukuthi lingumoya lingukuphila. Izwi libulala inyama, imvelo yomhlaba, linikeze ukuphila okusha ngoKristu Jesu. UMoya Ongcwele uza emphefumulweni njengoMduduzi. Ngesithunywa esiguqulayo somusa Wakhe, umfanekiso kaNkulunkulu udalwa kabusha kumfundi; uba yisidalwa esisha. Uthando luthatha indawo yenzondo, nenhliziyo yamukela ukufana okungcwele."-*The Desire of Ages,* p. 391.

"Uma ingqondo izindla ngomina, iyaxoshwa isuke kuKristu, ongumthombo wamandla nokuphila. kulokhu kungumzamo kaSathane ongapheliyo ukugcina ukunaka kuphambukiswe kuMsindisi kanjalo uvimbela ukuhlangana nokuxhumana komphefumulo noKristu. Ukuzijabulisa komhlaba, ukunaka okwelizwe nokudideka nosizi, amaphutha abanye, noma amaphutha akho nokungalungi-noma kokuphi noma kukho konke uzofuna ukuguqula ingqondo. Ungaphambukiswa izinkohliso zakhe. Abaningi abanomthetho ngempela, nabafisa ukuphilela uNkulunkulu, nabo kaningi baholelwa ukuba bahlale emaphutheni nasebuthakathakeni babo, kanjalo ubahlukanisa noKrisu enethemba lokuzuza ukunqoba. Akufanele senze umina umthombo wokuzitika ngovalo nokwesaba ukuthi ingabe sizosindiswa. Konke lokhu kususa umphefumulo uxoshwe kuMthombo wamandla ethu. Sebenza ukugcina umphefumulo wakho kuNkulunkulu, umethembe Yena. Khuluma futhi ucabange ngoJesu. Vumela umina alahlekele Kuye."-*Steps to Christ,* pp. 71, 72.

**b. Kuyini esingayifunda ekuguqukeni okwafikela abafundi emva kokuba benoKristu emsebenzini wokuvangela nsuku zonke-na? Izenzo 4:13.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngokubheka njalo [kuJesu], siyaguqulwa, sibe njengalowo-mfanekiso ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngeNkosi enguMoya.' 2 Korinte 3:18.

"Kwakunjalo nakubafundi basendulo abazuza ukufana noMsindisi wabo othandekayo. Lapho abafundi bezwa amazwi kaJesu, bezwa isidingo Sakhe. Bamfuna, bamthola, bamlandela. Babe-Naye endlini, etafuleni, ekamelweni, ensimini. Babe-Naye njengabafundi nothishela, nsuku zonke izifundo eziphuma ezindebeni Zakhe zeqiniso elingcwele. Babheka Kuye, njengezinceku zenkosi yabo, ukufunda umsebenzi wabo. Labo bafundi 'izikhonzi ezifana nathi.' Jakobe 5:17. Babelwa ngokufanayo nesono okumele balwe naso. Babedinga umusa ofanayo, ukuze baphile ukuphila okungcwele."-Ibid., pp. 72, 73.

## 5. ISITHEMBISO OKUNGESETHU

**Ngolwesine, Ncwaba 20**

**a. Yisiphi isithembiso esimangalisayo uJesu asishiyela abalandeli Bakhe ababhekene nezinselelo zomhlaba olwayo-na? Mathewu 28:20.**

______________________________________________________________________

"Lapho uKristu enyukela eZulwini, umcabango wobukhona Bakhe ubulokhu unabalandeli Bakhe. Kungenxa yobukhona bakhe, begcwele uthando nokukhanya. UJesu, uMsindisi, owahamba wakhuluma wakhuleka nabo, owakhuluma ithemba nenduduzo ezinhliziyweni zabo, lapho, isigijimi sokuthula sisezindebe Zakhe, uthe wasuswa kubo wanyuselwa ezulwini, amazwi ephimbo Lakhe abuyele kubo, njengoba ifu lezingelosi liMamukela-'Bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.' Mathewu 28:20."-*Steps to Christ,* pp. 73, 74.

**b. Yimuphi umyalo obalulekile uJesu awushiyela abafundi Bakhe ukuze bazi ukuthi kuyini okumele bakwenze ngesikhathi sokuswela-na? Johane 16:23, 24; 14:16-18.**

______________________________________________________________________

"Njengoba babehlangene ndawonye emva kokwenyuka Kwakhe babeshisekela ukuletha isicelo sabo kuBaba egameni likaJesu…belulela isandla sokukholwa ngaphezulu kakhulu ngempikiswano enamandla, 'UKristu uJesu owafayo, yebo impela, owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguYena osinxuselayo.' Roma 8:34. I-Pentekoste yabalethela ubukhona boMduduzi, lowo uKristu athi Ngaye, uyakuba kini,' waqhubeka futhi wathi, 'Kunilungele ukuba Ngimuke: ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi kayi kuza kini; kepha uma Ngimuka, ngiyakumthumela kini.' Johane 14:17; 16:7. Emva kwalokhu ngoMoya, uKristu kwakufanele ahlale njalo ezinhliziyweni zabantwana Bakhe. Ukuhlangana kwabo Naye kwakusondele kakhulu kunesikhathi enabo ubuqu. Ukukhanya, nothando, namandla nokuhlala kukaKristu ngaphakathi kwabonakala kubo ngaphandle, ukuze abantu, babheke, 'bamangala; baqonda, ukuthi kade benoJesu.' Izenzo 4:13."-Ibid., pp. 74, 75.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

**NgoLwesihlanu, Ncwaba 21**

1. **Uma sikhula njengezitshalo, kungani sidinga usizo oluvela ezulwini-na?**
2. **Njengoba izitshalo zidinga izihlambi zemvula ukuze zikhule emoyeni-na?**
3. **Kuyini okwenza ukuzinikela nsuku zonke zibalulekile kithi ngabanye-na?**
4. **Kungani uNkulunkulu efisa ukuthi sikhiphe umina engqondweni futhi sicabange ngoJesu njalo-njalo-na?**
5. **Isiphi isithembiso okufanele sibe yiqiniso ekuphileni konke kwawo wonke okholwayo-na?**

# Umsebenzi Nokuphila

**IVESI LEKHANDA: "Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe-ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni Lakhe" (Johane 1:12).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ*, chapter 9, pp. 77-83.

"Umoya kaKrisu wothando lokuzidela ungumoya ogcwalisa izulu futhi uyingqikithi yentokozo yalo. Lona umoya abalandeli bakaKristu abazoba nawo, umsebenzi abazowenza."-*Steps to Christ*, p. 77.

## 1. UKUPHILA NOKUKHANYA — NgeSonto, Ncwaba 23

**a. Kuyini okunganakwa yinhliziyo yemvelo-futhi ngamuphi umphumela-na? Johane 1:4, 5.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ungumthombo wokuphila nokukhanya nenjabulo ezulwini nasemhlabeni. Njengemisebe yokukhanya evela elangeni, njengemifula yamanzi ibhobhoka emthonjeni wokuphila, izibusiso ezigeleza zivela Kuye nakuzo zonke izidalwa Zakhe. Lapho ukuphila kukaNkulunkulu kusenhliziyweni yabantu, kuzogelezela kwabanye ngothando nesibusiso."-*Steps to Christ,* p. 77.

**b. Lapho uthando lukaKristu lulondozwa enhliziyweni, kuyini okuzobonakala ekuphileni-na? 2 Korinte 2:14, 15; 5:14.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lapho uthando lukaKristu lungcweliswa enhliziyweni, njengephunga elimnandi elingeke lafihlakala. Umfutho wawo uzozwakala kubo bonke esixhumana nabo. UMoya kaKristu enhliziyweni ufana nomfula ehlane, ogelezela ukuqabula bonke wenze nalabo abalungele ukufa, bazimisele ukuphuza amanzi okuphila."-Ibid., p. 77.

"Vumela umhlaba ubone ukuthi anigwinyangwa ubugovu bobumnandi, kodwa ukuthi nifisa abanye bahlanganyele izibusiso zethu namalungelo. Bavumele babone ukuthi inkolo ayisenzi singabi nozwelo noma sibacindezele. Vumela bonke abafakazela ukuthi bamtholile uKristu, bafundise njengaYe ukusiza abantu."-*The Desire of Ages,* p. 152.

## 2. UKUBA NESABELO SOMUSA — NgoMsombuluko, Ncwaba 24

**a. Uma samukela uJesu njengoMsindisi wethu, yisiphi Isidingo esinikezwayo-na? Johane 1:12, 13; 1 Korinte 1:4, 5; Roma 5:1, 2.**

______________________________________________________________________

"Labo abangabahlanganyeli bomusa kaKristu bazolungela ukwenza noma yikuphi ukuzidela, ukuze abanye athe wabafela bangabelana nesipho sezulu. Bazokwenza konke abangakwenza ukuba umhlaba ube yindawo engcono yokuhlala kuwo. Lomoya ungumphumela oqinisekile womphefumulo ophenduke ngempela. Ngokushesha nje lapho umuntu eza kuKristu kuba ukutshalwa enhliziyweni yakhe isifiso sokwazisa abanye ngalokho umhlobo oligugu amfumene kuJesu; iqiniso elisindisayo nelingcwelisayo angeke lavalelwa enhliziyweni yakhe. Uma sembathiswe ukulunga kukaKrisu futhi sigcwaliswe ngenjabulo yokuhlala koMoya Wakhe ngaphakathi angeke sagcina ukuthula kwethu. Uma sithe sanambitha futhi sabona ukuthi iNkosi yinhle sizoba nokuthile esizokusho. Njengo-Filiphu lapho efumana uMsindisi, sizomemela abanye ebukhoneni Bakhe."-*Steps to Christ,* p. 78.

**b. Uma sibhekene nezinkinga nobunzima, yisiphi iseluleko sompostoli uPawule-na? Heberu 4:16.**

______________________________________________________________________

"UJesu wazi izidingo ezifunwa abantwana Bakhe, futhi uyathanda ukulalela imikhuleko yabo. Vumela abantwana bavalelwe ngaphandle komhlaba kunoma yikuphi okuthathekisa imicabango yabo isuke kuNkulunkulu, mabezwe ukuthi babodwa noNkulunkulu, nokuthi amehlo Akhe abheka ingaphakathi lenhliziyo, afunde izifiso zomphefumulo, nokuthi bangakhuluma noNkulunkulu."-*Sons and Daughters of God,* p. 121.

**c. Lapho siphenduka umntwana kaNkulunkulu, kuyini esikukweleta abanye-na? Roma 1:14, 15.**

______________________________________________________________________

"Kungamuphi umcabango uPawule ubenesikweletu kumaJuda nakumaGreki-na? Kuye unikeziwe uthumo, njengoba lunikezwe wonke umfundi kaKristu, 'Hambani, nishumayele ezizweni zonke, nibabhapathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya Ongcwele; nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho: bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.' Ngokwamukela uKristu, uPawule wamukela loluthumo. Waqonda ukuthi phezu kwakhe isibopho sokusebenzela zonke izigaba zabantu-kumaJuda namaGreki, abafundile nabangenalwazi, labo abasezikhundleni eziphakeme nalabo abaphansi kuyo yonke indima yempilo."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1067.

## 3. ISITHELO SOKUPHENDUKA — Ngolwesibili, Ncwaba 25

**a. Uma uMoya Ongcwele usenhliziyweni yethu, zizoba yini izenzo zethu zokuqala-na? Johane 1:41, 42.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Sizofuna ukuletha [kwabanye] ukuthathekisa kukaKristu nezinto ngempela ezingabonwa zomhlaba ozayo. Kuzobakhona isifiso esikhulu sokulandela endleleni eyahanjwa nguJesu. Kuzobakhona ukulangazela ngenkuthalo ukuthi labo abasizungezile banga 'bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe.' Johane 1:29.

"Umzamo wokubusisa abanye uzobuyisela izibusiso phezu kwethu. Lena inhloso kaNkulunkulu yokusinika inxenye esingayenza kwicebo lensindiso. Unikile abantu ilungelo lokuba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele futhi, kamuva, bahlakaze izibusiso kubangane babo. Lena inhlonipho ephakeme, injabulo enkulu, yokuthi kungenzeka kuNkulunkulu ukukubeka phezu kwabantu. Labo ababa ngabahlanganyeli ekusebenzeni ngothando basondezwa eduze noMdali.

"UNkulunkulu ngabe wanikeza isigijimi sevangeli, nomsebenzi wonke wokuthanda ukufundisa, kwizingelosi zezulu. Ngabe wasebenzisa ezinye izindlela zokuphelelisa inhloso Yakhe. Kodwa ngothando Lwakhe olungapheli wakhetha ukusenza abasizana Naye, noKristu nezingelosi, ukuze sabelane nesibusiso, injabulo, ukuphakanyiswa kwesimoya, umphumela walokho umsebenzi wokufundisa ngokuzidela.

"Silethwa ekuzwelaneni noKristu ngokuhlanganyela ezinhluphekweni Zakhe. Isenzo ngasinye sokuzidela ngobuhle babanye sinikeza amandla umoya wokuphana enhliziyweni yalowo ophanayo, ngokuhlanganyela kakhulu eduze noMhlengi welizwe, lowo, nakuba ecebile, kodwa ngenxa yenu….waba ngompofu, ukuze ngobumpofu Bakhe nicebe nina.' 2 Korinte 8:9. Futhi kungalendlela kuphela esiphelelisa inhloso engcwele yokudalwa kwethu ukuthi ukuphila kungaba isibusiso kithi."-*Steps to Christ,* pp. 78-80.

**b. Yisiphi isibonelo sikaKristu okufanele sisiqondise ebudllelwaneni bethu nezihlobo kanye nomakhelwane-na? Galathiya 6:9, 10; Johane 9:4.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Uma uzophuma usebenze njengokuhlela kukaKristu ukuthi abafundi bazosebenza, bazuzele imiphefumulo Kuye, uzokuzwa isidingo samava ajulile nolwazi olukhulu lwezinto ezingcwele, futhi uzolambela womele ukulunga. Uzoncenga uNkulunkulu, nokukholwa kwakho kuzoqiniswa, nomphefumulo wakho uzophuza ngokujulile amanzi emthonjeni wensindiso. Lapho ubhekana nabamelana nawe nezilingo zizokuholela eBhayibhelini nasemkhulekweni. Uzokhula emseni naselwazini lukaKristu, futhi uzokhulisa amava anothile."-Ibid., p. 80.

**a. Yisho ingozi eyodwa enkulu kithina njengamalunga ebandla namuhla. Malaki 3:8-10.**

________________________________________________________________________

"Namuhla [AmaAdventist agcina usuku lweSabatha'] ingozi enkulu ukwandisa ingcebo yabo. Abanye bayaqhubeka ukunaka okwabo nemisebenzi yabo; bayazikhandla. Umphumela ukuthi, uNkulunkulu nezimfuno zendlela Yakhe bayazikhohlwa; bafile ngokwesimoya. Kufanele benze umhlatshelo kuNkulunkulu, ngomnikelo. Umhlatshelo awukhuli, endaweni yalokho uyancipha futhi uyadliwa….Imali eningi phakathi kwabantu bakithi ifakazela ingozi kulabo ababambelela kuyo."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 492.

**b. Yiziphi izimfanelo ezinhle zobuKrestu ezisiza amakholwa akhule emseni naselwazini lweNkosi uJesu Kristu-na? 1 Peter 4:8-10; Heberu 13:2.**

________________________________________________________________________

"Amathuba anikezwa uAbrahama noLoti asenqatshelwanga wona. Ngokubonisa ukwamukela izihambi kubantwana bakaNkulunkulu nathi, futhi, singangenisa izingelosi Zakhe ezindlini zethu. Ngisho nasosukwini lwethu, izingelosi ngesimo somuntu ziyangena ezindlini zabantu futhi zamukelwa yibo. Futhi amaKrestu aphila ekukhanyeni kobuso bukaNkulunkulu kaningi ahamba nezingelosi ezingabonwa, futhi lezidalwa ezingcwele zishiya ngasemuva isibusiso ezindlini zethu."-Ibid., vol. 6, p. 342.

**c. Yisiphi isidingo okufanele sigcwaliswe amakholwa namuhla-na? 2 Korinte 10:16.**

________________________________________________________________________

"Amalunga amabandla ethu angaphelelisa umsebenzi lowo, nokho, abakawuqali ngempela. Makungabikho noyedwa oya endaweni entsha ngenxa yamathuba elizwe; kodwa lapho kungavuleka indawo yomsebenzi wokuphila, makuthi imikhaya efundiswe kahle ngeqiniso, izongena umuzi owodwa noma emibili esikhundleni, ukusebenza njengabahambisi bevangeli. Kufanele baluzwe uthando lwemiphefumulo, umthwalo wokuyisebenzela, futhi bazokwenza imfundo yokuthi bangayiletha kanjani eqinisweni. Bangahambisa amapheshana, babambe imihlangano emakhayeni abo, bajwayelane nomakhelwano babo, babameme ukuba beze kulemihlangano. Kanjalo bangavumela ukukhanya kwabo kukhazimule ngemisebenzi emihle."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 245.

"Kuyisikhathi eside uNkulunkulu elindele umoya wokusebenza ukuba uthathe indawo yebandla lonke ukuze wonke umuntu amsebenzele ngokuya ngokwekhono lakhe. Lapho amalunga ebandla likaNkulunkulu enza umsebenzi abanikwe wona kumasimu adingayo ekhaya nakude, ekuphheleliseni uthumo lwevangeli, umhlaba wonke masinyane uzoxwayiswa neNkosi uJesu izobuya kulomhlaba ngamandla nangenkazimulo enkulu."-*The Acts of the Apostles,* p. 111.

## 5. ABAKHULUMELI ABATHEMBEKILE **Ngolwesine, Ncwaba 27**

**a. Kuyini okulindeleke kubo bonke abaphathiswe iVangeli-ikakukhulukazi izisebenzi-na? 1 Korinte 4:1, 2; Isambulo 2:10.**

______________________________________________________________________________

"Kuyilungelo lomlindi ezindongeni zaseSiyoni ukuphila eduze kakhulu noNkulunkulu, nokuvumela ukucindezela koMoya Wakhe, ukuthi ungasebenza ngabo ukuba batshele izoni ngengozi yabo, babakhombise indawo yokuphepha. Abakhethwe uNkulunkulu, bephawulwe ngegazi lokuzahlukanisa, kufanele basindise abesilisa nabesifazane ekubhujisweni okulindelwe. Ngokwethembeka kufanele baxwayise abahlobo babo ngomphumela ngempela wokweqa umthetho, ngokuthembeka futhi kufanele balondoloze intakazelelo yebandla."-*Gospel Workers,* p. 15.

**b. Isiphi isibonelo uDaniyeli asibekele abasha namuhla-na? Daniyeli 1:8, 15.**

______________________________________________________________________________

"INkosi izovuma ukuba sifunde isifundo esivela kumava kaDaniyeli. Kukhona abaningi abangaba abantu abanamandla njengalomHeberu othembekile abangeyama kuNkulunkulu ngomusa ukuba ngabanqobi, ngenxa yamandla okweneliseka emsebenzini wabo. UDaniyeli wembula kakhulu ubumnene obuphelele, kubadala bakhe kanye nabasha. Wema njengofakazi kaNkulunkulu, futhi wafuna ukuthatha indlela yokuthi angabi namahloni ngenxa yezulu ukulalela amazwi akhe noma abheke imisebenzi yakhe. Lapho uDaniyeli ecelwa ukuba ahlanganyele ekudleni okunothile etafuleni lenkosi, akazange aphakamise inkanuko, akazange agcizelele ukuzimisela ukudla noma aphuze ngokuthanda. Ngaphandle kokukhuluma izwi elilodwa lokweyisa, wayisa indaba kuNkulunkulu. Yena nabangane bakhe bafuna ukuhlakanipha okuvela eNkosini, uma besondela ngomkhuleko ophikelelayo isinqumo sabo senziwa. Ngesibindi seqiniso nobumnene bobuKrestu, uDaniyeli waletha indaba kumphathi obaphethe, wacela ukuthi banikwe ukudla okulula. Labasha bezwa ukuthi izimiso zenkolo yabo zisengcupheni, beyama kuNkulunkuklu, lowo abamthandayo nabamkhonzayo."-*Testimonies to Ministers,* p. 263.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Ncwaba 28**

1. **Yisiphi isimo somhlaba esenza kudingeke kuNkulunkulu ukuhlakaza ukukhanya kuwo-na?**
2. **Iyiphi inguquko emangalisayo ezobonakala ekuphileni kwamakholwa-na?**
3. **Lapho isibusiso samukelwa, kufanele ibeyini impendulo-na?**
4. **Chaza ezinye izindlela ngamunye wethu esingasebenzela ngazo abanye.**
5. **Kungayiphi indlela ukuthembeka kukaDaniyeli kungikhuthaza-na?**

# UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

**Mandulo 5, 2026**

## Bible Missionary Training School in the Philippines

"Njengoba sikhunjuzwa ngothumo olukhulu lokuya emhlabeni wonke senze abafundi, kufanele senze okuthize. IBible Missionary Training School isikhungo esinikelwe ekulungisweni nokuhlomisa izisebenzi zensimu yeNkosi. Solokhu samiswa ngoNhlolanja-1984, lesikolo sibe isikhonkwane sokholo, esibumba izinhliziyo nezingqondo zalabo abashisekela ukuhambisa ivangeli ezizweni zonke. Abafundi abaningi abaqede iminyaka emibili yohlelo lokufunda kulesikhungo baphenduke baba abavangeli baphesheya kwezilwandle, abanye bangabaholi nabafundisi abahambisa ivangeli emazweni anabantu abaningi eziqhingini zase-Philipines.

"Sakhiwe eCabatang, Tiaong, Quezon Province, Phillipines, iBible Training School isebenza ngamandla ukunikeza isisekelo seBhayibheli esiqinile ukukhuthaza abavangeli basePhillipines nakulo lonke lePacific Region. Lesikhungo sinikela indawo yokuhlala abafundi, ukufunda isiNgisi nokuqeqeshelwa ukuba ngabavangeli, abathengisi bezincwadi, izisebenzi zezempilo kanye nabaphathi abadingeka kakhulu kulelizwe nakumazwe aphesheya kwezilwandle. Lesikhungo sisebeza futhi ukufundisa ngamaSeminar, amaYouth Conventions, nemihlangano ingabanjelwa kulendawo.

Njengoba umsebenzi wemvuselelo uthe wasabalala endaweni yonke yasePhillipines, ukwengezwa nokuthuthukisa lesikhungo kudingeka kakhulu ukuze siqhubeke ukusebenza izidingo zomsebenzi kaNkulunkulu ukuya phambili. Njengoba sazi ngalezidingo, amacebo asendleleni okubamba ingqunguthela yeGeneral Conference khona manje kuso lesikhungo. Yisibusiso esinjani ukubamba lomhlangano wabakholwayo, lapho kukhona imibono yevangeli nemvuselelo yesimoya ezothatha indawo lapha!

"Umusa wenu kuMnikelo wesiKolo seSabatha namuhla uzoba ithulusi kwisakhiwo esidingeka kakhulu kulesikhungo. Njengoba sipha, masikhumbule amazwi atholakala ku 2 Korinte 9:7, "Yilowo nalowo anikele njengalokho azikhethele khona enhliziyweni, kungabi ngokudabuka nangokucindezelwa: ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza."

"Kwangathi izipho zenu zokukhulisa lesikolo, nokunika amandla umsebenzi waso, nokuletha izisebenzi zilungele ukumemezela ivangeli elingunaphakade. Masinikele ngokukholwa nenjabulo, nokwazi ukuthi iminikelo yethu izoletha izithelo ezingunaphakade embusweni kaNkulunkulu.

"Ngiyabonga, kwangathi iNkosi inganibusisa kakhulu njengoba ninikela!

*Abazalwane benu basePhilippines*

# Ulwazi NgoNkulunkulu

**IVESI LEKHANDA: "Ohlakaniphileyo makaqaphele lokhu; bayakuqonda umusa kaJehova" (Amahubo 107:43).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* chapter 10, pp. 85-91.

"Ukuba nolwazi ngoNkulunkulu lonke ulwazi lweqiniso nentuthuko yangempela zinemisuka yakhona."-*Education,* p. 14.

## 1. UNKULUNKULU UYAZEMBULA NgeSonto, Ncwaba 30

**a. Yiziphi izinto kulomhlaba iNkosi efuna ukudonsela abantu Kuyo-na? Amahubo 19:1-6; Izaga 2:1-5.**

________________________________________________________________________

"Ziningi izindlela uNkulunkulu afuna ukuSazisa zona ngokusiletha ebudlelwaneni Naye. Imvelo ikhuluma ngemizwa yethu ingaphumuli. Inhliziyo evulekile izocindezelwa ngothando nenkazimulo kaNkulunkulu njengoba yembuliwe ngemisebenzi yezandla Zakhe. Indlebe ezwayo izoqonda ubudlelwano bukaNkulunkulu ngezinto zemvelo. Amasimu aluhlaza, izihlahla ezinde, izimfumba zezimbali, amafu adlulayo, imvula enethayo, nemithombo exokozayo, nobukhazikhazi bamazulu, zikhuluma enhliziyweni yethu, ziyasimema ukuba sijwayelane Naye odale konke."-*Steps to Christ,* p. 85.

**b. Kuyini uJesu akusebenzisa ukugxilisa iqiniso ezingqondweni zabalaleli Bakhe-na? Mathewu 13:3, 34.**

________________________________________________________________________

"UMsindisi wethu uhlanganisa izifundo eziyigugu nezinto zemvelo. Izihlahla, izinyoni, izimbali zemihosha, izintaba, iziziba, namazulu amahle, kanye nezehlakalo nokusizungezile imihla yokuphila kwethu, zonke zihlanganiswa ngamazwi eqiniso, ukuze izifundo Zakhe zingabuyiswa njalo engqondweni, ngisho naphakathi kokunaka okumatasatasa komshikashika wokuphila komuntu.

"UNkulunkulu uzovumela abantwana Bakhe ukuba bathokozela imisebenzi Yakhe bajabulele ubulula, ubuhle obuzothile ahlobise ngabo ikhaya lethu lasemhlabeni."-Ibid.

## 2. IMISEBENZI KANKULUNKULU YOKUDALA

NgoMsombuluko, Ncwaba 31

**a. Yisiphi isifundo esingafundwa kwimvelo-ngesibonelo sezimbali, esezinyoni, kanye nezinkanyezi-na? Roma 1:20; Izenzo 14:17.**

________________________________________________________________________

"Uma sifunda isayensi…kufanele sithole ulwazi loMdali. Isayensi yangempela kungukuchazwa kombhalo kaNkulunkulu ezintweni zomhlaba. Isayensi iletha ucwaningo lobufakazi obusha kuphela bokuhlakanipha namandla kaNkulunkulu. Kuqondwa kahle, kokubili incwadi yemvelo nezwi elilotshiwe kusenza sijwayelane noNkulunkulu ngokusifundisa okuthize ngolwazi nemithetho esizayo leyo asebenza Ngayo."-*Patriachs and Prophets*, p. 599.

"Uma singalalela kuphela, imisebenzi yendalo kaNkulunkulu izosifundisa izifundo eziyigugu zokulalela nethemba. Ukusuka ezinkanyezini emsebenzini wazo ongenandlela emkhathini ukusuka esikhathini esidlule ukuya esikhathini esizayo endleleni ekhonjiwe, ukwehlela phansi entweni encane, izinto zemvelo zilalela intando yoMdali. Nokuthi uNkulunkulu unaka yonke into futhi aqinise lokhu akudalileyo."-*Steps to Christ,* p. 85., 86.

**b. Uma sicabanga ngobuhle nokuthula kwemvelo engangcoliswanga, kuyini okufanele kukhumjulwe ngomhlaba omusha othenjisiwe-na? 1 Korinte 2:9; Isambulo 21:1.**

________________________________________________________________________

"Vumela umcabango wakho ubone ikhaya labasindisiwe, ukhumbule ukuthi uzokhazimula kakhulu kunombono wakho okhazimulayo ongawufanekisa. Ngezipho zikaNkulunkulu ezahlukahlukene zemvelo sibona kancane ubukhazikhazi benkazimulo Yakhe."-Ibid., pp. 86, 87.

"Ibandla likaNkulunkulu lithe lanikezwa izambulo zenhloso kaJehova engunaphakade. Abantu Bakhe bathe bavunyelwa ukubheka ngaphesheya kwezilingo zanamuhla ukuya ekunqobeni kwesikhathi esizayo, lapho, impi isiphalile, abahlengiwe bazongena ezweni lesithembiso. Imibono yenkazimulo ezayo, izehlakalo ezifanekiswa yisandla sikaNkulunkulu, kufanele zithandeke ebandleni Lakhe namuhla."-*Prophets and Kings,* p. 722.

"EBhaybhelini ifa labasindisiwe libizwa ngokuthi 'ilizwe.' Heberu 11:14-16. Lapho uMalusi ezulwini eholela umhlambi Wakhe kumfula wamanzi okuphila. Umuthi wokuphila othela isithelo sawo inyanga nenyanga, namaqabunga omuthi angawokuphulukisa izizwe. Kukhona imifula ephuphumayo njalo-njalo, ucwebezela njengekristalu, futhi eduze kwawo kukhona imithi eletha ithunzi endleleni elungiselwe abahlengiwe beNkosi. Lapho amathafa ahlakazekile akhukhumala aba ngamagquma amahle, nezintaba zikaNkulunkulu ziphakamisa ukuzithoba kwazo okuphakeme. Kulawo mathafa anokuthula, ngaphandle kwemifudlana ephilayo, abantu bakaNkulunkulu, isikhathi eside beyizihambi nemihambuma, bazothola ikhaya."-*The Great Controversy,* p. 675.

**a. Yiziphi izifundo eziyigugu ezingafundwa kubaprofethi ukuze zisikhuthaze ezikhathini zokudangala kanye nokulingwa-na? Jakobe 5:17; Roma 8:28; 1 Johane 5:14.**

_______________________________________________________________________________

"Kwizimeko zethu nalokhu okusizungezile, izinguquko ezibonakalayo nsuku zonke phambi kwethu, singathola izifundo eziyigugu uma izinhliziyo zethu zivulelwa ukuzehlukanisa…[ku-Patriachs and Prophets] abantu 'isikhonzi esinesifiso njengathi,' Jakobe 5:17. Siyabona ukuthi bahlupheka kanjani ekudumaleni njengathi, nokuthi bawela kanjani ngaphansi kwezilingo njengathi, nokho bavuka futhi banqoba ngomusa kaNkulunkulu; futhi, ngokubheka, siyakhuthazwa kumzamo wethu wokufuna ukulunga."-*Steps to Christ,* pp. 87, 88.

**b. Uma uNkulunkulu enakekela okwemvelo, kakhulu kangakanani kubantwana Bakhe-na? Amahubo 107:43; 145:15, 16.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Imvelo nesambulo ngokufanayo kufakazela uthando lukaNkulunkulu. UBaba wethu osezulwini ungumthombo wokuphila, wokuhlakanipha, nowenjabulo. Bheka okumangalisayo ezintweni ezinhle zemvelo. Cabanga ngenguquko emangalisayo kodingayo nenjabulo, kungesiye umuntu kuphela, kodwa kuzo zonke izidalwa eziphilayo. Ukukhanya kwelanga nemvula, okujabulisa kuqabule umhlaba, izintaba nolwandle namathafa, konke kukhuluma kithi uthando loMdali."-Ibid., p. 9.

**c. Kukuphi lapho isithembiso sokunakekela kukaNkulunkulu okufanele sisiholele ekugxileni kukho-na? Mathewu 6:30-34.**

_______________________________________________________________________________

"Uma samukela ezandleni zethu ukuphatha izinto okufanele sizenze, futhi seyame kokwethu ukuhlakanipha ukuze siphumelele, samukela umthwalo uNkulunkulu angasinikanga wona, futhi sizama ukuwuthwala ngaphandle kosizo Lwakhe. Samukela phezu kwethu ukuziphendulela lokhu okungoka-Nkulunkulu, kanjalo sizibeka ngokwethu impela endaweni Yakhe. Singaba nokukhathazeka ngengozi engabekezeleki nokulahlekelwa, ngeqiniso kuzowela phezu kwethu. Kodwa uma sikholwa ngempela ukuthi uNkulunkulu uyasithanda nokuthi usicabangela okuhle sizoyeka ukukhathazeka ngekusasa. Sizomethemba njengomntwana othemba umzali onothando. Besekuthi izinkinga zethu nokuhlupheka kuzonyamalala, ngoba intando yethu igwinywe yintando kaNkulunkulu."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 100, 101.

## 4. ISAMBULO SIKANKULUNKULU **Ngolwesithathu, Mandulo 2**

**a. Kukuphil lapho uKristu ebeka khona izambulo ezicacile zecebo likaNkulunkulu lokusindisa abantu-na? Johane 5:39; Isaya 34:16.**

"UNkulunkulu ukhuluma nathi ngezwi Lakhe. Lapha sinomugqa osobala wesambulo sesimilo Sakhe, izenzo Zakhe aphatha ngazo abantu, nomsebenzi omkhulu wokuhlenga."-*Steps to Christ,* p. 87.

**b. Kuyini okufanele kwenziwa nsuku zonke yibo bonke abafisa ukukhula ekuqineni nasemandleni kaNkulunkulu-na? Johane 6:53, 63; Kolose 3:1, 2.**

"Isihloko sendaba yokuhlengwa yileso izingelosi ezifisa ukuyibheka; izoba isayensi nengoma yabahlengiwe ezohlatshelelwa iminyaka engapheli ingunaphakade. Akufanele yini ucabange ngokunakekela nangemfundo manje-na? Umusa ongunaphakade nothando lukaJesu, umhlatshelo owenziwe ngenxa yethu, udinga ukubuyiswa okunzima kakhulu nokunesizotha. Kufanele sigxile kwisimilo soMhlengi wethu othandekayo noMlamuli. Kufanele sizindle ngomsebenzi Wakhe owenzayo ukusindisa abantu Bakhe ezonweni zabo."-Ibid., pp. 88, 89.

**c. Kungayiphi indlela okumele samukele ngayo izwi likaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu-na? Mathewu 4:4; 2 Thimothi 2:15.**

"Akukho noyedwa onomoya wokuthokozela imfundiso yalo ongafunda umusho owodwa eBhayibhelini ngaphandle kokuzuza okuthize okuzosiza umcabango. Kodwa imfundo ebalulekile kakhulu eBhaybhelini akufanele izuzwe ngezinye izikhathi noma ihlolwe ngokungahlangene. Uhlelo olukhulu lweqiniso alilethwanga ukuba lihlukaniswe ngokushesha nokufunda ngobudlabha. Ingcebo yalo eningi ihlezi ekujuleni okukhulu, futhi ingatholakala kuphela ngokuhlola ngokukhuthala nangomzamo oqhubekela phambili. Amaqiniso enza konke kuphelele kufanele ahlolisiswe futhi ahlanganiswe, 'lapha ingcosana, nalapho ingcosana.' Isaya 28:10.

"Uma iqiniso usulihlolile walihlanganisa, lizotholakala lilingene ngokuphelele elinye kwelinye. IVangeli ngalinye lengeza amanye, sonke isiprofetho sichasisa esinye, lonke iqiniso likhulela kwelinye iqiniso. Imifanekiso yohlelo lwamaJuda lwenziwe lwakhanya ngenxa yevangeli. Sonke isimiso esisezwini likaNkulunkulu sinendawo yaso, wonke umcijo uthela isithelo. Nesakhiwo esiphelele, ngokuqonda nesenzo, kuthwele ubufakazi boMqambi waso. Isakhiwo esinjalo akukho mqondo kuphela Lowo Ongapheli ongakwazi ukucabanga noma ukulungisa."-*Education,* pp. 123, 124.

## 5. UKUHLOLA IBHAYIBHELI **Ngolwesine, Mandulo 3**

**a. Kuyini okwaletha induduzo nosizo kuJeremiya ngesikhathi sosizi lwakhe-na? Jeremiya 15:16.**

"Akukho okulinganiswe ngempela okuqinisa ulwazi kunokuhlolwa kweMibhalo. Ayikho enye incwadi enamandla amakhulu okukhulisa imicabango, nokunika ukuqina emandleni, njengobubanzi, bamaqiniso akhulisayo eBhayibheli. Uma izwi likaNkulunkulu belifundwa njengoba kufanele, abantu bebezoba nokuqonda okubanzi, isimilo esithobekile, nokusimama kwenhloso ebonakala ingavamile namuhla."-*Steps to Christ,* p. 90.

"Lowo onikela ngothando iMibhalo, ukunaka ngokukhuleka uzozuza ukuqonda okukhanyayo nokwahlulela okuzwakalayo, kungathi ngokuphendukela kuNkulunkulu ufinyelele kwizinga eliphakeme ngokomqondo."-*Mind, Character, and Personality,* vol. 1, p. 95.

**b. Kungayiphi indlela iMibhalo kufanele ihlolwe ngayo nokuthi kuyini okumele kwandulele ukuhlola iBhaybheli-na? Amahubo 119:9, 11, 16.**

"Iqiniso likaNkulunkulu, njengegolide, kaniningi alitholakali lihlezi phezu komhlaba; litholakala kuphela ngomcabango okhuthele nokufunda."-*Gospel Workers,* p. 76.

"Njengalowo osebenza emgodini ethola izinxenye zensimbi eziyigugu zigqitshwe ngaphansi komhlaba, kanjalo angeke afune nobekezela ekuhloleni izwi likaNkulunkulu njengengcebo efihliwe ethola amaqiniso anenani elikhulu, lawo afihlakele kumbono wofuna ngobudlabha. Amazwi aphefumulelwe, azindla enhliziyweni, azofana nemifula egelezayo evela kumthombo wokuphila.

"IBhayibheli akufanele lifundwe ngaphandle komkhuleko. Ngaphambi kokuvula amakhasi alo kufanele sifunde ukukhanyiselwa nguMoya Ongcwele, futhi sizowuphiwa…Izingelosi ezivela kumhlaba wokukhanya zizoba nalabo abazithoba ngenhliziyo befuna ukuqondiswa okungcwele."-*Steps to Christ,* p. 91.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Mandulo 4**

1. **Iyiphi indlela yokufundisa eyasetshenziswa uMsindisi wethu ukufinyelela ebantwini-na?**
2. **Malungiselelo mani uNkulunkulu awenzile ukuze aziBonakalise kubo bonke-kuhlanganisa nalabo abangakwazi ukufinyelela eZwini likaNkulunkulu-na?**
3. **Kuyini okungafundwa ngokuhlinzekela kukaNkulunkulu-na?**
4. **Chaza isimo sengqondo okufanele sibenaso ngeBhayibheli njengesambulo sikaNkulunkulu.**
5. **Mava mani kaJeremiya maqondana nombhalo okufanele aphindwe-na?**

# Ilungelo Lomkhuleko

**"IVESI LEKHANDA: "Kepha wena, nxa ukhuleka, ngena ekamelweni lakho, uthi usuvale umnyango wakho ukhuleke kuYihlo osekusithekeni; noyihlo obona ekusithekeni uzakukuvuza" (Mathewu 6:6).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* chapter 11, pp. 93-104.

"Umkhuleko ungukuvulela inhliziyo kuNkulunkulu njengomngani. Kungesikho ukuthi kudingekile ukuba simazise uNkulunkulu lokhu esiyikho, kodwa ukuze sikwazi ukumamukela. UMkhuleko awehliseli uNkulunkulu kithi, kodwa umkhuleko usikhuphulela Kuye."-*Steps to Christ,* p, 93.

## 1. UMUPHI OMKHULU — NgeSonto, Mandulo 6

**a. Njenge-Ndodana yomuntu, kuyini uJesu akubona kudingekile-na? Luka 5:16; Marako 6:46.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Bheka iNdodana kaNkulunkulu iguqile ikhuleka kuYise! Noma eyiNdodana kaNkulunkulu, wayeqinisa ukholo Lwakhe ngomkhuleko, nobudlelwano neZulu ehlanganisa amandla Akhe okumelana nobubi nokusiza izidingo zabantu. NjengoBhuti wethu Omdala wesizwe sethu, uyazazi izinswelo zalabo, abazungezwe ukugula nabaphila emhlabeni wesono nezilingo, nokho belangazela ukumsebenzela. Uyazi ukuthi izithunywa abona zifanele ukuba angazithuma zibuthakathaka, abantu abonayo; kodwa bonke abazinikela ngokuphelele emsebenzini Wakhe ubathembise usizo olungcwele. Isibonelo Sakhe yisiqiniseko sokuthi ukunxusa ngobuqotho, nokubekezela kuNkulunkulu ngokukholwa-ukukholwa okuholela ekweyameni ngokuphelele kuNkulunkulu, nokuzinikela ngokuphelele emsebenzini Wakhe-lapho ehlose ukuletha ebantwini usizo loMoya Ongcwele empini yokumelana nesono."-*Gospel Workers,* p, 511.

**b. Ngeyiphi indlela kaKristu yokukhuleka eyisibonelo kithi-na? Marako 1:35; Luka 6:12.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UJesu uQobo, ngesikhathi ehlala phakathi kwabantu, wayekhuleka njalo."-*Steps to Christ,* p, 93.

## 2. UMKHULEKO KAKRISTU **NgoMsombuluko, Mandulo 7**

**a. UJesu wabafundisa kanjani abafundi Bakhe ukukhuleka-na? Luka 11:1-4.**

____________________________________________________________________________

"Ngesikhathi uJesu elapha emhlabeni, wafundisa abafundi Bakhe ukukhuleka. Wabaqondisa ukuthi bangaletha kanjani izidingo zabo zemihla ngemihla phambi kukaNkulunkulu, nokuthi balahlele zonke izidingo zabo phezu kwakhe. Nesiqiniseko abanika Sona sokuthi izicelo zabo zizolalelwa, kuyisiqiniseko esiza nakithi….

"Ungumfowethu ebuthakathakeni bethu, 'ngazo zonke izindlela walingwa njengathi;' kepha njengalowo ongenasono imvelo Yakhe yayesaba okubi; wabekezelela umshikashika nokuhlukunyezwa komphefumulo emhlabeni wesono. Ubuntu Bakhe banikelwa kumkhuleko njengemfuneko nelungelo. Wayethola induduzo nenjabulo kubudlelwano noBaba Wakhe. Uma uMsindisi wabantu, iNdodana kaNkulunkulu, ezwa isidingo sokukhuleka, kukangakanani ababuthakathaka, izidalwa ezifayo nezonayo zizwa isidingo somkhuleko ovuthayo, noqhubekela phambili."-*Steps to Christ,* pp. 93, 94.

**b. IBhayibheli likuchaza kanjani ukuzinikela kukaKristu, nesizathu sokuthi lokhu kwakubaluleke kangaka-na? Isaya 50:4; Heberu 2:10; 5:7-9.**

____________________________________________________________________________

"Njengoba ubuntu babuphezu Kwakhe, wazizwa enesidingo samandla avela kuBaba Wakhe. Wakhetha izindawo azokhuleka kuzo. Wayethanda ukugcina ukuxhumana noBaba Wakhe eyedwa entabeni. Ngalesenzo ubungcwele Bakhe, umphefumulo wobuntu baqiniselwa ukusebenza nokumelana nezilingo zosuku. UMsindisi Wethu uzihlanganisa nezidingo zethu nobuthakathaka bethu, kulokhu nguYena osincengelayo, osinxuselayo ebusuku, efuna kuBaba Wakhe izidingo ezintsha zamandla, ukuba zize kithi azosinika amandla nokuqabuleka, silungele ukusebenza nesilingo. Uyisibonelo sethu ezintweni zonke."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 201, 202.

"Ngabona ukuthi akukho noyedwa kwabangamashumi amabili wabasha owaziyo ukuthi iyini inkolo evivinyayo. Bazikhonza ngokwabo kodwa bezisho ukuthi bayizinceku zikaKristu; kodwa ngaphandle kokuthi ishwa eliphezu kwabo ligqashulwe, bazobona masinyane ukuthi inxenye yesiphambeko singesabo. Moqondana nokuzidela noma umhlatshelo ngenxa yeqiniso, bazothola indlela elula ngaphezu kwakho konke. Mayelana nokunxusa okuqotho ngezinyembezi nokukhala okunamandla kuNkulunkulu ngomusa Wakhe othethelelayo nangenxa yamandla avela Kuye okumelana nezilingo zikaSathane, bathole kungenasidingo sokubaqotho futhi bakushisekele; bangaphilisana kahle ngaphandle kwayo. UKristu, iNkosi yenkazimulo, yayivame ukuhamba yodwa ezintabeni nasezinkangala ukuze athululele isicelo somphefumulo Wakhe kuBaba Wakhe; kodwa umuntu oyisoni, ongenamandla kuye, ucabanga ukuthi angaphila ngaphandle komkhuleko ongaka."-Ibid., vol. 1, pp, 504, 505.

**a. UJesu wasembulela kanjani isimo sengqondo kaYise ngesidingo somuntu-na? Mathewu 6:6; 7:7-11.**

"UBaba wethu osezulwini ulindele ukubeka phezu kwethu ukugcwala kwesibusiso Sakhe. Kuyilungelo lethu ukuphuza kakhulu emthonjeni wothando olungapheli. Kuyamangalisa ukuthi sikhuleka kancane kangaka! UNkulunkulu ukulungele futhi uyathanda ukulalela umkhuleko oqotho wokuthobeka kwabantwana Bakhe, nokho kubonakaliswa ukungabaza okukhulu ohlangothini lwethu ukwenza izidingo zethu zaziwe nguNkulunkulu."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 118. "UNkulunkulu uhlakaniphe kakhulu ukuba angaphambuka, futhi muhle kakhulu ukuthi angagodla noma kuyini okuhle kulabo abahamba ngokuqondile. Kanjalo ungesabi ukumethemba, noma ungaboni impendulo esheshayo yomkhuleko wakho. Yencika ezithembisweni Zakhe eziqinisekile, 'Celani, niyakuphiwa.' "-*Testimonies to Ministers*, vol. 6, pp. 61, 62.

**b. Kuyini okuvimba izicelo zethu ukuba zizwakale eNkosini-na? Amahubo 66:18; Izaga 28:13.**

"Izingqondo zethu zingadonselwa [ku-Nkulunkulu]; singazindla ngemisebenzi Yakhe, umusa Wakhe, izibusiso Zakhe; kodwa lokhu akwanele, ngomcabango ogcwele, ukuxhumana Naye. Ukuze sikhulume noNkulunkulu, kufanele kubekhona esingakusho Kuye maqondana nokuphila kwethu."-Ibid., p. 93. "Kuyini izingelosi zasezulwini ezingakucabanga ngezidalwa zoluntu ezingenakho ukuzisiza, ezingaphansi kwesilingo, lapho inhliziyo kaNkulunkulu enothando olungapheli ilangazelela bona, ilungele ukubanika okukhulu kunalokhu abakucelayo noma abakucabangayo, kodwa bakhuleka kancane kakhulu, futhi banokholo oluncane-na? Izingelosi zithanda ukukhothama phambi kukaNkulunkulu, zithanda ukuba seduze Kwakhe. Zibheka ukuxhumana noNkulunkulu njengentokozo yazo enkulu; kodwa abantwana belizwe, abadinga kakhulu usizo lolu kunguNkulunkulu kuphela ongabanika lona, babonakala benelisekile ukuhamba ngaphandle kokukhanya koMoya Wakhe, umngane wobukhona Bakhe. "Ubumnyama balowo omubi buzungeza labo abadembesela ukukhuleka. Izilingo ezinyeyezwa yisitha ziyabayenga ukuba bone; futhi konke lokhu kungenxa yokuba abasebenzisi amalungelo uNkulunkulu abanike wona wokubeka isikhathi sokukhuleka."-Ibid*.,* p. 94. "Uma sigcina ububi ezinhliziyweni zethu, uma sibambelela noma kwesiphi isono esaziwayo, uNkulunkulu akasoze asizwa; kodwa umkhuleko wozisolayo, umphefumulo odabukile uyamukelwa ngezikhathi zonke. Uma zonke iziphambeko ezaziwayo zilungiswa, singakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophendula izicelo zethu. Ukufaneleka kwethu angeke kwasincoma emuseni kaNkulunkulu; kungenxa yokufaneleka kuka-Jesu okuzosisindisa, igazi Lakhe lizosihlanza, kodwa sinomsebenzi esingawenza wokuvumelana nemibandela yokwamukeleka."-Ibid., p. 95.

**4. UMKHULEKO ONAMANDLA** **Ngolwesithathu, Mandulo 9**

**a. Yiziphi izimpawu ezibalulekile zomkhuleko ophumelelayo uma ziqhathaniswa nomkhuleko obuthakathaka nongasizi ngalutho-na? Heberu 11:6; Marako 11:24.**

_______________________________________________________________________________

"Uma singamukeliswa izinto esizicelile, ngesikhathi esizicele ngaso, kufanele sikholwe ukuthi iNkosi isizwile nokuthi izophendula imikhuleko yethu. Siyona futhi asiboni kahle okwenza ngezinye izikhathi sicela izinto ezingeke zasilethela isibusiso, noBaba wethu osezulwini uyathanda ukuphendula imikhuleko yethu nokusinika lokhu okuhle kakhulu-lokhu nathi esingakufisa uma singakhanyiselwa ngombono ongcwele singabona zonke izinto ngobunjalo bazo. Uma imikhuleko yethu ibonakala ingaphendulwa, kufanele sibambelele esithembisweni; ngoba isikhathi sokuphendula sizofika ngempela, futhi sizokwamukela isibusiso esisidinga kakhulu."-*Steps to Christ,* p. 96.

**b. Ukuze umkhuleko uzwakale eNkosini, yisiphi isimoya okufanele sibenaso-na? Mathewu 6:12; Marako 11:25, 26.**

_______________________________________________________________________________

"Uma sisondela ukucela umusa nesibusiso kuNkulunkulu kufanele sibe nomoya wothando nokucela nentethelelo ezinhliziyweni zethu. Singakhuleka kanjani sithi, 'Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi,' Nokho sithokozela umoya wokungathetheleli-na? Uma sibheke ukuthi imikhuleko yethu ingalalelwa kufanele sithethelele abanye ngendlela efanayo ngobubanzi njengoba sithemba ukuthethelelwa."-Ibid., p. 97. [Author's italics.]

**c. Kuyini esingakufunda kumkhuleko kaEliya ekhulekela imvula-na? 1 Amakhosi 18:41-45.**

_______________________________________________________________________________

"Inceku kaEliya yabheka lapho ekhuleka. Izikhathi eziyisithupha ibuya ekubhekeni, ithi, Akukho lutho, kungekho nefu, lungekho nophawu lwemvula. Kodwa umprofehi kazange adangale. Waqhubeka ehlola ukuphila kwakhe, ebheka ukuthi kukuphi lapho ehluleke khona ukudumisa uNkulunkulu, wavuma izono zakhe, waqhubeka futhi ukuhlupha umphefumulo wakhe phambi kukaNkulunkulu, lapho elokhu ebheka isibonakaliso sokuthi umkhuleko wakhe uphenduliwe. Lapho ehlola inhliziyo yakhe, wabonakala encipha kancane kancane, kokubili ekulinganisweni kwakhe nasemehlweni kaNkulunkulu. Kuye kwabonakala sengathi wayengelutho, nokuthi uNkulunkulu wayeyikho konke; kwathi lapho esefinyelele ezingeni lokuzidela, ngesikhathi ebambelele kuMsindisi njengokuphela kwamandla akhe nokulunga kwakhe, impendulo yafika."- *The SDA Bible Commentary,* [E. G. White Comments] vol. 2, p. 1035.

## 5. UKUPHIKELELA EKUKHULEKENI **Ngolwesine, Mandulo 10**

**a. Myalo muni obalulekile abapostoli abawunikezayo maqondana nomkhuleko-na? 1 Peter 4:7; Filiphu 4:6.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kukhona isidingo sokukhuthalela umkhuleko; makungabikho lutho okukuvimbelayo. Yenza wonke umzamo wokuvula ukuxhumana phakathi kukaJesu nomphefumulo wakho. Funa wonke amathuba okuya lapho kwenziwa khona umkhuleko. Labo abafuna ngempela ukuxhumana noNkulunkulu bazobonakala kwimihlangano yokukhuleka, bethembekile ekwenzeni umsebenzi wabo imihla ngemihla ngobuqotho nokunye ukuvuna yonke inzuzo abangayithola. Bazothuthukisa lonke ithuba lokuzibeka ngokwabo lapho bangathola khona imisebe yokukhanya okuvela ezulwini."-*Steps to Christ,* p. 98.

**b. Njengomzali ngamunye, kuyini iNkosi ekulindele kubantwana ukuba bakwenze-na? Luka 11:10, 13; Johane 14:13, 14.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"'Egameni lami,' UKristu unxusa abafundi Bakhe ukuba bakhuleke. Egameni likaKristu abalandeli Bakhe kufanele beme phambi kukaNkulunkulu. Ngenani lomhlatshelo owenzelwe bona, bayigugu emehlweni eNkosi. Ngenxa yokulunga kukaKristu esabelwa kona sibalelwa njengabayigugu. Ngenxa kaKristu iNkosi ithethelela labo abamesabayo. Akaboni kubo ububi besoni. Ubheka kubo isithombe seNdodana Yakhe, lowo abakholwa Kuye."-*The Desire of Ages*, p. 667.

"Asikho isikhathi noma indawo okungafanele silethe isicelo kuNkulunkulu. Akukho okungasivimba ukuba siphakamisele phezulu izinhliziyo zethu ngomoya womkhuleko oqinisekile. Esitaladini esinesixuku sabantu, phakathi komhlangano webhizinisi, singathumela isicelo kuNkulunkulu sinxuse ukuhola okungcwele, njengoba enza uNehemiya lapho eletha isicelo phambi kweNkosi uAthazeksas. Ubudlelwano obusondelene bungatholakala noma kukuphi lapho sikhona."-*Steps to Christ,* p. 99.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Mandulo 11**

1. **Yisiphi isibonelo somkhuleko ongaguquki onikezwe wonke amakholwa-na?**
2. **Yisiphi isiprofetho esibonisa ukubaluleka kokukhuleka njalo ekuseni-na?**
3. **Kuyini okudingekayo ukuze umkhuleko uphumelele-na?**
4. **Kungani uqhubeka ukhuleke kuyilapho ulindele impendulo-na?**
5. **Chaza ukuthi kusho ukuthini ukukhuleka egameni likaJesu.**

# Kuyini Esingakwenza Ngokungabaza

**IVESI LEKHANDA: "Kepha makacele ngokukholwa engangabazi ngalutho; ngokuba ongabazayo unjengedlambi lolwandle eliqhutshwa, ligujiswa ngumoya" (Jakobe 1:6).**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Steps to Christ,* chapter 12, pp. 105-113.

"UNkulunkulu akazange asicele ukuba sikholwe, ngaphandle kokunikeza ubufakazi obanele esingasekela kukho ukholo lwethu."-*Steps to Christ,* p. 105.

## 1. KUYINI UKUNGABAZA — NgeSonto, Mandulo 13

**a. Kuyini okufanele sikukhumbule lapho silingeka ukuntengantenga phakathi kokukholwa nokungabaza-na? Jakobe 1:5-7.**

________________________________________________________________________

"Isithembiso [soMsindisi] esalabo kuphela abathanda ukulandela iNkosi ngokuphelele. UNkulunkulu akacindezeli intando noma ekabani; angeke ahole labo abazidla kakhulu ukuba bangafundiswa, labo abathobela ukwenza eyabo indlela. Kumuntu ombaxa-mbili, lowo ofuna ukulandela eyakhe intando, lapho efakazela ukwenza intando kaNkulunkulu-kulotshiwe, 'Ngakho makangasho lowomuntu ukuthi uyakwamukeliswa utho yiNkosi.' Jakobe 1:7."-*Patriachs and Prophets,* p. 384.

**b. Kuyini iNkosi esinikeze kona ukuze sinqobe ukungabaza-na? Amahubo 119:105; Heberu 11:1, 3, 6.**

________________________________________________________________________

"Ukukholwa kwethu kufanele kweyame phezu kobufakazi, kungabi umbukiso. Labo abafisa ukungabaza intando bazolithola ithuba; futhi kulabo abafisa ukwazi iqiniso bazothola ubufakazi obuningi abangasekela ukukholwa kwabo."-*Steps to Christ,* p. 105.

"UNkulunkulu unikile ezwini Lakhe ubufakazi obanele besimilo salo esingcwele. Amaqiniso amakhulu aqondene nensindiso yethu alethwe ngokukhanyayo. Ngosizo loMoya Ongcwele, othenjiswe bonke abawufuna ngeqiniso, wonke umuntu angaqonda lamaqiniso ngokwakhe. UNkulunkulu unikile abantu isisekelo esiqinile leso phezu kwaso kuhlezi ukukholwa kwabo."-*The Great Conroversy,* pp. 526, 527.

**a. Kufanele siqonde kanjani izimfihlakalo uNkulunkulu angazange asichazele zona-na? Duteronomi 29:29; Jobe 38:4-11.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Izwi likaNkulunkulu, njengesimilo soMqambi walo ongcwele, libeka izimfihlo ezingeke zaqondwa izidalwa ezifayo. Ukungena kwesono emhlabeni, ukuguqulelwa kukaKristu enyameni, ukuzalwa kabusha, ukuvuswa, nezinye izihloko eziningi ezivela eBhaybhelini, kuyizimfihlo ezijule kakhulu ingqondo yomuntu engazichaza, noma ziqondwe ngokuphelele. Kodwa asikho isizathu sokungabaza izwi likaNkulunkulu ngoba angeke saqonda izimfihlo zokuhlinzekela Kwakhe."-*Steps to Christ,* p. 106.

"UNkulunkulu akacindezeli abantu ukuba bashiye ukungakholwa kwabo. Phambi kwabo kukhona ukukhanya nobumnyama, iqiniso nesiphambeko. Kukubo ukuba banqume ukuthi yikuphi abazokwamukela. Umqondo womuntu unikezwe amandla okuhlukanisa phakathi kokuhle nokubi. UNkulunkulu ucebile ukuthi abantu angeke banquma ngokuhluthuka kwenhliziyo, kodwa ngesisindo sobufakazi, ngokunakekela baqhathanise umbhalo ngombhalo. Uma amaJuda ayebeke ubandlululo lwawo futhi aqhathanise isiprofetho esilotshiwe namaqiniso abonisa ukuphila kukaJesu, ayezobona ukuvumelana okuhle phakathi kweziprofetho nokugcwaliseka kwazo ekuphileni nasemsebenzini womGalile othobekile.

"Abaningi badukisiwe namuhla ngendlela efanayo njengoba kwakunjalo kumaJuda. Othishela bezenkolo bafunda iBhayibheli ngokukhanya kokuqonda kwabo namasiko; nabantu abazihloleli iMibhalo ngokwabo, noma bazibonele ngokwabo ukuthi liyini iqiniso; kodwa banikela ukwahlulela kwabo, futhi banikela imiphefumulo yabo kubaholi babo. Ukushumayela nokufundisa izwi Lakhe indlela yinye uNkulunkulu ayigcobile yokuhlakaza ukukhanya; kodwa kufanele silethe yonke imfundiso yokuvivinya imiBhalo."-*The Desire of Ages,* pp. 458, 459.

**b. Kuyini okubhekwa eBhayibhelini ukuthi kunezinto okunzima ukuziqonda-na? 2 Peter 3:16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ubunzima beMibhalo kuthe kwacindezelwa ukungakholwa njengempikiswano yokumelana neBhayibheli; kodwa kuze kube manje ukusuka kulokhu, bamisa ubufakazi obunamandla bokuphefumulelwa okungcwele. Uma ingaqukethe incazelo kaNkulunkulu kodwa lokhu esingakuqonda kalula; uma ubukhulu Bakhe nobukhosi kungaqondwa izingqondo zabafayo, kanjalo iBhayibheli belingeke lithwale ukufaneleka okungenaphutha kwegunya elingcwele. Ubukhosi obukhulu nemfihlakalo yezihloko ezilethwayo kufanele zikhuthaze ukukholwa njengezwi likaNkulunkulu."-*Steps to Christ*, p. 107.

## 3. INGOZI YENHLIZIYO ENGAKHOLWA    Ngolwesibili, Mandulo 15

**a. Ngeyiphi ingozi ekhethekile kumakholwa alezinsuku zokugcina-na? Heberu 3:12; 2 Thimothi 4:3, 4.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Lapho uNkulunkulu ethumela ebantwini izixwayiso ezibalulekile ezilethwa njengezimenyezelwa izingelosi ezindiza emkhathini wezulu, ufuna wonke umuntu onikwe umcabango onamandla ukuqaphela isigijimi. Ukwahlulela okwesabekayo okulethwayo okumelene nokukhonza isilo nomfanekiso waso (Isambulo 14:9-11), kufanele uholele bonke ekuhloleni ngokukhuthala iziprofetho bafunde ukuthi luyini uphawu lwesilo, nokuthi kumele bagweme kanjani ukulamukela. Kodwa abantu abaningi baphendula izindlebe zabo ekulaleleni iqiniso futhi baguqukela ezinganekweni. Umpostoli uPawule uthi, uma ebheka ezinsukwini zokugcina: 'Ngokuba siyeza isikhathi abangayi-kuvuma ngaso isifundiso esiphilileyo.' 2 Thimothi 4:3. Lesikhathi sesifikile ngokuphelele. Abaningi abalifuni iqiniso leBhayibheli, ngoba lithikameza izifiso zokona, inhliziyo ethanda okomhlaba; noSathane ubanikeza izinkohliso abazithandayo."-*The Great Controversy*, pp. 594, 595.

**b. Kuyini okuprofethiwe ngesimo samaxuku amambili ezinsukwini zokugcina-na? Daniyeli 12:10; Isambulo 22:11.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UNkulunkulu uzakuba nabantu emhlabeni abazogcina iBhaybheli, iBhaybheli kuphela, njengesilinganiso sezimfundiso zonke nezisekelo zemvuselelo yonke. Imibono yabantu abafundile, ukuphungula kwesayensi, izimiso noma izinqumo zemihlangano yabafundisi, noma imininigi futhi ingavumelani njengoba enjalo amabandla abawamelayo, izwi labaningi - kungekho okukodwa noma konke lokhu kungabhekwa njengobufakazi noma ukumelana noma yimuphi umcijo wenkolo yokukholwa. Ngaphambi kokwamukela noma ngeyiphi imfundiso noma isifiso, kufaneke sifune okusobala 'Isho njalo iNkosi' ukuliqinisa."-Ibid., p. 595.

"Ukukhanya okusha kuzokwembuleka njalo ezwini likaNkulunkulu kulowo ophila ngokuxhumene neLanga lokuLunga. Makungabikho ofinyelela kwisinqumo sokuthi alikho elinye iqiniso elizokwembulwa. Lowo ofuna ngokukhuthala, nangomkhuleko iqiniso uzothola imisebe yokukhanya eyigugu futhi uzokhazimula ngezwi elivela kuNkulunkulu. Amagugu amaningi ahlakazekile okufanele abuthelwe ndawonye ukuba abeyimfuyo yensali yabantu bakaNkulunkulu. Kodwa ukukhanya akunikezwa kalula ukuba kube amandla ebandla, kodwa ukuba kuhlakazelwe kulabo abase-bumnyameni."-*Counsels on Sabbath School Work,* p. 34.

## 4. IMBANGELA NGEMPELA YOKUNGABAZA **Ngolwesithathu, Mandulo 16**

**a. Singahlukanisa kanjani phakathi kokubalulekile nokuyize-na? 2 Korinte 13:5; Thithu 3:9-11.**

____________________________________________________________________________

"Lapho uNkulunkulu enikeze ubufakazi obulingene bokukholwa, akasoze asusa nanini zonke izaba zokungakholwa. Bonke ababheka izinkintsho noma izipikili zokubophela ukungabaza kwabo bazozithola. Nalabo abenqaba ukwamukela nokulalela izwi likaNkulunkulu kuze kufinyelele lapho lonke izwi lisuswa khona, futhi lingasekho ithuba lokungabaza, angeke bafinyelela ekukhanyeni."-*The Great Controversy,* p. 527.

**b. Yiziphi izibusiso eziyotholwa abathobekile-na? Jakobe 4:6, 10; 1 Peter 5:6, 7.**

____________________________________________________________________________

"'Konke ukuswela kwanikezwa, ukulamba komphefumulo wami kweneliswa; manje iBhayibheli kimi lingukwembulwa kuka-Jesu Kristu. Uyabuza yini ukuthi kungani ngikholwa kuJesu-na? Ngoba kimi unguMsindisi Ongcwele. Kungani ngikholwa yiBhayibheli-na? Ngokuba ngitholile ukuthi liyizwi likaNkulunkulu emphefumulweni wami.' Singaba nobufakazi kithi bokuthi iBhayibheli liqinisile, ukuthi uKristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Siyazi ukuthi ukuthi asilandeli amacebo ezinganekwane ezinobuqili."-*Steps to Christ*, p. 112.

**c. Umpostoli uPawule uchaza kanjani amava okholwayo namuhla nawesikhathi esizayo-na? 1 Korinte 13:12.**

"Kulokhu kuphila singaqala ukuqonda izihloko ezimangalisayo zokuhlengwa. Ngokuqonda kwethu okuphelayo singabona ngobuqotho ubukhulu behlazo nenkazimulo, ukuphila nokufa, ukulunga nomusa, okuhlangana esiphambanweni; nokho ngokwamandla ethu engqondo siyehluleka ukubamba ukubaluleka kwawo ngokugcwele. Ubude nobubanzi, ukujula nokuphakama, kothando oluhlengayo zicatshangwa kalufifi. Icebo lensindiso alisoze laqondwa ngokugcwele ngisho nalapho abahlengwayo bebona njengoba bebonwa futhi bazi njengoba baziwa; kodwa ezikhathini ezingunaphakade iqiniso elisha lizoqhubeka lembuleka ezingqondweni ezimangele nezijabulile kakhulu."-*The Great Controversy,* p. 651.

"Ngokukholwa singabheka emva kwalokhu sibambe isiqiniseko sikaNkulunkulu sokukhula ekuqondeni, ukuqonda komuntu kuhlanganiswa nobungcwele, namandla onke omphefumulo alethwa ngokuqondile ekuxhumaneni noMthombo wokukhanya. Singathokozela ukuthi konke okusidididayo ngokuhlinzekela kukaNkulunkulu kuzokwenziwa kubesobala, izinto ezinzima ukuziqonda sizothola incazelo yazo; lapho izingqondo zethu ezifayo zithola kuphela ukudideka nezinhloso ezonakele, sizobona ukuvumelana okuphelele nokubukeka okukhulu. [1 Korinte 13:12 ngokuphindwa.]"-Ibid., pp. 112, 113.

## 5. INHLOSO KANKULUNKULU NGABANTU BAKHE **Ngolwesine, Mandulo 17**

**a. Iyiphi indlela ephawulekayo iNkosi eyembula izwi layo namuhla njengoba ukuphela kusondela-na? Isambulo 10:2, 6, 7.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Incwadi leyo eyanamatheliswa bekungeyona incwadi yeSambulo, kodwa inxenye yesiprofetho sikaDaniyeli esihlangene nezinsuku zokugcina… (Daniyeli 12:4) Lapho incwadi ivulwa, isimemezelo senziwa, "Akusayikubakho isikhathi." (Bheka Isambulo 10:6.) Incwadi kaDaniyeli manje ivuliwe, futhi isambulo esenziwa uKristu kuJohane kumele sifinyelele kubo bonke abakhile emhlabeni. Ngokwanda kolwazi umuntu kufanele alungiselwe ukuma ezinsukwini zokugcina."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 105.

"Abaningi bathe bathokozela umcabango wokuthi incwadi yeSambulo iyincwadi evaliwe, futhi angeke banikele isikhathi sokufunda izimfihlakalo zayo. Bathi kufanele siqhubeke ukubheka inkazimulo yensindiso, nokuthi izimfihlo ezambulelwa uJohane esiqhingini sasePatmose zifanele ukunakwa kakhulu kunalezi. Kodwa uNkulunkulu akabheki kakhulu lencwadi….

"Incwadi yeSambulo ivulelwe umhlaba lowo obulokhu kukhona, kuyini, nalokhu okuzayo; kuyimfundo yethu labo isiphelo somhlaba sesikile. Kufanele ifundwe ngenhlonipho nokwesaba.

"INkosi uQobo yembulela inceku Yayo uJohane izimfihlo zencwadi yeSambulo, futhi yaceba ukuthi izovulelwa ukufunda kwabo bonke. Kulencwadi kuphawulwa izehlakalo manje ezedlulile, nezinye zentakazelelo engunaphakade ezenzakalayo ngapha nangapha kwethu; ezinye iziprofetho angeke zagcwaliseka ngokuphelele kuze kufike isikhathi sokuphela, lapho impi yokugcina phakathi kwamandla obumnyama neNkosana yezulu zizokwenzeka."-*The SDA Bible Commentary,* [E. G. White Comments] vol. 7, p. 954.

**b. Kuyini amakholwa okufanele akwenze ekuhloleni iMibhalo-na? 2 Thimothi 2:15; Johane 7:17.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Mandulo 18**

1. **Yisiphi isimo okufanele sibe naso ukuze siqonde ukuthi liyini iqiniso-na?**
2. **Chaza ukuthi kungani zonke izinxenye zeMibhalo zingaqondwa ngokugcwele.**
3. **Kungani abaningi bengafuni ukwamukela iqiniso leBhayibheli-na?**
4. **Kuyini okuzotholwa yilabo abafisa ngempela ukungabaza-na?**
5. **Kungani ukuzimisela ukulalela kudingeka ukuze uqonde iqiniso-na?**

# Ukuthokoza ENkosini

**IVESI LEKHANDA: "Kepha njengalokhu ningabahlanganyeli bezinhlupheko zikaKristu, thokozani, ukuze kuthi nasekwambulweni kwenkazimulo yakhe nithokoze, nethabe nokwethaba" (1 Peter 4:13).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* chapter 13, pp. 115-126.

"INkosi izokwenza ukuba amadodana namadodakazi Akhe ajabule, abenokuthula, futhi alalele."-*Steps to Christ,* p. 124.

## 1. ABATHWALI BOKUKHANYA **NgeSonto, Mandulo 20**

**a. Kuziphendulela kuni uJesu akusho kubafundi Bakhe abanakho kulomhlaba-na? Mathewu 5:13-16.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"AmaKrestu amiswe njengabathwali bokukhanya endleleni eqonde ezulwini. Kufanele babonakalise ezweni ukukhanya okukhazimula phezu kwabo kuvela kuKristu. Ukuphila kwabo nesimilo kufanele kubonakale kwabanye abazothola umcabango olungile ngoKristu nangomsebenzi Wakhe."-*Steps to Christ,* p. 115.

**b. Kuyini abakholwayo okufanele babeyikho ebantwini bonke-na? Johane 17:18, 23; 2 Korinte 5:20.**

"Kumntwana Wakhe ngamunye, uJesu uthumela incwadi emhlabeni. Uma ungumlandeli kaKristu, uthumela wena incwadi eya emndenini, edolobheni, emgwaqeni, lapho uhlala khona. UJesu, ehlala kuwe, ulangazela ukukhuluma ezinhliziyweni zalabo abangajwayelene Naye. Hleze abalifundi iBhayibheli, noma abalizwa izwi Lakhe elikhuluma kubo ngamakhasi alo; abaluboni uthando lukaNkulunkulu emisebenzini Yakhe. Kodwa uma ungummela kaKristu ngokweqiniso, kungenzeka ukuthi ngawe bangaholelwa ekuqondeni okuthize ngokulunga Kwakhe futhi bazuzelwe ekumthandeni nasekumkhonzeni."-Ibid., p. 115.

**c. Kungenzeka kanjani ukuphelelisa lomsebenzi-na? 2 Korinte 3:2-5.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

## 2. UKULUNGA KUKA-NKULUNKULU — NgoMsombuluko, Mandulo 21

**a. Yikuphi ukubonakaliswa okuphakeme kakhulu kothando lukaNkulunkulu kubantwana Bakhe-na? Johane 3:16; Roma 5:6-10.**

_______________________________________________________________________________

"Uma kubonakala sengathi singabaza uthando lukaNkulunkulu futhi sisola izithembiso Zakhe siyamhlambalaza futhi sidabukisa uMoya Ongcwele. Umama angazizwa kanjani uma abantwana bakhe bekhononda njalo ngaye, kungathi akacabangi okuhle ngabo, lapho ukuphila kwakhe konke ebeke phambili izintakazelelo zabo nokubanika induduzo-na? Mhlawumbe bangabaza uthando lwakhe; kuzophula inhliziyo yakhe. Kungayiphi indlela noma yimuphi umzali ongazizwa ngayo uma ephathwa ngabantwana bakhe ngalendlela-na? Futhi uBaba wethu osezulwini angasibheka kanjani uma sisola uthando Lwakhe, olwaMholela ukuba anikele ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuze sibe nokuphila-na? Umpostoli uma ebhala uthi, 'Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba-kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo-na? Roma 8:32. Kodwa bangakhi, ngenzenzo zabo, uma kungewona amazwi, abathi, 'INkosi ayisho lokhu kimi. Mhlawumbe uthanda abanye, kodwa mina akangithandi."-*Steps to Christ,* pp. 118, 119.

**b. Kuyini okufakazele ukuthi uNkulunkulu uthanda ukunika abantwana Bakhe zonke izinto-na? Roma 8:32.**

_______________________________________________________________________________

"Wena ozizwa ungafanelekile kakhulu, ungesabi ukubeka indaba yakho kuNkulunkulu. Lapho ezinikela uQobo kuKristu ngenxa yesono somhlaba, wazithwalisa icala lomphefumulo ngamunye. 'Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba-kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo-na?' Roma 8:32. Angeke yini agcwalisa izwi lomusa elinikezwe ukusikhuthaza nokusiqinisa-na?

"UKristu ufisi kakhulu ukuhlenge ifa Lakhe lisuswe embusweni kaSathane."-*Christ's Object Lessons*, p. 174.

**c. Loluthando kufanele lubonakaliswe kanjani kithi-na? 1 Johane 4:9-12.**

"Izisebenzi zikaKristu eziphumelele emizameni yazo kufanele zimazi uKristu; futhi ukuze bamazi Yena, kufanele bazi uthando Lwakhe. Ezulwini ukufaneleka kwabo njengezisebenzi kulinganiswa nekhono labo lokuthanda njengoKristu athanda basebenze futhi njengoba aSebenza.

"'Masingathandi ngezwi nangolimi,' kubhala umpostoli, 'kodwa ngezenzo nangeqiniso.' Ukuphelela kwesimilo soMkrestu kutholakala lapho ukuthathwa yinhliziyo ukusiza nokubusisa abanye kubonakala njalo kuvela ngaphakathi. Ngumoya waloluthando oluzungeza umphefumulo wokholwayo okumenza abe usawoti wokuphila ekuphileni nokwenza uNkulunkulu abusise umsebenzi wakhe."-*The Acts of the Apostles*, p. 551.

## 3. IZILINGO ZIKAKRISTU

**Ngolwesibili, Mandulo 22**

**a. Kuyini okwabonakala ekuphileni kukaKristu emsebenzini Wakhe wokusindisa abantu-na? Isaya 53:10, 7.**

______________________________________________________________________________

"Ukuphila [kuka-Kristu] kwaku-gcwaliswe kaningi ukuzidela. Wayengenakhaya kulomhlaba, ngaphandle komusa wabangane anikezwe bona njengesihambi. Weza ukuba aphile ngenxa yethu ukuphila impilo yabantu abantula kakhulu, futhi wayehamba futhi asebenze phakathi kwabadingayo nabahluphekile. Engabonwa futhi engahlonishwa, wehla enyuka phakathi kwabantu labo aBenzele okukhulu."-*Gospel Workers,* pp. 42, 43.

"Izinyembezi [zeNdodana kaNkulunkulu] bekungezona eZayo, noma beyazi kahle ngakhona izinyawo Zakhe ezibheke khona. Phambi Kwakhe kumi iGetsemane, isehlakalo sosizi Lwakhe oluzayo. Isango lezimvu lalibonakala, lelo iminyaka eyikhulu izilwane zemihlatshelo beziholelwa kulo, okwakufanele livulelwe Yena lapho ezolethwa 'njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni.' Isaya 53:7. Eduze kwakukhona iKhalvari, indawo yokubethelwa. Endleleni uKristu masinyane wayezohamba kuyo kwakuzoletha ukwesaba kobumnyama obukhulu okwakufanele enze umphefumulo Wakhe ube ngumnikelo wesono. Kodwa kwakungafanele ukuba azindle ngalezehlakalo eziletha ithunzi phezu Kwakhe kuhora lokujabula. Kungekho ukufukamela Kwakhe ngaphezu kobuhlungu babantu okufiphaza umoya wokuzidela. Wakhalela ukuchithwa kweJerusalema-ngenxa yobumpumputhe nokungadabukeli ukona kwalabo afikela ukubabusisa nokubasindisa."-*The Great Controversy,* p. 18.

**b. Ekuhluphekeni Kwakhe nasekulingweni, kuyini okwanikeza uJesu isibindi sokuphelelisa umsebenzi Wakhe-na? Isaya 53:11; Heberu 12:2.**

______________________________________________________________________________

"Umphumela wokulwa koMsindisi namandla obumnyama kuyinjabulo yabahlengiwe, ukubuyisela inkazimulo kaNkulunkulu ephakadeni nasezindaweni zonke. Futhi ukubaluleka komphefumulo lokhu uBaba enelisekile inani elikhokhiwe; noKristu uQobo, ebheka izithelo zomhlatshelo Wakhe omkhulu, futhi enelisekile."-Ibid., p. 652.

"Kaningi kuthiwa uJesu wakhala izinyembezi, kodwa lokhu kokuthi akazange aziwe njengomomothekayo. UMsindisi Wethu ubenguMuntu woSizi ngempela, futhi ejwayelene nosizi, ngoba wayevulela inhliziyo Yakhe kuzozonke izimpi zabantu. Kodwa noma ukuphila Kwakhe bekungukuzidela futhi kufiphazwe ubuhlungu kanye nokunaka, umoya Wakhe awuzange uchofozeke. Ubuso Bakhe abuzange bembathe usizi noma ukuphindisela, kodwa babunokuthula njalo nokucweba. Inhliziyo Yakhe ibingumthombo wokuphila, noma kukuphi lapho ehamba khona wayethwala ukuphumula nokuthula, ukuthokoza nenjabulo."-*Steps to Christ,* p. 120.

## 4. THOKOZA PHAKATHI KWEZILINGO

**Ngolwesithathu, Mandulo 23**

**a. Lapho isilingo sibhekene nokholwayo, kuyini okwanikeza ukuze anqobe lempi yesimoya-na? Efesu 6:11-18.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Sonke siyahlolwa; usizi olunzima ukuluthwala, izilingo okunzima ukumelana nazo. Ungatsheli umuntu ofayo ukukhathazeka kwakho, kodwa kuyise konke kuNkulunkulu ngomkhuleko. Yenza kube ngumthetho ukuthi ungakhulumi nelilodwa izwi lokungabaza nokudumala. Ungenza okukhulu ukukhanyisa ukuphila kwabanye nokukhuthaza imizamo yabo, ngamazwi ethemba nokwenama okungcwele."-*Steps to Christ,* p. 26.

**b. Kungani abaningi bengabaza phakathi kokukholwa nokungabaza lapho belingwa noma bevivinywa-na? Kufanele benzeni-na? Mathewu 14:28-31; Jakobe 1:2.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Kukhona imiphefumulo enesibindi kaningi ecindezelwe kabuhlungu yisilingo, elindele ukuquleka empini kamina nasemandleni omubi. Ungadangalisi lowo oshikashikeka kanzima. Mthokozise ngesibindi, khuluma amazwi anethemba azomgqugquzela endleleni yakhe. Kanjalo ukukhanya kukaKristu kungakhazimula kuwe. 'Ngokuba akakho phakathi kwethu oziphilela yena.' Roma 14:7. Ngomfutho wethu ngabomu sikhuthaza abanye futhi sibaqinise, noma sibadangalise, noma baxoshwe kuKristu naseqinisweni.

"Kukhona abaningi abanomcabango ophambukile wokuphila nesimilo sikaKristu. Bacabanga ukuthi wayentula imfudumalo nenjabulo, ukuthi wayelukhuni, eqinile, enosizi. Ezikhathini eziningi amava ezenkolo anikezwa amabala yilabo ababheka ngombono ofiphele."-Ibid., p. 120.

**c. Injani indlela yabalungileyo naphakathi kwesilingo-na? Izaga 4:18; Filiphi 4:4.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Indlela ingabanzima futhi ibe-ngummango owenyukelayo; kungabakhona amagebe esandleni sokudla nasesandleni sokhohlo; kungafanela sibekezelele umsebenzi ohambweni lwethu; uma sikhathele, uma silangazela ukuphumula, kufanela ukuba siqhubeke sisebenze; uma sikhathele, kufanelela ukuba silwe; uma sidangele, kufanele sibe nethemba; kodwa ngoKristu ongomholi wethu angeke sihluleke ukufinyelela enqabeni elangazelwayo ekugcineni. UKristu uQobo wayihamba indlela emaholo phambi kwethu futhi wayenza yaba bushelelezi enzela izinyawo zethu.

"Futhi yonke indlela enyukelayo eholela ekuphileni okuphakade iyimithombo yenjabulo yokuqabula okhathele."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* p. 140.

## 5. UMVUZO WETHU NENJABULO — Ngolwesine, Mandulo 24

**a. Yisiphi isithembiso sikaJesu okufanele sisinikeze isizathu sokujabula nokudumisa uBaba wethu osezulwini-na? Isaya 41:10; Luka 12:32; 1 Peter 4:13.**

"Akuyona intando kaNkulunkulu ukuthi abantu Bakhe bangabhekelwa phansi ngokuxwaywa. Kodwa iNkosi yethu ayisikhohlisi. Ayithi kithi, 'Ungesabi; azikho izingozi endleleni yakho.' Iyazi ukuthi kukhona izilingo nezingozi, futhi isiphatha ngokucwebile. INkosi ayihlosi ukusisusa ezweni lesono nobubi, kodwa isikhomba kwisiphephelo esingahluleki."-*Steps to Christ,* pp. 122, 123.

**b. Yisho ezinye izithembiso ezimangalisayo zokuthula nenjabulo uJesu azinikezayo. Johane 14:1-3, 27; 15:11; 16:20.**

"Asikwazi kuphela ukubukela phambili ukudideka okusha nokulwa okuzayo, kodwa singabheka okudlule ngokufanayo nalokhu okuzayo, futhi masithi, 'Kuze kube manje uJehova usisizile.' 'Nanjengezinsuku zakho obanjalo amandla akho.' Duteronomi 33:25. Izilingo angeke zidlule amandla esizonikezwa ukuzithwala. Ngakho-ke masithathe umsebenzi wethu lapho siwuthole khona, sikholwe ukuthi noma yini esizohlangana nayo, amandla alinganiselwe isilingo esinikezwa sona.

"Futhi ingabe amasango ezulu azovulwa ukwamukela abantwana bakaNkulunkulu, futhi ezindebeni zeNkosi yenkazimulo ukuvuma kuzowela ezindlebeni zabo njengomculo onamandla, 'Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.' Mathewu 25:34.

"Ngombono wefa elikhazimulayo elizoba ngelakhe, 'Ingabe uyakukhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe-na? Mathewu 16:26….Umphefumulo ohlengiwe wahlanzwa esonweni, ngamandla onke athobekile anikelwa emsebenzini kaNkulunkulu, adlula ukubaluleka; futhi kukhona injabulo ezulwini phambi kukaNkulunkulu nezingelosi ezingcwele ngomphefumulo owodwa osindiswayo, injabulo igcizelelwa ngezingoma zokunqoba okungcwele."-Ibid., pp. 125, 126.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mandulo 25

1. **Kungayiphi indlela bonke-ngisho nalabo abangenalwazi lweBhayibheli-kungafinyelelwa kubo ngeqiniso-na?**
2. **Kungayiphi indlela iNkosi ebonakalisa uthando Lwayo olungenamkhawulo maqondana nabantu-na?**
3. **Wawuyini umthombo kaJesu wesiqiniseko lapho ebhekene nokuhlupheka nokufa Kwakhe-na?**
4. **Malungiseleo mani okufanele siwakhumbule uma sibhekene nezilingo-na?**
5. **Ekuphileni kwansuku zonke, kuyini okufanele kuhlale engqondweni yokholwayo-na?**